# UBHAQA

## IHLELWE KABUSHA

NGU
DAWOOD G. NGWANE

ISAKAZWA

Yi – Islamic Propagation Centre International
124 Queen Street
P.O. Box 2439
DURBAN
4000

# FOREWORD

On the blessed night of 28th Ramadaan 1430 corresponding with 17th September 2009, I received a frantic call from Mahomed Khan, the IPCI's Liaison Officer, requesting me to urgently go to Uncle Dawood Ngwane's house. Mrs Ayesha Ngwane had just called him telling him that Uncle Dawood was "not breathing".

I rushed with my wife, Hajra to Uncle Dawood's house. He was unresponsive and his passing away was confirmed by the paramedics who arrived a few minutes later.
Uncle Dawood had requested the IPCI to obtain a quote for this very edition of Ubhaqa. It was delivered to him at his home on the afternoon of 17th September 2009. He passed away on the same night.

Uncle Dawood was buried the following day at the Westville Soofi Musjid after Jummah Salaah. The Musjid and its adjoining courtyard was packed to capacity as people from all walks of life (his business partners, captains of industry, politicians, religious leaders, representatives of the legal fraternity, family and friends) came to pay tribute to this great Servant of Allah. In his Jummah lecture, Imam Fuzail Soofi, welcomed the various community leaders and paid a moving tribute to Uncle Dawood who regularly prayed at this Musjid.

After embracing Islam, Uncle Dawood wholeheartedly entered Islam, he went on Hajj, performed Ummrah, delivered lectures at Universities and schools and was proud of being a Muslim till the day he passed away.
At the launch of Ubhaqa in 2002 at the Orient Hall, with His Majesty King Goodwill Zwellitini as guest of honor, Uncle Dawood said:


***"Even if I remained a "Mr Nobody" I would have been satisfied to be an ordinary Muslim, for my becoming a Muslim was not based on***

***anything but my conviction that Islam is the only religion that is able to give one guidance towards happiness in this world and in the hereafter....Islam is the only religion which has the capacity to extricate us from our misery in this country and indeed in the whole world".***

Uncle Dawood through his writing and speeches had become the "UBHAQA" the instrument of light in helping people to find the true light – Islam.
I have to thank Sister Ayesha Ngwane for her co-operation and assistance provided to the IPCI. Mahomed Khan, the IPCI Liaison Officer, has played a major role in facilitating the publication of this book.

All praise and thanks is due to Almighty Allah.

**Ahmed Saeed Moola**
**on behalf of the IPCI Trust Board**
**8 February 2010**



KING Goodwill Zweletini and author Dawood Ngwane share a joke at the launch of Ngwane's new book
*Picture: SHERELEE CLARKE*

# Author urges king to embrace Islam

**FARHANA ISMAIL**

WESTVILLE attorney Dawood Ngwana, who launched his book *Ubhaqa* (The Light) this week, is determined to convert King Goodwill Zwelethini to Islam.

King Zwelethini was a special guest for the launch of the 72-year-old author's book on Friday night, and the brazen author prompted the king to become a Muslim.

*Ubhaqa*, written in Zulu, focuses on the reasons why Ngwana changed religions.

A practising Christian until 1996, Ngwana, father of Lindiwe Hendricks, national deputy minister of Trade and Industry, said that his family had supported his decision to change faiths and he had not tried to influence them to join his new religion.

"His majesty is the king of a great nation, a nation that will benefit spiritually, morally and physically by leaning towards Islam and embracing it as a way of life," he said to applause from an audience comprising, in the main, black Muslims.

Using his father's links with the king, Ngwana was able to secure him as a special guest.

Mr Don Mattera, poet and journalist, was also with the king at the function, as were several influential businessmen and politicians.

Convinced of his influence in the community and political circles, a relaxed Ngwana told the Tribune: "I am a Zulu Muslim and I know that in order to have an impact on other Zulus, the king's presence will send a message.

"I took almost 18 months wrestling with the issues about Islam. I wanted to be convinced and not just declare the faith. It will take time."

Before attending the book launch, Zwelethini officially opened the As-Salaan Education Institute in Braemar, on the South Coast.

The Weekly GAZETTE

Tabloid Newspapers

Tel: 031 581 1800 Fax: 031 563 4168

e-mail: production@tabloidmedia.co.za - Issue No.: 512 - 08 October 2009

# Islamic stalwart dies




Dawood Ngwane

**Trustee, Past Amir of IPCI and Chairman of African Muslim League, Dawood Ngwane, died on Thursday, 17 September 2009.**

Ngawane believed in continuous learning. He started work as a labourer and also loaded trucks with goods.

He completed his matric in his 30's and thereafter studied towards a BA degree. He also obtained a master degree in law. While in his 50's he qualified as an Attorney and opened his practice. He addressed many gatherings at Universities, conducted public lectures in various town and cities in South Africa.

In his journey to Islam from his youth, he played a major role in the Catholic Church and was the Chairman of Family Life Committee of MarianHill Ministry. When his son left home he was clearing up and came across the book, Cruci-fiction or Cruci - Fixion by Ahmed Deedat and went to challenge Ahmed on the Concept of Trinity.

Following a meeting and researching Islam with Deedat Ngwane embraced Islam and invited all his children to follow suit.

On Tuesday, 15 September he was discharged from hospital and called the IPCI for a quotation on a revised edition of his book. He is the author of both Zulu and English versions of Ubhaqa (the instrument of Light). Through his writings many became Muslims.

Never afraid to do Dawah work he met King Goodwill Zweletini on several occasions and invited him to Islam. He also met Zweli Mkhize, Premier of Kwazulu Natal.

# ISANDULELO

Isikhathi eside sempilo yami bengihlezi ebumnyameni; bengihlezi ngikhululekile ngoba ngingakwazi ukukhanya ngakho ke ngingaboni ukuthi ngisebumnyameni.

Ngiyambonga usimakade owakhanyisa ubhaqa phambi kobuso bami ngabona ukukhanya. Yilolubhaqa engifisa ukulukhanyisa phambi kwakho ukuze nawe ubone ukukhanya.

Inkolo ngokwejwayelekile umuntu uyithola kubazali bakhe.

Ngenxa yokuthi umuntu ukhula ekholwa yilokho abazali bakhe abakholwa yikho akubi lula ukuthi uma esekhulile ayihlole into ekholwa yiyo ukuthi ikhona noma ayikho na?

Awubheke ngoba ngisho ababekhonza izithombe kwelase Arabia balwa impi enkulu bephikisana nezintshumayelo ezithi mabayeke ukukhonza izithombe bakhonze uMvelinqangi owadala izulu nomhlaba ngoba bethi abanakwehlukana nenkolo yoyisemkhulu.

Lelibhukwana lingumzamo wami wokukhanyisela labo abayolifunda ngenjongo yokuthola ulwazi, hhayi ngenjongo yokuphikisa okubhalwe kulo.

Angisho ukuthi umuntu olifundayo akanalungelo lokukuphikisa engikushoyo kodwa ngisho ukuthi uma ulifunda ngenjongo yokuphikisa okushiwoyo ngeke libe ukukhanya kuwe. Kulungile ukuphikisa ngoba ufuna incazelo, ngoba uma ulifunda zikhona izinto oyofisa ukuthola incazelo yazo, futhi zikhona ongeke izivume ngaphandle kókuthola incazelo ngazo.

Kuyisifiso sami ukuba inkosi uSimakade akukhanyisele lolobhaqa angikhanyisela lona, ngakubona ukukhanya. Insha - Allah

**Dawood Ngwane**
**7th FEBRUARY 2002**

# ISETHULO

UDawood Ngwane umbhali walencwadi ebalulekile eqanjwe igama elithi **"UBHAQA"** waphendukela enkolweni ye –Islam ngenkathi iminyaka yakhe yobudala isifike ezingeni lapho abaningi abafinyelela kuyo basuke sebayeka ukwenza izinguquko ezibalulekile empilweni yabo.

Kepha lombhali; iningi lethu elimbiza ngehlonipho ngokuthi "Ubaba uDawood" ungumuntu oyisimanga; osedale ukuba ukungena kwakhe enkolweni ye-Islam kube yinselelo kwabaningi ikakhulu kulabo bethu abakhuliswa emakhaya ama Muslim.

UDawood unetshisekelo engandile nge-Islam, intshisekelo yakhe uyithelela bonke athintana nabo; kuye i-Islam iyindlela yokuphila; inqubo yayo uyithola ihambisana namasiko amaningi esizulu namasiko esintu jikelele.

Lencwadi uyibhale ngolimi lwesiZulu ukuze kuncele kuyo amaZulu nalabo abakhuluma ulimi lwesizulu; uqonde ukuba ifinyelele eningini labantu acabanga ukuthi bayadinga ukuphakelwa lolulwazi olusemqoka empilweni yomuntu wonke.

I-Islamic Propagation Centre iyakuthakasela kakhulu ukusondelana nomuntu ofana noBaba uDawood Ngwane nokuthola ithuba lokuba kube iyona ezobhekana nokushicilelwa nokusakazwa kwalencwadi.

Siyaziqhenya ukusho ukuthi uDawood Ngwane uvumile ukwamukela isikhundla akhethelwe sona sokuba ngomunye wabaphathi be IPCI; sinenhlanhla ukuthola umuntu ofana naye ukuba abe ngomunye wabaphathi balenhlangano.

UDawood Ngwane nomdeni wakhe sibafisela yonke impumelelo, ukunethezeka noxolo nentokozo Insha Allah.

**Fuad Hendricks**
**UMQONDISI**

# NGOMBHALI

Umbhali walencwadi wazalwa ngomhlaka 30th March 1930 endaweni yakwa Maphumulo esigodini sase Mthandeni.

Wayezalwa nguBafana Augustine Joseph Ngwane no Nonkomfe waseMadungeni ababengamakholwa asemaRomeni.

Wakhula waqeda iminyaka eyisishiyagalombili engakaze aye esikholeni ngenxa yokuthi kwakungekho sikole endaweni yaseMthandeni. Waqala ukufunda eneminyaka eyisishiyagalolunye wafunda esikoleni sasemaRomeni eSaint Philomena esasakhiwe endaweni yase Sithundu kwaMaphumulo.

Ngenxa yokuba kude kwesikole wayefunda ehlala khona. Waqala ukukhonza elathini eneminyaka elishumi.

Wayezalwa ngabantu abampofu kakhulu, uyise engumuntu ongenayo impilo enhle esebenza isikhashana esincane ahlale phansi ngenxa yokungaphili; umuntu owayephethe umuzi kwakungunina, owayebaphilisa ngokweluka nokudayisa obhasikidi namacansi nomata baphansi; alime athengise izitshalo zasengadini.

Wakhula kanzima eswele ngisho isicathulo; isicathulo sakhe sokuqala wazithengela yena esesebenza wakhula ekhulela phakathi kwenkolo; unina engumuntu ongaphuthi esontweni phezu kokuba isonto lalikude.

Umuzi wakubo wathutha kwaMaphumulo wathuthela eMawoti, eNanda lapho eneminyaka elishumi nomuvo.

Ngenxa yokuthi isikole saseMawoti kwakuyisikole sikahulumeni esingafundisi imfundiso yasemaRomeni abazali bakhe kabathandanga ukuba afunde kuleso sikole, bamthumela esikoleni

sase Saint Michael esasiseRed Hill lapho wayevuka aye khona zonke izinsuku ehamba ngesitimela. Ayengekho amabhasi lawa nezithuthi esezikhona namhlanje.

Umuntu wayesuka eMawoti ayokhwela isitimela esiteshini sasePhoenix ehamba ngezinyawo.

Wayevuka ebusuku kusemnyama enqamula ezimobeni eya esiteshini sasePhoenix ukuze athole isitimela esasidlula ePhoenix ngo 5:30 ekuseni okuyisona esasimfikisa ngesikhathi esikoleni. Nazo izitimela zaziyindlala ngoba esilandela leso sasize sedlule ngo 8:45.

Ngasemva kwalokhu wayofunda esikoleni sasemaRomeni esasiseNewlands eSaint Anthonys. Kwathi ngonyaka ka 1945 wacindezelwa yisimo ukuba asishiye lesikole ayofunda ngokokuqala esikoleni okungesona esasemaRomeni wafunda eduze nasekhaya esikoleni saseMawoti. Ngalenkathi wayephase uStandard 5, wangena eMawoti ezofunda uStandard 6.

Kungalowonyaka okwashona ngawo unina ngoJuly walowonyaka kwasekusweleka ukuba aphume esikoleni.

Ngisho noma eseshonile unina waba ngumuntu ongaphuthi esontweni, waba ngumphathi wenhlangano yentsha eSaint Pauls Greyville, futhi eculisa ikwaya. Waphinda futhi waculisa ikwaya yaseSaint James eLamontville lapho wayakhe khona.

Ngonyaka ka1965 wathuthela eMlazi lapho afika waba yilungu esontweni lase Saint Alphonse. Ngonyaka ka 1989 waba ngumphathisihlalo enhlanganweni yabomndeni nekhaya kusifundabhishobhi saseMariannhill. Ngaphansi koMbhishobhi waseMariannhill. Ngonyaka olandelayo wakhethelwa ukuba ngomunye wabaphathi besibhedlela iSaint Marys Hospital eMariannhill.

Njengoba wayefunde wagcina kuStandard 5 wasebenza ezindaweni eziningi enza umsebenzi wamandla. Wazifundisa kanzima efunda ngasese akhanyise ikhandlela kuze kube phakathi kwamabili efunda. Umphumela walokho kwaba ukuthola kwakhe iziqu ze B. luris ne LL.B eUniversity yase South Africa kamuva wabuye wathola iziqu ze LL.M.

Waqala ukuba nguMmeli eneminyaka engama 56 yobudala ngokusungula inkampani yabameli kwaNgwane & Ngwane eyisungula nendodakazi yakhe uLindiwe owaqeda kanye naye iziqu ze LL.B.

Ngenkathi ethatha isikhundla sokuba ngumphathi sihlalo enhlanganweni yabomndeni nekhaya nangenkathi eba ngomunye wabaphathi besibhedlela esikhulu iSaint Marys Hospital wayeseluqweqwe loMmeli wayesezibambela yedwa ngoba uLindiwe wayesevule amahhovisi akhe endaweni yase East London.

Ngaso sonke isikhathi sokukhula yayimhlupha indaba yokuthi uNkulunkulu unendodana eyafela izono zabantu onqamlezweni.

Okuyikhona kwakumhlupha kwakuyimibuzo efana nokuthi:-

Njengoba kuthiwa uyise nendodana bayalingana, kuthiwa uyise nendodana babevele bekhona akekho owabakhona ngaphambi komunye pho omunye unguyise womunye kanjani?

Kuthiwa babevele bekhona bobabili kodwa kubuye kuthiwe omunye uyindodana ezelwe yodwa; kuqondweni kanti ngokuthi uzelwe?

Lemibuzo wayibuza kubaphathi nabaholi benkolo kepha sonke isikhathi wathola impendulo engagculisi ethi "lokhu kuyimfihlo kaNkulunkulu"

Yilokhu okwamholela ekufundeni izincwadi nasekufundisiseni ibhayibheli; inkosi yomusa yaze yamkhanyisela iqiniso.

Emva kokufundisisa nokucwaninga okunzulu wavalelisa esontweni lasemaRomeni, wahoxa ekubeni ngumphathi sihlalo wabomndeni nekhaya nasekubeni ngomunye wabaphathi besibhedlela saseMariannhill wamukela inkolo ye Islam waba yiMuslim (noma yisulumane) ngo September 1995.

Uma echaza uthi ngenkathi efundisisa ibhayibheli nezinye izincwadi wayengazi lutho ngenkolo yeIslam ngoba kwakuyinkolo angayinaki nokuyinaka ngoba ecabanga ukuthi yinkolo yamaNdiya. Waqala ukufundisisa ngalenkolo emva kokufunda incwadi eyayichaza ngokusungulwa kwayo; kwamcacela kahle ukuthi lo Muhammed ongumsunguli walenkolo nguye lo okukhulunywa ngaye ebhayibheleni kuDeutoronomy 18 evesini lama 18.

# ISINGENISO

Egameni lika Simakade Oyinkosi Yomusa Nothando.

Ngethula kini lencwadi ukuba ibe ukukhanya; inikhanyisele ukuze nibe nokuqonda, isuse kini izimfundiso zeminyaka insha - Allah ukuze nikhonze uSimakade owadala izulu nomhlaba okunguye yedwa ofanele ukukhonzwa nokudunyiswa.

**UMkhulukhulu wakhuluma lamazwi wathi:**

> "Mina ngiyinkosi Umkhulukhulu wakho;
>
> Ungabi nabanye Omkhulukhulu ngaphandle kwami;
>
> Ungazenzeli sithombe namfanekiso walutho olusezulwini phezulu;
>
> noma emhlabeni phansi noma olusemanzini ngaphansi komhlaba.
>
> Ungakhothami phambi kwazo noma uzikhonze"

***(Exodus 20-1)***

Igama elithi Nkulunkulu lathathelwa egameni elithi Mkhulukhulu, okuyigama okhokho bethu ababebiza ngalo Umdali wabo.

Babethi indalo yonke ngeka Mvelinqangi owadabuka ohlangeni,

UMkhulukhulu wawo khokho bethu, kazalwanga yena, futhi kazali, akukho lutho olufana naye.

Kulelibhukwana ngizosebenzisa lona igama lika Mvelinqangi elithi unguMkhulukhulu endaweni kaNkulunkulu.

Lamazwi engiwabekė ekuqaleni angamazwi aziwa ngumuntu wonke okholwayo, kodwa kukhona umehluko phakathi kokwazi nokuqonda. Ungawazi lamazwi ngoba wawezwa eshiwo noma efundwa noma wena uqobo wawafunda kodwa udlule ungawaqondi, ingqondo yakho ingayitholi ingqikithi nomongo walamazwi.

Ngisho lokhu ngoba iningi labantu abazibiza ngamakholwa banezithixwana zabo ezinhlobonhlobo.

Abanye bazilengisa ezintanyeni zabo abanye ezindongeni zemizi yabo abanye emasontweni abo. Bonke bayokutshela ukuthi kabazikhonzi lezizinto abazilengisile nabazibeke emasontweni abaguqa phambi kwazo – Abanye bayokutshela ukuthi "Cha yisithombe nje engisibekele ukuba singikhumbuze kangisikhonzi, noma isiphambano singikhumbuza ngomfeli wami."

Lamazwi kaMkhulukhulu engivule ngawo aqukethe ingqikithi nomongo wenkolo; ngobake sonke thina esikholwayo siyaye sithi munye UMkhulukhulu esikholwa kuye, ngakhoke lamazwi awashoyo uwabhekise kumuntu wonke okholwayo nongakholwa; besekuya ngokuthi ngokwenkolo yakho ungubani yena UMkhulukhulu.

Okhokho bethu babethi UnguMvelinqangi owadabuka ohlangeni; bethi kazali yena futhi kazalwanga,zonke izinto zadalwa nguye. Lenkolelo yawokhokho bethu ifana ncamashi nenkolelo yamaMuslim.

UMprofethe uMuhammed (ukuthula kube kuye) ebuzwa ngamaJuda eMadina ngoMkhulukhulu amaJuda ethi kuye "akusichazele wena oyisithunywa sika ALLAH; usitshela ukuthi unjani; ufana nomuntu noma ufana nani? UMprofethe wabe esembulelwa lamazwi:

**QUL HU WALA HU AHAD ALLA HU SAMAD**
**LAM YALID WALAM YULAD**
**WALAN YA KULLA HU KUFUWAN AHAD**

*"Yithi (wena MPROFETHI U.M.K) u-Allah munye; uAllah ungunaphakade; kazali yena futhi kazalwanga akukho lutho olungafaniswa naye"*

Lamazwi ungathi ayekhulunywa ngumZulu wasemandulo, ayefana ncamashi namazwi ababewasho okhokho bethu, ngaphandle kokuthi Umkhulukhulu ngolimi lwesi – Arab ubizwa ngokuthi ALLAH.

Inkolo yethu siyamukela kubazali bethu. Bayingcosane abantu

okuthi umasebekhulile bacabange bajule ngenkolo.

Lokho abazali bethu abakukholwayo noma ababekholwa yikho nathi sikholwa yikho. Uma abazali bethu babekholwa yize nathi siyokholwa yize futhi ngeke sibone ukuthi sikholwa yize ngoba inkolo umuntu ayithole kubazali bakhe iyagxila enhliziyweni ngisho noma zikhona izinto ezimexwayisayo abambelele ngoba inkolo yakhe yafakwa kuye kusukela ebunganeni bakhe yagxila. Ngisho ize liyagxila enhliziyweni yomuntu, libe nezisekelwana zalo eziyize; okholelwa kuleloze abambelele kulezo zisekelwana eziyize ngoba kuyinkolo akhuliswe ngayo.

Lelibhukwana ngilibhale emva kokufunda okunzulu ngiqonde ngalo ukucacisela abafundi balo ngenkolo nokuba ngicacisele labo abafisa ukuthola ulwazi ngenkolo ye – Islam (inkolo yamaSulumane), okuyinkolo abaningi kulelizwe abacabanga ukuthi iyinkolo yamaNdiya.

Ekubhaleni lelibhukwana ngicaphune encwadini yesingisi eyabhalwa ngu Ahmed Deedat ebizwa ngokuthi **"CHOICE".** Lelibhukwana kalisiso isihumusho salencwadi kodwa ingqikithi yenkulumo isukela kulencwadi ka Ahmed Deedat.

Nawe-ke ngizokuphakela ngolwazi ukuze ngikunike ithuba lokuzikhethela njengoba lisho igama lencwadi, uyeke ukubambelela ezeni.

**Dawood Ngwane**
**17 Severn Drive**
**WESTVILLE**
**DURBAN**

"Ngiyobavusela uMprofethe ofana nawe phakathi kwabafowabo. Ngiyofaka amazwi ami emlonyeni wakhe, uyokhuluma nabo konke engiyomyala ngakho" ***Deuteronomy 18:18***

Zintathu izimpawu azibekile uMkhulukhulu esiyombona ngazo lomProfethi akhuluma ngaye kuMoses.

## UPHAWU LOKUQALA

## "NGIYOBAVUSELA UMPROFETHI OFANA NAWE (MOSES)'

Uphawu lokuqala yilolu, lowo Mprofethi kumele abe nguMprofethi ofana noMoses.

Bonke abantu esengake ngababuza ukuthi ngubani lowo Mprofethi okukhulunywa ngaye lapha baphendula bathi "NguJesu".

UJesu (ukuthula kube kuye) unguMprofethi noma uyindondana kaNkulunkulu, noma uyikho kokubili?

Ake sibheke ukuthi uJesu uyafana yini noMoses.

UMoses waye ngumJuda noJesu waye ngumJuda kodwa baningi abanye abaProfethi ngemuva kukaMoses ababengamaJuda njengo Isiah, uJeremiah, uEzekiel, nabanye.

Ngakhoke ukuthi wayengumJuda akumenzi afane noMoses.

Eqinịsweni kuningi okukhombisa ukuthi uJesu kafani noMoses nhlobo njengokuthi nje:-

1. Ngokwalabo abazibiza ngama Krestu, uJesu ungu "Nkulunkulu" noma "indodana kaNkulunkulu" kodwa uMoses kabizwa ngo"Nkulunkulu".

2. Ngokwama Krestu uJesu wabethelwa esiphambanweni efela izono zabo kodwa uMoses kazange afele zono zamuntu.

3. Ngokwama Krestu uJesu wavuka kwabafileyo kodwa uMoses akazange avuke emangcwabeni.

Lezizinto engizibala ngenhla akuzona izinto ezisemqoka, yizinto – nje ezisobala ezingacatshangwa nayingane.

Akesibheke manje izinto ezisemqoka okuyizona ezikhombisa ngokusobala ukuthi kungeze kwaba nguJesu loMPROFETHI okukhulunywa ngaye, ngaso lesosikhathi futhi sikhombise ukuthi ngubani lo Mprofethi **OFANA NOMOSES**

## 1. UKUZALWA KWAKHE

UMoses wazalwa nguyise nonina ababeyizigqila ezweni lase Gibhithe

UJesu wazalwa ngunina njengokusho kweNgelosi engazange ahlangane nandoda.

"UMariya esemiselwe uJOSEFA bengakahlangani wafunyanwa ekhulelwe................."

***(MATTHEW 1:18)***

ULuke yena uchaza ngisho nokuthi lokhu kuyokwenzeka kanjani uthi "UMariya wathi engelosini: Lokhu kuyokwenzeka kanjani njengoba ngingayazi indoda na?

Ingelosi yaphendula yathi kuye "Umoya Ongcwele uzakuza **PHEZU KWAKHO**, amandla ophezukonke **AKUSIBEKELE......"** ***(Luke 1-35)***

IKhuran engcwele yona ibeka ngalamazwi ithi (wathi uMaria) "Nkosi yami, kuyokwenzeka kanjani ukuba ngizale indodana lokhu angikaze ngithintwe yindoda", Ingelosi yaphendula yathi "Noma kunjalo; u-Allah udala lokho akudalayo ngendlela yakhe uthi nje kuphela akwenzeke bese kuyenzeka ***(IKHURAN Engcwele 3.46).***

Akuswelekile ukuba kuze kubekhona into noma umoya ozokwehlela **PHEZU** kwakhe noma kube khona **UKUSIBEKELWA** okuthize ngaphambi kokuba kugcwaliseke intando kaMkhulukhulu.

Thina maMuslim siyakholwa ukuzalwa kukaJesu (ukuthula kube

kuye) ngendlela eyisimangaliso ngoba UMkhulukhulu uqobo lwakhe uyasitshela ngalokuzalwa okuyisimangaliso encwadini iKhuran eyingcwele njengoba sengichazile.

Kodwa siyazehlukanisa nalabo abathi ukuze akhulelwe uMariya kwasweleka ukuba uMoya oyingcwele wehlele phezu kwakhe ngoba lokhu kuyinhlamba. Labo abathi uMoya ongcwele ungumzimeli wesithathu onguNkulunkulu basho ukuthi uMariya wahlangana noNkulunkulu ukuze akhulelwe.

"Umoya ongcwele uyokusibekela" Njengoba kwenza izidalwa zika Mkhulukhulu ngakho-ke uJesu (ukuthula makube kuye) kafani noMoses.

## UPROFETHI OFANA NOMOSES

Wazalwa ezweni lase Arabia edolobheni laseMakka kunguMsombuluko ngomhla 12 ku Rabi-Ul-Awwal ngonyaka wendlovu ezalwa nguyise Nonina.

UMprofethi uMuhammad (ukuthula kube kuye) ufana noMoses ngokokuzalwa

## 2. UMNDENI

UMoses waganwa nguZipporah indodakazi ka Jethro wazala abantwana

Umuhammad (ukuthula kube kuye) waganwa nguKhadija, owesifazane owayecebile bazala abantwana.

*(Exodus 2:21,22)*

UJesu kodwa kazange aganwe, kazange abe nabantwana UMprofethi uMuhammad waganwa nguKhadija wazala abantwana ngakho-ke uMuhammad uyafana noMoses (ukuthula makube kubo)

## 3. UMPROFETHI OVUNYWAYO

UMoses wemukelwa njengoMprofethi yisizwe sakwa Israel kanjalo noMuhammad wamukelwa njengoMprofethi yisizwe sama Arab.

UJesu kodwa samphika isizwe samaJuda kwaze kwaba sekugcineni; kuze kube namhla bayamphika "Weza kwabakhe, kodwa abakhe kabamamukelanga"

***(John 1:11)***

Ngakho-ke uJesu kafani noMoses kodwa uMohammad uyafana noMoses.

Abazi umlando bazobuza ngezimpi ezalwa nguMprofethi uMuhammad (UKK) eMakka.

Kuliqiniso ukuthi uMoses babemphendukela abantu bakhe ngezikhathi ezahlukene kodwa isizwe sonke sakwa Israel samamukela uMoses njengesithunywa sikaMkhulukhulu.

Nama – Arab ngokufanayo amxakazisa uMuhammad (ukuthula kube kuye) ngasekuqaleni kobuProfethi bakhe. Emva kweminyaka elishumi nantathu eshumayela edolobheni lase Makka kwafika isikhathi abaleka ngaso wabalekela eMadina. Kodwa kwendlula lokho wagcina esamukelwa njengesithunywa sika Allah ezweni lonke lase Arabia.

## 4. AMANDLA OKUMISA IMITHETHO

Ngaphandle kokuba ngabaProfethi, UMoses noMuhammad babe namandla obukhosi. Bobabili kabazange babekwe ezikhundleni zobukhosi kodwa bobabili babenamandla okukhipha isinqumo sokuthi umuntu kabulawe kubeselimshonele njalo lowo okuthiwe kabulawe.

Uma ubheka ibhayibheleni lakho ku***Numeri 15:32*** uzothola indaba yomuntu owatholakala etheza izinkuni ngosuku

lweSabatha. UMoses wathi makakhandwe ngamatshe, nebala wakhishelwa ngaphandle kwe Kamu wakhandwa ngamatshe

Nomprofethi uMuhammad wayenamandla anjalo; ziningi izindatshana ezixoxwayo ngabantu ababulawa ngokunquma kwakhe. NoMoses ngokunjalo ziningi izindatshana ezitholakala zixoxwa ngaye ebhayibheleni ezilanda ngezigameko ezinjalo.

Baningi abaProfethi esifunda ngabo ebhayibheleni, ababephiwe nguMkhulukhulu isipho sobuProfethi kodwa ababengenawo amandla okucindezela abantu ukuba benze noma bangakwenzi okuthile.

KulabaProfethi abangcwele singabala uHezekia, uLot uDanniel, uEzra, ngisho noJesu uqobo kazange abe nawo amandla okucindezela abantu ukuba benze ukulunga. Uzwakala ethi "Umbuso wami awusiwo owalelizwe; uma umbuso wami ubungowalelizwe, izisebenzi zami beziyongilwela ukuze ngingan ikelwa kumaJuda

***(John 18:36)***

Kusobala ukuthi uJesu kafani noMoses kodwa uMuhammad uyafana noMoses (ukuthula makube kubo).

## IMITHETHO

Ngaphandle kwemithetho elishumi uMoses ayishayela amaIsrael ngokuyala kukaMkhulukhulu, miningi imithetho ayishaya uMoses phakathi kwesizwe sakwa – Israel. Njengomuntu kaMkhulukhulu uMoses waye khuleka kuMkhulukhulu, futhi imithetho ayishayayo ibe yimithetho ayinikwe nguMkhulukhulu.

Phakathi kwemithetho eyashaywa nguMoses kukhona umthetho ophathelene nokumele kwenziwe uma kutholakala umuntu ongaziwa efile ***(Deuteronomy 21:3-5)***

Umthetho mayelana nabesifazane abayiziboshwa zempi ***(Deuteronomy 21:10-13)*** neminye imithetho eminingi.

NoMuhammad (U.K.K) ngokunjalo wamisa imithetho eyalandelwa yisizwe sama Arab esalandelwa nanamhlanje yibona bonke abangama Muslim ezweni lonke.

UMohammad (U.K.K.) wamiselwa ukuba nguMprofethi phakathi kwesizwe esasonakele kakhulu sigcwele ubuqaba nokungazi.

Umuntu wayeyithatha inkosikazi ekade igane uyise uma uyise esefile, Bebulala izingane zabo zamantombazane ngoba kuthiwa amantombazane kanamsebenzi walutho, beyizidakwa bekhonza izithombe.

NoMuhammad (U.K.K) ngokunjalo wamisa imithetho eyalandelwa yisizwe sama Arab esalandelwa nanamhlanje yibona bonke abangama Muslim ezweni lonke eyolandelwa kuze kube sekupheleni komhlaba.

Wazalwa ezweni elalicwile ebubini, ekonakaleni kobuqaba, washaya imithetho eyalikhipha izwe ebubini nasebuqabeni.Ama Arab angaleso sikhathi abe eyisizwe esiphansi kakhulu, ecwilile ophuzweni oludakisayo ukugembula, ukuphinga kanye nokuningi ukungcola.

Ekhulwini leminyaka elalandela izwe lase Arabia laziwa umhlaba wonke, ukukhanya kwempucuko nenkazimulo yolwazi kwaqhakaza eArabia kwabonakala umhlaba wonke."

NguMuhammad (ukuthula kube kuye) owanika abantu base Arabia imithetho eyabakha yabenza isizwe esihlonishwayo.

UJesu ngakolwakhe uhlangothi wazibika kahle ukuthi akazile ukuzoguqula imithetho. AmaJuda ayenokwesaba ukuthi hleze kube uqonde ukumisa eyakhe imithetho phezu kwemithetho kaMoses eyayibusa.

Uthi kubo uJesu "Ningacabangi ukuthi ngizochitha imithetho

nabaprofethi, angizile ukuzochitha imithetho kodwa ngizogcwalisa." ***(Matthew: 5.17)***

Nangempela awukho noma munye umthetho owashaywa nguJesu kwaze kwafika isikhathi sokuhamba kwakhe.

Ngakhoke uJesu akafani noMoses kodwa uMuhammad uyefana noMoses.

## ISIPHETHO SABO

UMoses wafa eneminyaka eyikhulu namashumi amabili ***(Deuteronomy 34:7)*** iBhayibheli lisitshela ukuthi abantwana bakwa Israel bamkhalela emathafeni aseMo'ab izinsuku ezingamashumi amathathu ***(Deuteronomy 34:8)***

Nakuba lingachazi ibhayibheli kodwa kusobala ukuthi yilapho angcwatshwa khona uMose kulendawo.

UMuhammad (ukuthula kube kuye) wafa eneminyaka engamashumi ayisithupha nantathu wabekwa engcwabeni lakhe eMadina.

UMoses noMuhammad (ukuthula kube kubo) bafa ngendlela eyejwayelekile bangcwatshwa ngokwejwayelekile.

AmaKristo athi uJesu wanqanyulezwa wafela esiphambanweni – Wangcwatshwa wabuye wavuka ngakho-ke uJesu akafani noMoses kodwa uMuhammad uyefana noMoses.

## OKOKUGCINA

UMoses noMuhammad bobabili balele emangcwabeni abo kodwa uJesu akekho emangcwabeni ngakho-ke uJesu kafani noMoses kodwa uMuhammad uyefana noMoses.

Kubona bonke abaProfethi bakaMkhulukhulu akekho namunye ofana noMoses ngaphandle kuka Muhammad (ukuthula kube kubo bonke)

Kodwa akesibheke ezinye izimpawu njengoba ekuqaleni sithe zintathu izimpawu achaze ngazo loMprofethi inkosi eyathembisa ngaye ku***Deuteronomy 18:18.***

**UPHAWU LWESIBILI**

"Ngiyobavusela Umprofethi ofana nawe phakathi kwabafowabo".

Uphawu lwesibili nantu:-

LoMprofethi ofana noMoses uyovela phakathi kwabafowabo

Umlando ka-Abraham nenzalo yakhe utholakala eBhayibheleni nakuKurani. Sitshelwa ukuthi emva kwesikhathi eside umka – Abraham uSarah engatholi bantwana, uSarah wavuma ukuba umyeni wakhe u-Abraham athathe uHagari abe nguMkakhe.

"UHagari wamzalela u-Abraham indodana; wayiqamba igama wathi uISHMAELi:" ***(Genesis 16:.5)***

Wakhula uISHMAEL waze waba neminyaka elishumi nantathu kunguyena yedwa indodana ka-Abraham. UMkhulukhulu ka-Abraham wabe esemyala uAbraham ukuthi bonke abantu besilisa ababesemzini wakhe basokwe. U-Abraham nendodana yakhe uISHMAEL basokwa ngosuku lunye. ***(Genesis 17:26)***

Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi kuze kufike lesosikhathi uISHMAEL kwakunguye yedwa indodana ka-Abraham.

Kwaba ngasemuva kwalokhu lapho uMkhulukhulu wamupha uAbraham enye indodana eyazalwa ngumkakhe uSarah, wayiqamba indodana yakhe yesibili uAbraham wathi uIsaac.

"UAbraham waqamba igama lendodana yakhe azalelwa yona, ayizalelwa nguSara ngokuthi ISAAC" ***(Genesis 21:3)***

Wasokwa uISAAC enezinsuku eziyisishiyangalombili ezelwe. ***(Genesis 21:4)***

Njengoba uISHMAEL noISAAC bengamadodana ka-Abraham bangabafowabo, ngakho-ke izingane zomunye zingabafowabo bezingane zomunye – Izingane zika Ishmayeli zingabafowabo bezingane zikaISAAC.

Kulaba ababili kwavela isizwe samaJuda kuISAAC kwavela isizwe sama Arab kuIshmayeli. Ngakho-ke amaJuda namaArab angabafowabo, omunye komunye.

UMprofethi uMuhammad uyinzalo ka ISHMAEL indodana kaAbraham.

AmaJuda namaArab bangabafowabo ngakho-ke uMuhammad (U.K.K) uphuma **PHAKATHI KWABAFOWABO**.

## UPHAWU LWESITHATHU

"Ngiyofaka amazwi ami emlonyeni wakhe"

Kusho ukuthini ukufaka amazwi emlonyeni? Uma umuntu efunda ibhayibheli noma eshumayela ukhona yini omfaka amazwi awashoyo emlonyeni wakhe? Qha uyazisholo yena lawo mazwi ngoba ewafunda phansi noma ngoba ewazi. Kodwa uma ngithi kuwe Shono emva kwami

> Yithi uAllah munye,
> uAllah ungunaphakade.
> Kazali yena futhi kazalwanga
> akukho lutho olungafaniswa naye."

Uma usho lamazwi uzosho emva kwami ulayini ngolayini, ngalendlela ngifaka amazwi emlonyeni wakho ngoba ngikushiso into ongayazi; uyilandelisa njengoba ngiyilandelisa.

UMprofethi uMuhammad wayeneminyaka engamashumi amane ngenkathi eqala ukwembulelwa. Umlando usitshela ukuthi wayejwayele ukukhuleka emgedeni wase Hira owawuyibanga elingamamayela amathathu kusuka emzini wakhe. Kwesinye

isikhathi wayehlala kulomgede izinsuku ekhuleka ezilile.

Kwathi ngalanga lithize ekulowomgede kwakungubusuku bamashumi amabili nesikhombisa benyanga yamaSulumani uRamadaan ingelosi yeNkosi uGabriel yathi kuye ngolimi lwesiArab "Funda, egameni likaMkhulukhulu nomondli wakho owadala, wadala umuntu ngehluli legazi elihlosile funda, inkosi yakho ingephana kakhulu, yona eyafundisa umuntu ukubhala yamfundisa umuntu lokho owayengakwazi."

Lamazwi angamazwi okuqala ambulelwa wona uMuhammad okungamazwi atholakala ekuqaleni kwesihloko samashumi ayisishiyagalolunye nesithupha kwi - Khuran engcwele.

Lokhu kwaba yisiqalo sempilo yobuProfethi kuMuhammad owayekade ephila njengendoda nje elungileyo neyethenjwa ngabantu bonke; indoda ekholwa kuMvelinqangi obizwa ngelithi Allah ngolimi lwesi Arab.

Nangaphambi kokuba aqale umsebenzi wokuba ngumProfethi wayebizwa ngegama elithi "Al-Amin" okusho ukuthi "Owethembekile, Oqotho Oneqiniso"

Eminyakeni engamashumi amabili nantathu elandelayo amazwi afakwa emlonyeni wakhe njengoba kwabikezelwa ngaye ku ***Deuteronomy 18:18.*** Amazwi ayefakwa emlonyeni wakhe yena awaphimise ngolimi lwakhe bawezwe bonke. Kepha okuyisimanga amazwi ayefakwa emlonyeni wakhe ayelobeka enhliziyweni yakhe angaphinde asuleke.

Eqala ukuthola umyalezo owamfikela esemgedeni wase Hira wathi esexoxa:

"Kube sengathi lamazwi abhaliwe enhliziyweni yami"

Konke okwakufakwa emlonyeni wakhe kwakusala kubhalekile enhliziyweni yakhe, loko kwenza ukuba nabafundi bakhe bakufake ezinhliziyweni zabo konke abakwembulelwa ngomlomo woMprofethi.

Imibiko nemiyalezo eyayiphuma emlonyeni wakhe yayibhalwa nasemaqabungeni esundu; ezikhumbeni, nasemagxalabeni ezilwane. Ngaphambi kokufa kukaMuhammad onke lamazwi aqoqwa ahlelwa enziwa lencwadi esiyifundayo namuhla ebizwa ngokuthi yiKuran Engcwele.

## OKWENZEKA KUMUHAMMAD

Ngalesikhathi sokwembulelwa kwakungekho Bhayibheli elalibhalwe ngolimi lwesi-Arab, kanti futhi Umuhammed wayengafundisiwe, kepha zonke izindaba ezitholakala ebhayibhelini I Taura ebizwa ngokuthi yitestamente elidala wembulelwa zona.

Ukubhujiswa kwe Sodoma neGomora, iphupho lika Josefa indodana kaJakobe elaholela ekuthengisweni kwakhe ngabafowabo, ukukhishwa kwabantwana bakwaIsrael eGibithe ebugqilini kanye nazo zonke izindaba ezikuleli Testamente.

Lonke iTestamente elidala ne Testamente elisha wembulelwa ukuzalwa kukaJesu okuyisimanga nevangeli lonke lika Jesu.

IQur'an njengokwambulwa kwayo kumprofethi uMahammad (ukuthula kube kuye). iyiTestamente lokugcina. LeliTestamente lokugcina lithi ngo Jesu,

> "Bahleka bethi"
> simbulele uKhrestu uJesu
> indodana kaMariya,
> kepha kabazange bambulale
> ngisho nokumnqamuleza imbala,
> Kodwa kwenziwa kwabonakala
> Kanjalo kubo. Labo abaphikisa lokhu bagcwele
> Ukungabaza bengenalwazi
> Kodwa benemidlinzo
> Ngoba eqinisweni lonke
> Kabazange bambulale

***(iKur'an engcwele 4:157)***

Wembulelwa, kwafakwa emlonyeni wakhe ngumnini mandla onke njengokwethembisa kwakhe ***kuDeutoronomy 18-18.***

IKuran engcwele iyakuqinisa lokhu ithi:

> "Kazikhulumeli lutho ngokwakhe,
> akusiyo enye into kepha
> ukwambulelwa okwehliselwe kuye.
> Ufundiswe yilowo onamandla onke
>
> ***(iKuran engcwele 53:3-5)***

Izimpawu ezintathu achazwe ngazo uMprofethi okukhulunywa ngaye ku ***Duteronomy 18:18*** zitholakala zonke ku Mprofethi uMuhammad; futhi akekho omunye onazo lezimpawu ngaphandle kwakhe.

UMkhulukhulu akagcinanga ngokusinika izimpawu zaloMprofethi kodwa wagcina ngesexwayiso esethusayo evesini elilandelayo lapho ethi "Kuyothi lowo ongayikuwezwa amazwi ami ayowakhuluma ngegama lami **NGIYAKUMJEZISA** ***(Duteronomy 18:19)***

Igama elithi "Ngiyakumjezisa ngilithathe ebhayibhelini lase maRomeni lesingisi, elithi

**"I will be the revenger."**
**Elesizulu ibhayibheli lithi "Mina ngikufune kuye"**
**Iking James Bible ithi "I will require it of him"**

Uma ngiwabheka onke lamagama akhombisa isexwayiso ukuthi lowo ongayikuwalalela amagama akhulunywe yiloMprofethi ngegama likaMkhulukhulu kukhona okuyomvelela; uyothola isijeziso.

Uyazinje ukuthi zonke izigaba encwadini iKuran engcwele ziqala ngokuthi

**"EGAMENI LIKA ALLAH ONOTHANDO OLWEDLULA KONKE ONOMUSA OMKHULU"**

**UNASO ISIBINDI SOKUNGAWALALELI AMAZWI AWAKHULUMAYO ?**

Umuntu oyi Muslim ngaso sonke isikhathi uma eqala noma yini

uthi **"Bismillahir rahmanir raheem"** okusho ukuthi "Egameni likaMkhulukhulu onothando olwedlula konke onomusa omkhulu."

Siqala ngegama likaMkhulukhulu okunguye yedwa ofanele ukukhonzwa nokudunyiswa; **KAZALI YENA FUTHI KAZALWANGA.**

Abangama Krestu baqala Ngokuthi "Egameni likayise Nelendodana NelikaMoya oyingcwele"

**NGUYE YEDWA OYOSAHLULELA**

Konke loku esengikushilo lapha ngichaza ngalowo Mprofethi okukhulunywa ngaye ku ***(Deuteronomy 18:18)*** kuveza Ngokusobala ukuthi:- lowoMprofethi nguMuhammad (ukuthula kube kuye) Kuveza ngokusobala futhi ukuthi akekho omunye uMprofethi onazo lezimpawu ezintathu esizibalile.

**NE THESTAMENTE ELISHA LIYAFAKAZA**

Ngenkathi yokufika kuka Jesu, amaJuda ayesalokhu ebheke ukugcwaliseka kwesiProfetho sokufika koMprofethi **OFANA NOMOSES**.

Bheka ***kuJohane 1:19-25.*** AmaJuda abuza kuJohane uMbhabhadisi ukuthi kasiye yini **"LOWO MPROFETHI"** UJohane uyaphika

UJohane wayenguMProfethi omkhulu kodwa wayengesiye **"LOWO MPROFETHI"**

NoJesu uyaqinisa NgoJohane uthi "Ngiqinisile Ngithi kini kubo bonke abazelwe Ngumfazi akakaze avele omkhulu ngaphezu kukaJohane uMbhabhadisi (Holy Bible) ***Matthew 11:11***

Ngenkathi uJesu ethi unguMesiya amaJuda ambuza ukuthi pho uphi uEliya ? bekubuza lokhu ngoba babelindele ukuthi ngaphambi

kokufika kuka Mesiya kuyofika uEliya.

NoJesu uyakuqinisa lokhu ***kuMatthew 17:11-13*** lapho ethi "Nempela uEliya uyofika kuqala abuyisele zonke izinto – kodwa ngithi kini uEliya usefikile kodwa nina kanimazanga."

Abafundi bakhe bacabanga ukuthi ukhuluma ngoJohane Umbhabhadisi ***(Matthew 17:11-13)***

Kepha uJohane uMbhabhadisi uma ebuzwa ukuthi

UnguKristo na – wathi Qha
UnguEliya na – wathi Qha
UnguLowo Mprofethi na – wathi Qha

Thina maMuslim simazi uJohane UMbhabhadisi ngokuthi "uMprofethi uYahya (Alai-his –Salaam). Siyamhlonipha njengesithunywa sikaMkhulukhulu.

UMprofethi oyingcwele uJesu yena simbiza ngokuthi uMProfethi uISA Alai-his-Salam(ukuthula kube kuye)

Ukuthi "Alai-his Salaam" sikujobelela njalo ngasemva kokubiza igama loMprofethi, kusho ukuthi "ukuthula kube kuye"

UMprofethi uJesu simazi njengo Mprofethi onamandla kaMkhulukhulu owenza izimangaliso eziningi ngamandla kaMkhulukhulu.

Kepha kukhona ukuphikisana esikuthola ebhayibheleni uJesu ethi uJohane unguEliya uJohane ethi kangisiye.

Kusobala ukuthi ngokwebhayibheli ukhona ongakhulumi lona iqiniso. Thina-ke kasikholwa ukuthi phakathi kukaJesu noJohane ukhona owayekhuluma iphutha ngoba bobabili babeyizinceku zika Mkhulukhulu.

Lenkinga siyishiyela labo abangamaKristo ukuba bayixazulule ngoba phela incwadi yabo engcwele iyaziwa ngamaphutha ayo. Okwethu thina maMuslim ukuba sibheke lombuzo obuzwa ngamaJuda

"UYILOWO MPROFETHE NA?
waphendula wathi Qha angisiye

***John 1:21***

Qaphela ukuthi mithathu imibuzo eyabuzwa ngamaJuda kuJohane Umbhabhadisi, kuyo yomithathu lemibuzo wakuphika lokho ababekusho ngaye.

"UnguKristo na ?
UnguEliya na ?
Uyilowo Mprofethi na ?

Basebembuza bathi kuye, "pho ubhabhathizelani uma ungesiye uKristo, ungesiye uEliya, ungesiye lowo Mprofethi na?" (Holy Bible) ***John 1:25***

AmaJuda ayelindele ukugcwaliseka kweziprofetho ezintathu; Esokuqala esibikezela ngokufika kukaKristo,

Esesibili sibikezela ngokubuya kuka Eliya

Esesithathu sibikezela ngokufika kwaLowo Mprofethi okwabikezelwa ngaye ku ***Deuteronomy 18:15 No. 18:18***

Thina esingama Muslim asiphiki ukuthi uJesu wayengu"Mesiya" igama elihunyushwa ngokuthi Kristo noma ogcotshiweyo. Kasiziphiki iziprofetho ezibikezela ngokufika kwakhe kodwa sithi ***uDeuteronomy 18:18*** kabikezeli ngoJesu kodwa ubikezela ngomProfethi uMuhammad.

**WAYENGUBANI YENA UMUHAMMAD(U.K.K)**

Wazalwa **NGOMSOMBULUKO** Mhla ka 12 ku RABI-UL-AWWAL eDolobheni lase **MAKKA** ezweni lase **Arabia**

Ngesikhathi azalwa ngaso uMuhammad isizwe sama Arab sabe siyisizwe esiphansi kakhulu. Babekhonza izithombe, Beyizidakwa benza yonke imikhuba yokungcola.

Abangenamandla babecindezelwa yilabo abanamandla, abesifazane becindezelwa; izingane zabo zamantombazane babezingcwaba ziphila emva kokuzalwa kwazo. Babefana nezilwane.

Yilesikhathi-ke okwazalwa ngaso uMprofethi wokugcina uMuhammad (U K K) ezalwa nguyise uAbdullah indodana ka Abdul Muttalib; Nonina uAmina indodakazi ka Wahb ibn Manaf.

UYise uAbdulla wathathwa ngumsebenzi emva kwezinsukwana eshadile washiya Umkakhe uAmina eya kwelase Syria nezinqola ezazithwele impahla ethengiswayo, Esebuya eSyria wagula washona wangcwatshwa eMadina.

Wasala-ke uAmina engumfelokazi, kanti kwenzekanje lokhu usenzima.

Wajabula kakhulu uAbdul Muttalib ngokuzalwa komzukulu wakhe wamthatha waya naye kwi Ka'ba wayobonga ecelela nengane ezelwe izibusiso. Waqanjwa igama elithi "Muhammad" (U.K.K) okusho ukuthi "Odumisekayo."

## UNINA MBUMBULU

IDolobha lase **MAKKA** liyindawo eshisa kakhulu;kuze kube namhlanje ukushisa kwakhona kuyindaba nakulabo abaya khona ngohambo lwenkolo iHaj – Lokhukushisa-ke kwakwenza ukuba izingane ezizelwe zinikwe abanye abantu ababekhokhelwa ukuba bazibheke bazikhulise isikhashana ngoba bona behlala endaweni evulekile eshaya umoya wasemakhaya, futhi bekhuluma ulimi olumsulwa befundisa izingane ukukhuluma ulimi olumsulwa, labo kwakungabesizwe gama Bedouin.

Nayeke uMuhammad (UKK) wathathwa ngowesifazane othile

uHalima ukuba amkhulise,

Uma elanda ngokuthola kwakhe uMuhammad (UKK) uHalima uthi "Ngalowo nyaka lalomisile kakhulu, lingayi eziko,

Ngasuka nomyeni wami silibangise e Makka ukuze sithole ingane esingayikhulisa ukuze sithole imali kubazali bayo.

Saba mdibi munye nezinye izinqola zabanye ababehamba uhambo olufana nolwethu.

Imbongolo yethu yayizacile ingenamandla, sasala kwezinye izinqola safika eMakka sebezikhethe zonke izingane sekusele uMuhammad (UKK)

Wayeyintandane, ezalwa emzini ompofu. Akekho owayefuna ukumthatha.

Nathi ngokunjalo sasesimshiya kodwa ngabuye ngaba namahloni ukuthi ngingahamba izwe elingaka ngibuyeze. Kanti futhi ngayibuka ngayithanda lengane ngezwa ngiyidabukela ukuthi uma ngingayithathi izobulawa yilanga, nomoya ongcolile weDolobha- Ngasengimthatha."

UHalima lo wayengowesizwe esasibizwa ngokuthi Bani S'ad. Lesisizwe saziwa ngobuchwepheshe baso olimini olukhulunywayo, saziwa nangempatho yaso enhle.

Wamkhulisa uHalima UMprofethi kaMkhulukhulu wamncelisa waze waqeda iminyaka emibili, Kwathi eyiqeda leminyaka wamkhumula ebeleni; ngoba kwakungumkhuba ojwayelekile ukuthi izingane ezisuke zithathelwa ukuzokhuliswa zibuyiselwe kubazali bazo uma ziqeda unyaka wesibili.

UHalima wamthatha uMuhammad (UKK) waya naye eMakka embuyisela kunina, kodwa wafika wazicelela ukuba abuyele nayo emuva lengane ake athi ukuyigcina futhi isikhashana ngoba ebona inhlanhla abanayo kusukela mhla eyithatha lengane incane.

Elanda uHalima uthi ngesikhathi ethatha lengane kwakuyindlala

lomisile nasemabeleni ezilwane lungekho ubisi, kodwa kusukela ngamhla efika nalengane ukudla kwaba yinsada, namabele ezilwane agcwala ubisi basenga badla.

Wavuma-ke uAmina ukuba uHalima abuyele nayo emuva ingane njengokucela kwakhe.

Wakhula-ke uMuhammada (UKK) welusa izimvu namadodana kaHalima ogwadule kwaMama ngalahlwa, kude nobucwebecwebe nobukhazikhazi basedolobheni

UNina uAmina wamlanda eseneminyaka eyisithupha ubudala, waya naye eYathrib evakashela uyisemkhulu kaMuhammad (UKK,) wayeqonde futhi ukuthi edlule engcwabeni lomyeni wakhe, kodwa kwathi sebebuyela e Makka washona uAmina wangcwatshwa endaweni ebizwa ngegama elithi AI-ABWA. Lendawo kuthiwa iseduze nase Mustura, phakathi naphakathi uma usuka eMadina uya eMakka.

UMprofethi (UKK) wafika ekhaya esahamba nentombazane eyayimbheka u Umm Ayaman Barkali

Wadabuka kakhulu uyisemkhulu uAbdul Muttalib wabiza indodana yakhe uAbu Talib wayiyala ukuthi ambheke kahle uMuhammad. (UKK)

Washona-ke uAbdul Muttalib eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesihlanu.

Wakhula uMuhammad (UKK) eyingane ehloniphayo, emthanda kakhulu uyise omncane uAbu Talib.

Wayehlukile kwezinye izingane, ehlanzekile ekuthanda ukuhlanzeka, engamosi isikhathi ngobala nangokudlala; engakhonondi noma elambile.

## UMBONO KABAHIRA

Ngalanga lithile wabonwa nguBahira iMonk (Noma indela yasesigodlweni) owabe eyindela enkolweni yamaKristu, wambiza wathi kuye "Wemfana akengibuze"

Wema-ke uMuhammad walalela, wabesethi uBahira "Uma ngikubuza umbuzo uzongiphendula ufunge ngoLat no Uzza"

UBahira wayemhlola ngoba phela uLut no Uzza kwakuyizithixo ezazikhonzwa ngaleyonkathi eArabia - UMuhammad waphendula wathi "Ungangibuzi lutho ngegama lika Lut no Uzza ngoba ayikho into engiyizonda njengabo emhlabeni."

Wabe esethi uBahira "Ngo Allah, ungangiphendula ?"

Wathi uMprofethi "yebo ungangibuza noma yini ngizokuphendula."

Wabe esembuza uBahira imibuzo eminingi wayiphendula ngokugculisayo.

Ekugcineni sebehlukana wathi ephenduka uMuhammad kwapheqeka umphetho wangasenhla wesambatho sakhe, uBahira wabona kuye uphawu lobuprofethi egxalabeni lakhe lilapho zilikhomba khona izincwadi ezingcwele wabesetshela u Abu Talib ukuthi aze ambheke kahle lomfana ngoba unguMprofethi Ka-Allah.

Wakhula uMprofethi ngaphansi kweso elibukhali likayise omncane uAbu Talib enokholo enhliziyweni yakhe naphezu kokuba isizwe sakubo sasikhonza izithixo oLut no Uzzo.

Kazange aye esikoleni futhi kazange abe nalo ithuba lokuthola imfundo; ngakho-ke wayekhula nje njengezingane zonke kungekho lutho olukhombisa ukuthi ungokhethiweyo ka Allah.

Mina ngokubuka kwami ngithi uMkhulukhulu uAllah wakwenza ngamabomu ukuba uMprofethi wakhe angabi ngumuntu ofundile nonobuchwepheshe basemhlabeni ngoba eqonde ukuba kugcwaliseke kuye isiprofetho esithi "Ngiyofaka amazwi ami emlonyeni wakhe".

UMkhulukhulu UMninimandla onke uMaziwakokonke wafaka emlonyeni womprofethi ongafundile amazwi okuhlakanipha wamenza asho izinto ezazingaziwa ngisho nayizifundiswa zaleso sikhathi. Wamambulela izincwadi ezazambulwe ngaphambili. Kwi Kuran engcwele sithola zonke izindaba eziseTestamenteni elidala. Sithola izitshumayelo zikaJesu (ukuthula kuba kuye).

Ake uzwe ukuthi uthini uJesu kwi Kuran engcwele:

> "Ngize kini ukuzogcwalisa
> imithetho eyabekwa ngaphambili
> nokuba ngizoninika
> amalungelo okwenza
> abeningavunyelwe ukukwenza.
> Ngize kini nesibonakaliso
> Esivela eNkosini yenu.
> Yesabani uMkhulukhulu
> **NINGIHLONIPHE**
> NguMkhulukhulu oyi nkosi yami
> Ngakhoke khonzani yena.
> Lena iyonandlela eqondile

***(SURA AL-I-Imran 3:50-51)***

## UKWAMBULELWA KOKUQALA

Ingxoxo mayelana nokwembulelwa kokuqala itholakala ngaphansi kwesihloko esithi " Uphawu lwesithathu" ngasemuva. Kodwake kusemqoka ukuba ngichaze ukuthi ngesikhathi sokwembulelwa kwakhe kokuqala Umprofethi (ukuthula kube kuye) wayeseneminyaka engamashumi amane yobudala.

Wayeshade eneminyaka engamashumi amabili Nanhlanu waganwa owesifazane owayecebile ogama lakhe lingu Khadija. Babusiswa ngabantwana babafana abathathu namantombazane amane, kodwa bonke abantabakhe babafana bashona besebancane.

Ngamhla embulelwa okokuqala Umprofethi UMahammed (ukuthula kube kuye)kazanga ukuthi kwenzekani kuye. Ingelosi enkulu u

Gabriel wayelethe ukukhanya okwakhanyisa emhhumeni imisebe yakho yasakazeka yonke indawo. Yaphuma ingelosi enkulu yamshiya esambathekile engakwazi okwakumele akwenze. Waphuma emhhumeni wagoduka esahamba wezwa izwi liphindaphinda lithi "We Muhammed, uyisithunywa sika Allah mina ngingu Gabriel"

Kwathi ukuba afike ekhaya esasambathekile walala phansi ukuba abuyise umqondo.wathi ungabuya umqondo walandisa umkakhe uKhadija yonke indaba njengoba injalo.

Ukhadija wayenomzala wakhe owabe eyisifundiswa efunde wagogoda ngezenkolo igama lakhe kwakungu Waraqa bin Naufal.

UKhadija wahamba nomnyeni wakhe baya kuWaqa bin Naufal lapho wafika khona uMahammad wayilanda yonke indaba eyehlakele esemhhumeni. Wathi angayizwa indaba u Waraqa Bin Naufal wathi: "ubuhanjelwe yingelosi uGabriel owayehambela uMoses noJesu, impela uyilowo okwathenjiswa ngaye. UAllah wehlisele kuwe ubuprofethi.

Ezwa lamazwi UMprofethi (ukuthula kube kuye) washo ngezwi eliphakeme wathi "Munye UMkhulukhulu, akekho omunye ngaphandle kwakhe, Ungunaphakade, kazali futhi kazalwanga; wazi konke esikubonayo nesingakuboni, ukuphila nokufa kwethu kusezandleni zakhe, uyinkosi yempumalanga nentshonalanga; noma ungashonangaphi amehlo akhe akuwe njalo; Ngiqinisile uAllah usezindaweni zonke. Ungowazi konke."

Waqala-ke UMprofethi ukushumayela izwi likaMkhulukhulu eneminyaka engamashumi amane obudala. Waletha wona lowo myalezo owalethwa ngabaProfethi bonke wokuthi iNkosi eyadala izulu nomhlaba, yadala isintu sonke iyona yodwa efanele ukukhonzwa nokudunyiswa.

Kungalesikhathi-ke okwaqala ngaso ukwembulwa kwencwadi engcwele iKuran okwathatha iminyaka engamashumi amabili nantathu.

## UMTHOKOZISI

UJesu (ukuthula kube kuye) wakhuluma kaningi ngomprofethi oyofika emva kwakhe UMTHOKOZISI.

Abangama Krestu kodwa bayaphika ukuthi uJesu wayekhuluma ngomuntu, bathi wayekhuluma ngomoya ongcwele (bambiza ngesiqu sesithathu sobuthathu buka Nkulunkulu.

Lalela amazwi kaJesu (ukuthula kube kuye).

> "Lezizinto ngizikhulumile kini ngisenani,
> kepha umthokozisi ongumoya oyingcwele
> ayakumthumela ubaba egameni lami,
> uyonifundisa konke anikhumbuze konke enginiyale
> ngakho." ***(Johane 14:26)***

Umuntu okhuluma isiZulu elalele lamazwi ngeke umsole uma ethi lomoya ongcwele akhuluma ngawo uJesu yilomoya ongcwele okuthiwa wehlela abaPhostoli eJerusalem basebekhuluma izilimi; Wona lomoya ongcwele abanye namhlanje abathi bapholofitha ngawo; wona lona owenza abantu kwezinye izindawo bamemeza njengabantu abasangene emakhanda.

Lalela futhi amazwi kaJesu ekhuluma nabafundi bakhe

> "kusekuningi okufanele nginitshele ngakho,
> kepha ningekuthwale manje,
> kepha uma efika yena umoya weqiniso uyakunihola
> ngokweqiniso **NGOKUBA AKAYIKUZIKHULUMELA OKWAKHE**
> **KODWA UYOKHULUMA LOKHO AKUZWAYO ANIBIKELE NGEZINTO EZIZAYO."**
>
> ***(Johane 16:12)***

Usuwafundile lamavesi amabili kumele kukucacele ukuthi lo**MOYA WEQINISO** akusiwo lomoya ongcwele okuthiwa wehlela phezu kwabaPhostoli

Ngifuna ukukukhumbuza ukuthi uJesu wayengakhulumi isiZulu noma **isiNGISI** noma **isiXHOSA** leligama **"UMOYA OYINGCWELE" THE HOLY SPIRIT or THE HOLY GHOST** liyigama elihunyushiwe.

Igama elakhishwa nguJesu ngomlomo wakhe lalibhalwe ezincwadini ezingcwele ezashiswa ngonyaka ka 325AD ngesinqumo senkosi uConstantine owayengumbusi ngaleso sikhathi owanquma ukuba kushiswe onke amabhayibheli ayekhuluma ngoMkhulukhulu **OYEDWA** nongenazo iziqu ezintathu; LoMkhulukhulu owashumayelwa nguMoses, noNowa noJesu nabanye abaProfethi (ukuthula kube kubo bonke).

Uma silandela kahle izintshumayelo zikaJesu kuzosikhanyela ukuthi uJesu wayengakhulumi ngalomoya ongcwele oshiwo ngamaKrestu.

Uthi uJesu kuJohane:

> Ningakholwa yilowo nalowo moya kodwa bhekisisani ukuthi ungoka Mkhulukhulu na – ngokuba baningi abaprofethe abangesibo abagcwele izwe lonke."

Elesingisi iBhayibheli iKing James Version yona ibeka kanje:

> "Believe Not every Spirit
> But try the Spirit whether they
> Are of God.
> Because many false Prophets
> Are gone out into the World"

Kuyacaca ukuthi lomoya okukhulunywa ngawo nguMprofethi:

> **NINGAKHOLWA YILOWO NALOWO MOYA**
> **NGOBA BANINGI ABAPROFETHI ABANGESIBO**.

Uma uwafundisisa lamavesi kuzokucacela kahle ukuthi uJesu ukhuluma **NGOMUNTU OPHILAYO** hhayi ngomoya.

Ukuba ubekhuluma ngoMoya ongcwele ubengeke atholakale ethi

"Kepha nginitshela iqiniso ukuthi
Kumele ukuba ngihambe
Ngoba uma ngingahambi
Umthokozisi ngeke eze kini
Kodwa uma ngihamba
Ngiyakumthumela kini.

***(Johane 16:7)***

Ngalenkathi esho lamazwi uJesu wawuvele ukhona umoya ongcwele. Umoya ongcwele wawukhona ngaphambi kokuba azalwe uJesu

Ngokuba uzakuba mkhulu
Emehlweni enkosi, (uJohane)
Kasoze aphuza iwayini Nophuzo
Oludakisayo; **UZAKUGCWALISWA**
**NGOMOYA ONGCWELE**
Esesesiswini sikanina

***(Luka 1:15)***

"Kwathi ukuba uElizabethe ezwe
ukubingelela kuka Mariya
Umntwana wagxuma esiswini sakhe
UElizabeth **WAGCWALA UMOYA ONGCWELE**

***(Luka 1:41)***

UZakariya uyise **WAGCWALA**
**UMOYA ONGCWELE** Waprofetha

***(Luka 1:67)***

Nangasemva kokuzalwa kukaJesu

Nangenkathi yokuphila kwakhe wawukhona uMoya Ongcwele

"Wayembulelwa ngu**MOYA ONGCWELE**
ukuthi **SIMEON** akayikubona ukufa
engakamboni uKristo wenkosi

***(Luke 2:26)***

**UMOYA ONGCWELE** Wehlela phezu
Kwakhe ngesimo sejuba

*(Luke 3:22)*

Kepha ngithi kini abantu
Bayothethelelwa zonke izono
Nezokuhlambalaza, Kepha
Ukuhlambalaza **UMOYA ONGCWELE**
Akuyikuthethelwa

*(Mathew 12:31)*

UMoya Ongcwele lo okukhulunywa ngawo, uJesu wabanika wona esaphila, esahamba nabo abafundi bakhe

Njengoba ubaba engithumile
Nami ngiyanithuma
Kwathi ukuba asho lamazwi
Wabesephefumulela kubo ethi
**YAMUKELANI UMOYA ONGCWELE**

*(Johane 20:21-22)*

Esebanikile uMoya Ongcwele uJesu ubathembisa ukuthi uyobathumela **OMUNYE UMTHOKOZISI:**

Uma ningithanda, gcinani imiyalo yami
Mina-ke ngiyokhuleka kubaba
Anithumele **OMUNYE UMTHOKOZISI**

*(Johane 14:15-16)*

Uma ethi **OMUNYE UMTHOKOZISI** usho
Ngoba **YENA UQOBO ENGUMTHOKOZISI**, kodwa
Uthi "anithumele **OMUNYE UMTHOKOZISI**
**ONJENGAMI**.

Nangempela UMkhulukhulu wamthumela omunye umthokozisi emva kweminyaka engamakhulu amahlanu namashumi amathathu nesishiyagalombili emva kokuhamba kuka Jesu; Wazalwa ezweni lase Arabia eDolobheni lase Makka.

## IZIMPAWU

UJesu uqobo lwakhe ubeka uphawu ayobonakala ngalo lomthokozisi.

> Uthi:
> "Kepha uma esefikile yena
> UMoya Weqiniso uyakuniholela
> Kulo lonke iqiniso
> Ngokuba akayikuzikhulumela
> Okwakhe, kodwa lokho
> Akuzwayo; uyonazisa Ngezinto
> Ezizayo
> **UYAKUNGIKHAZIMULISA**
> Ngokuba uyothatha kokwami
> Aninike khona

***(Johane16:13-14)***

## UPHAWU LOKUQALA

UJesu ufakazela lokho okwashiwo kubikezelwa ngalo Mprofethi lapho kuthiwa

> "Ngiyofaka amazwi ami
> emlonyeni wakhe
> Uyokhuluma nabo lokho
> engiyakumyala ngakho

***(Deuteronomy 18:18)***

Uthi uJesu

> "Kayikuzikhulumela
> okwakhe, kodwa lokho akuzwayo.

***(Johane 16:13)***

Sekuchaziwe ukuthi afakwa kanjani amazwi emlonyeni wakhe umprofethi Umuhammed (ukuthula kube kuye) kusukela ekutholeni kwakhe umbiko wokuqala esemhhumeni waseHira, kusukela lapho

kwaze kwaphela iminyaka engamashumi amabili nantathu amazwi efakwa emlonyeni wakhe ekhuluma lokho ayalwa ukuba akusho.

## UPHAWU LWESIBILI

UJesu uthi lowoMprofethi (UMoya weqiniso)
**UYAKUNGIKHAZIMULISA**

Uma ungathola incwadi engcwele iKuran uzifundele wena ngokwakho uzobona ukuthi uMuhammad uthini ngoJesu (ukuthula kube kubo)

Ukuzalwa kwakhe okuyisimanga nezimangaliso azenza uJesu kusukela kwesokuqala esingekho ebhayibheleni sokuthi uJesu wakhuluma enezinyanga ezimbalwa ezelwe

Izimangaliso eziningi azenza uJesu ngamandla kaMkhulukhulu njengoba naye esho

"Mina ngingezenzele lutho ngokwami **(*John 5:30*)**

"Kepha uma ngikhipha Amadimoni ngomunwe kaNkulunkulu ngokungangabazeki umbuso kaNkulunkulu usufikile **(*Luke 11:20*)**

IKuran engcwele isitshela ukuthi ngelinye ilanga uJesu esengumfana wabumba inyoni ngodaka wayibeka esandleni sakhe wayiphephetha ngomoya wakhe yandiza.

UMohammad uyamkhazimulisa uJesu (ukuthula kube kubo) ngoba phezu kokuba uMuhammad engazange yena aphiwe amandla okwenza izimangaliso.

Kepha ubeka ngokusobala zonke izimangaliso ezenziwa nguJesu. Njengoba nawe usubonile. IKhuran inezimangaliso zikaJesu ezingaphezu kwalezo esifunda ngazo ebhayibhelini. IKhuran engcwele isitshela ukuthi:

> Bheka uMkhulukhulu wathi (KuJesu)
> Jesu, ngizokuthatha ngikwenyusele kimi

Ngesule kuwe inhlamba yalabo
Abahlambalazayo
Ngiyokwenza abalandeli bakho
Babe bakhulu phezu kwalabo
Abaphikisana nokukholwa

***(Sura AI –I – Imran 3:55)***

Ungaphika yini ukuthi umprofethi uMuhammad uyamkhazimulisa uJesu (ukuthula kube kubo bobabili). Ake uzwenje ukuthi uthini ngoMariya unina kaJesu "Bheka ingelosi yathi" "o Mariya, inkosi ikukhethile yakucwebisa ukhethiwe phezu kwabesifazane bezizwe zonke."

***(Surah Al-I-I MRAN 3:42)***

Akasho ukuthi kukhethwe unina, noma umkakhe, noma udadewabo ngaphezu kwabesifazane bonke bomhlaba kodwa uthi ngunina ka Jesu okhethiwe ngaphezu kwasifazane bonke bomhlaba. Nangaphezu kukanina wakhe.

Uma lamazwi engakhombisi ukukhazimulisa uJesu angazike ukuthi enzami.

Siyazi ukuthi uJesu uyobuya ngaphambi kokuphela komhlaba ngoba iKuran engwele usitshela lokho. Akusiye uMohammed oyobuya kodwa nguJesu (ukuthula kube kubo)

**UPHAWU LWESITHATHU**

"Uyakuniholela eqinisweni lonke"

Khumbula ukuthi uJesu uthe

"Ziningi izinto okumele nginitshele
zona, kodwa kaninakuzithwala manje
Kepha uma yena uMoya weqiniso efika
Uyakuniholela eqinisweni lonke

***(Johane 16:12-13)***

Lowo ayebikezela ngaye uJesu Wayezofundisa ngezinto **EZININGI UJESU** ashiye engafundisanga ngazo ngesizathu sokuthi abafundi bakhe babengakalungeli **"UKUZITHWALA"**

Kusukela selokhu ahamba uJesu ikhona yini into okungathiwa "Nansi into eyafundiswa nguMoya ongcwele ?"

Phinde, ayikho. Bheka nje izinkinga ezikhungethe abantu ezweni lonke

Izinkinga zotshwala – ubudakwa
Ukukhonzwa kwezithixo
Ukucwasana ngokwebala
Ukubhula
Ukutholela izingane emakhaya

UMoya ongcwele awukazixazululi lezizinkinga:

## UTSHWALA

Ezweni lempucuko yasentshona kuyimpucuko ukuphuza utshwala; uma itafula lakho lingenalo iwayini usesemuva.

Pho zingayeka kanjani izidakwa ukuba khona? Izingane zilala zingadlile kuchitheka imishado ngenxa yotshwala.

## UTSWALA BUYISONO-UTSWALA BUBI KUMELE BUQEDWE

Kepha emazweni empucuko yasentshona utshwala yibo obukhombisa impucuko, buyisibonakaliso sobukhulu nesiphethu sentokozo.

Encwadini yakhe **uJimmy Swaggart** ebizwa ngokuthi **"ALCOHOL"** usitshela ukuthi ezweni lase Melika izidakwa ziyizigidi ezilishumi nanye **(11 Million Alcoholics)** besekuthi

Abaphuza kakhulu **(Heavy Drinkers)** bayizigidi ezingamashumi amane nane **(44 Million)**

Isibalo sezidakwa kwelase Melika sezihlangene zonke ziyizigidi ezinganashumi ayisihlanu, ngoba kawukho umehluko phakathi kwe Alcoholic ne Heavy drinker, bayizidakwa bonke.

Inkinga yotswala isezweni lonke futhi indala njengempilo uqobo.

Kwelase Arabia uMuhammed (ukuthula kube kuye) Umoya weqiniso wembulelwa wakhipha isimemezelo sokuqeda utswala esakhipha izwe lase Arabia ekudakweni nasekungcoleni okuhambisana nabo eminyakeni eyevile ekhulwini neshumi nane leminyaka.

Akuzange kumthathe iminyaka noma izinyanga noma izinsuku, Qha isimemezelo esisodwa saphumelela ukukhipha izwe lase Arabia kulesiqalekiso.Akubangakhona mizamo yokunciphisa noma ukwehlisa izinga lokuphuza njengoba kuyaye kusho abempucuko yaseNtshona, ngoba umprofethi weIslam umoya weqiniso wanquma wathi

> **"OKUDAKAYO UMA KUTHATHWA KAKHULU AKUVUNYELWE NOMA KUTHATHWA KANCANE"**

Ngaleso sizathu I-Islam ayikuvumeli nokuba uthathe I NIP noma iconsi. Ku Islam utswala abusetshenziswa ngisho nasekuphekeni noma ekubhakeni njengoba kwenziwa emizini yamaKrestu.

> I Kuran engcwele ibubiza utshwala
> **NGOMSEBENZI WEZANDLA ZIKASATHANE**
> **Lelovesi lifundeka kanje:**
> "Nina enikholwayo
> ngeqiniso okudakayo nokugembula,
> ukubhula nokukhonza izithixo
> kuyisiqalekiso esingumsebenzi
> wezandla zikasathane
> xwayani lezinto ukuze
> nibe nempumelelo *(Sura Maida 5:93)*

Jmbuzo ongabuzwa ngothi"kwenzeka kanjani ukuba lendoda ɔhumelele ukuqeda utshwala lokhu phela imizamo yokunqabela oma ukwehlisa izinga seyehluleka emazweni empucuko asentshona.

:makholweni angamaKrestu kayamukeleni eyokuqeda uphuzo goba abangamakhosi nabaholi bayayikhuthaza indaba yotswala.

## JBUMBANO

"Ngokuba yena (Umoya weqiniso)
uyakuniholela eqinisweni lonke"

***(Johane 16:13)***

Jkwahlukana nokucwasana nokubukelana phansi kuyinkinga omhlaba wonke.

:uningi okushiwoyo ngobunye nokuzwana kodwa akwenzeki, ilowo nalowo uzimele ngokwakhe.

Igize ngaba yiMuslim lapho ngiqale khona ukubona ukuthi luyini bumbano ngoba sengilubona kubalandeli bakaMuhammad ukuthula kube kuye)

Igaphambi kokungena kwami kulenkolo ngangi UMkrestu ngisonta bandleni lami kepha ibandla lalahlukene isigatshana ezazibonakala genyumfoma ukuthi umuntu ungowasiphi isigatshana, abanye ungabomhlangano kaJosefa abanye kuyinhlangano kaFransis, mhlangano wenhliziyo, Umhlanganoka Anna, Abantwana baka Aariya njalo njalo.

> Abantu aba'ngamakholwa bazosheshe babone ukuthi ngangisonta EmaRomeni ngoba phela lamaqenjana engiwabalile ngawasemaRomeni aKhatholika. Namanye amabandla nawo anamaqenjana awo njengomanyano, isililo amavolontiya, udodana abakhokheli abashumayeli nokunye okunjalo.

Kuba lula ukubona ukuthi umuntu ungowaliphi ibandla nokuthi kulelobandla ungowaliphi iqembu. ngenyumfoma ayigqokile. Abanye abantu abafuni ukungena kulamaqembu bagcina nje ngokuba ngamalungu alelobandla kodwa nabo futhi baba yiqembu ngokwabo.

Ngenkathi ngamukela inkolo yeIslam, ngokokuqala empilweni yami ngazizwa ngiyilungu lebandla elinobunye, ibandla lamaMuslim.

Babonakala kalula ngezintshebe nangezigqokwana emakhanda. Abesifazane bona ngezingubo ezifihla wonke umzimba nokumboza amakhanda.

Nsukuzonke, kahlanu ngelanga bahlanganela kuma Mosque ahlukene ezindaweni zabo bayokhuleka enkosini yabo.

Phakathi kule Mosque akukho ndawo eyahlukaniselwe umuntu othile noma iqembu elithile, kumiwa ndawonye imigqa kuhlanganwe ngamahlombe.akukho mahluko phakathi kocebile nompofu, onesikhundla emphakathini nongenaso, ofundisiwe nongafundile. Sima sonke ndawonye phambi kuka-Allah ongumdali nomondli wethu.

Kodwa ukugcwaliseka kokwaneliswa kwami kwenzeka ngamhla ngibona izizwe zonke zomhlaba zihlangene ndawonye kuHaj (ingqungquthela yenkolo) bembethe ngokufanayo iziqephu ezimbili zendwangu engenamphetho, behlangene bonke ngesizathu esisodwa.

Ngaba ngomunye wabo ngonyaka ka1998 ngabona into engingasoze ngayikhohlwa yonke imihla yokuphila kwami. Izigidi zabantu bezizwe zonke isifazane nesilisa bebuthene ndawonye bezungeza iKarba engcwele yonke imizuzu imini nobusuku. Bema bagudlane ngamahlombe kahlanu zonke izinsuku emkhulekweni. Abantu bezizwe bevela kumagumbi onke omhlaba bekhuluma izilimi ezahlukene kodwa bekhombisa ubudlelwane nobuzalwane nothando ekwenzeni nasekukhulumeni kwabo naphezu kokuba bengezwani ngokolimi bengabazalwane.

Umoya wobuzalwane nokudlelana ngokweqiniso wasungulwa

wemiswa ngumprofethi we-Islam Umoya weqiniso (sengathi inkosi ingamnika izibusiso) ukuze izizwe zonke zomhlaba zibe nobunye nobudlelwane.

> "Ngokuba yena, umoya weqiniso
> uyakuniholela eqinisweni lonke
> **(iBhayibheli elingcwele)** ***(John 16:13)***

## INKINGA YOMENDO

Kuyimvelo ukuba owesifazane afise ukugana. Lesifiso sikhona enhliziyweni yanoma iyiphi intombazane ekhulayo. Inhliziyo yayo ithatha ibeke icabanga ngezinto eyozenza kowayo umuzi, ibisihlala ilindela ukufika kwalolosuku.

Kwabanye lusheshe lufike besebancane, kwabanye lwephuze ukufika kepha kwabanye lugcine lungafikanga. Yikhonje umqondo wokufunela indodakazi umnyeni ungumqondo oncomekayo, ngoba kwesinye isikhathi ngenxa yokungazisisi noma ukunganaki intombazane izithola isisobishini esephelile amaphupho obungane bayo kanti kwesinye isikhathi ilindela umendo lishone ilanga.

Abesilisa banamandla ngikwendalo kodwa kuvamise ukuba kube yibona abafayo bashiye abafelokazi bencela isithupha, ngisho nasezinganeni, ezabafana zifa kakhulu kunezama ntombazane. Yilezinto ezidala ukuba kube khona abesifazane abaningi ngaphezu kwamadoda emhlabeni wonke.

Kuyisibusiso kowesifazane ukuthola umendo ngoba umendo uyamqoqa owesifazane umnike iqholo lokuthi uyinkosikazi – Izingane azizalayo zibe neqholo lokuba noyise.

Kepha indalo nezimo esiphila kuzo zenza ukuba abesifazane babe baningi kakhulu ngaphezu kwamadoda

Encwadini ka Ahmed Deedat "The Choice" kukhona izibalo ezikhombisa ukuthi eNgilandi bayizigidi ezine (4 million) abesifazane abangaphezu kwamadoda

Kwelase Jalimane bayizigidi ezisinhlanu (5 Million)

Kwelase Melika bayizigidi eziyisikhombisa nezinkulungwane ezimakhulu ayisishiyagalombili (7,800 000)

I New York City iyodwanje inabesifazane abayisigidi (1000,000) ngaphezu kwamadoda.

Okusho ukuthi uma onke amadoda engathatha abafazi ngamunye kusala isigidi abesifazane abangenakuwathola amadoda.

## YINKINGA LE! KUZOKWENZIWANJANI?

Kwelakithi eSouth Africa bayisihlanu abesifazane endodeni ngayinye

Lenkinga inyathelwa ngezinyawo, ngoba ibandla lithi "Thatha ubambo lwakho" ubayeke bonke abanye; nomthetho womshado wakulelizwe kawukuvumi ukuba indoda iganwe ngabafazi abangaphezulu koyedwa, nabesifazane abaphumelele ukuwuthola umshado bala ukhasha.

> **UMPHUMELA WALOKHU** kuba wukuthi amadoda abe nabo abanye abafazi bangasese.

Kuyaziwa lokhu – kwamukelekile yize engekho ovumayo ukuthi kwamukelekile kodwa uyobezwa abesifazane bethi

> "Hhayi mina anginandaba uma nje engihlonipha engangikhombisi"

Izintombi ezishadayo uma ziyalwa kuthiwa

> "Indoda kayibuzwa ukuthi ivelaphi"
> "Ungafaki isandla ekhukhwini lomyeni wakho"
> "Indoda uma ilele kubangane bayo ungayilwisi"

Zonke lezinto zishiwo ngoba kwaziwa kahle ukuthi lomuntu wesilisa

oshadayo akazukubayeka abesifazane abevele enabo futhi uzoqhubeka athole abanye uma ethanda.

**KWAMUKELEKILE UMA KWENZIWA NGASESE**

Inqobonje uma indoda imhlonipha umkayo.

Ngisho abefundisi, nezikhulu zombuso banabo ababo okuthiwa "abasekhwapheni"

Laba besifazane abathandana namadoda ashadileyo kabavikelekile nakancane.

Uma kuvela ingxabano kulula ukwehlukana; umuntu aqale phansi.

**KOZE KUBE NINI?**

Izingane abazizala kulamadoda kazilutho.

Oyise bayazibalekela, kabazondli, zingumthwalo kanina noma kagogo,

zikhula kanzima zihlupheka kungekho siqu sikababa ezingabheka kuye zifunde kuye isimilo nokuziphatha.

Noma unina angayenza imizamo yokuzikhulisa siyohlala sikhona isikhala sikababa kasinakugcwaliswa muntu ngaphandle kuka BABA.

Ezinenhlanhla izingane kuba yilezo uyise wazo ongamlahlanga unina; mhlayimbe ngenxa yokuthanda izingane, lona uzoba ngofihliweyo, ongaziwa ekhaya.....indoda iyomane ithi shelele; kubonakale ngoba ingabuyi ekhaya ..... iyoqhamuka isibika imbiba nebuzi ikhohlisa lonkosikazi wayo womshado ...... ngoba ingenakusho ukuthi iphuma komunye.

Lomuntu wesifazane onjena kavikelekile neze nezingane zakhe; uma kuvela isifo ishona lendoda; unkosikazi wayo obelokhu ethule sengathi akamazi, uyomazi ngalelo langa. Ufika aqoqe yonke impahla athathe ngisho nendlu abahlala kuyo uma kuyilezindlu zasesilungwini ezithengwayo, Lomuntu wesifazane asale dengwane nezingane zakhe.

## LINYE KUPHELA IKHAMBI

Umthokozisi, uMoya weqiniso, uMuhammad (ukuthula kube kuye) efunzelelwa nguMkhulukhulu usinika ikhambi kulenkinga

> "….. Ganwa ngabafazi obathandayo;
> Ababili noma Abathathu Noma Abane
> Kepha uma wenqena ukuthi uzohluleka
> Ukubaphatha ngokufanayo
> **GANWA NGOYEDWA**
>
> ***(Sura Nisaa) IKuran 4:3***

Ngokwempucuko yasentshona kulihlaya nje ukuba indoda ibe nezincinzwakazi ezilishumi, izale amashumi ezingane ezingamavezandlebe.

Kodwa uma kukhulunywa ngokuthi indoda ingaganwa ngabafazi abangaphezu koyedwa kuthiwa leyonto kayivumelekile.

> I – Islam ithi "yenze indoda ithwale umthwalo ongumphumela wenjabulo yayo.-
>
> yenze indoda izondle izingane zayo
>
> ngokuba uzenze izingane zibe ngezayo
>
> ngokomthetho.

Bakhona abesifazane abathandayo ukuba sesithenjini – Bavinjelelwani ?

Isithembu kakusiyo into entsha

AbaProfethi bakaMkhulukhulu babenesithembu.

ODavida NoSolomon babenesithembu samakhosikazi amaningi.

NomProfethi wokugcina uMuhammad wayenamakhosikazi alishumi nanye.

Nakwelakithi okhokho bethu babeganwe abafazi ngababili,

ngabathathu nangaphezulu kwalokho. Zazingekho lezizinkinga esibhekene nazo namhlanje.

Zazingekho izingane zasemgwaqeni (street kids) – kwakungekho ukwahlukana kwemishado nokuchitheka kwemizi.

Izinkinga ezikhungethe izwe lonke zingaphela uma kungalandelwa imfundiso yoMprofethi wokugcina, Umthokozisi, UMoya weqiniso uMuhammad (Salalahu alaihi wasalam)

Zingaphela izidakwa

Zingaphela izinkedama ezingenabo oyise bephila

Kungancipha inkohlakalo

Kungancipha abagqekezi

Isintu singahlangana

"Ngokuba yena (Umoya weqiniso)

uyakuniholela eqinisweni lonke"

***Johane 16:13***

"Nina bantu bencwadi
Ningeqisi ekwenzeni kwenu ngokwenkolo
Ningakhulumi okungesilo iqiniso ngoMkhulukhulu
UKristo uJesu indodana kaMariya
WayenguMprofethi kaMkhulukhulu kuphela
eyilizwi lakhe alibeka kuMariya
engumoya futhi ophuma kuye.
Ngakhoke kholwani kuMkhulukhulu
Nasesithunyweni sakhe;
Ningathi "Bathathu" xwayani
lokhu kuyonilungela
Ngoba uMkhulukhulu unguMkhulukhulu
Oyedwa
udumo malube kuye
Ngokuba yena uphakeme
Ngaphezu kokuba abe Nendodana.
Konke okudaliweyo kungokwakhe
okusezulwini nokusemhlabeni
Nguyena yedwa ophumelelisayo

***(IKuran engcwele – Surah NISAA : 4:171)***

Abantu bencwadi kushiwo labo abangamaKristu namaJuda, babizwa ngaleligama ngokubahlonipha ngoba bembulelwa izincwadi zika Mkhulukhulu ngaphambi kokwembulwa kweKuran.

Kulelivesi leKuran uMkhulukhulu uyabexwayisa ukuba bangamhlanganisi nalutho kodwa bakhonze yena yedwa okunguye yedwa owadala izulu nomhlaba kanye nezidalwa zonke ezisezulwini nezisemhlabeni; ezibonakalayo nezingabonakaliyo.

Amazwi aloluhlobo ayaphindaphinda encwadini iKuran engcwele ezindaweni eziningi ngezindlela ezahlukene; okukhombisa ngokusobala ukuthi uMkhulukhulu ufuna abantu bawezwisise ukuze baqonde kahle.

Ngokwenkolo yobuKristu uJesu uyindodana kaMkhulukhulu ezelwe

yodwa; uyingxenye yobuNkulunkulu ngoba ngowesibili ezingxenyeni ezintathu. Eyokuqala ingxenye "Nguyise" eyesibili "Yindodana" eyesithathu "Ngumoya ongcwele.

Lezingxenye ezintathu, zinguMkhulukhulu oyedwa; okusho ukuthi nakuba lezizingxenye ngayinye inobuNkulunkulu kodwa kazisibo oMkhulukhulu abathathu, zinguMkhulukhulu oyedwa.

Okusho ukuthi uMkhulukhulu uyise ozala indodana, akasiyona yena indodana futhi nendodana kayisiye uyise; nomoya ongcwele uzimele wodwa kawusiye uyise noma indodana kodwa ungumoya kayise nendodana, naye umoya ongcwele uyalingana noyise nendodana. (Bheka incwadi "What is Christianity Page 3)

Lesiqeshana sakhishwa encwadini kaSaint Augustine owayenguMbhishobhi webandla lase maRomeni owabhala ngeCentury yesithathu echaza ngobuthathu bukaMkhulukhulu.

UMbhishobhi uSaint Augustine lento yobuthathu bukaMkhulukhulu yayimhlupha kakhulu; naye uqobo engatholi ukuthi lento yenzeka kanjani.

Ngeke ngisho ukuthi wagcina eyitholile impendulo ngoba lento ayichaza kulesiqeshana idinga ukuchazwa yona ngokwayo, kayichazi ukuthi kwenzeka kanjani ukuba uyise alingane nendodana. Abafundisi uma ubabuza ngalento bathi iyimfihlo kaMkhulukhulu.

Thina maMuslim sithi munye uMkhulukhulu, kanamixhantela, kanabalingani. Unguyena yedwa owadala izulu nomhlaba, oyobuye asiqoqe futhi ngosuku lokugcina asahlulele ngempilo esiyiphilile emhlabeni, asivuze noma asijezise.

Bonke abaProfethi bakaMkhulukhulu bafika nomyalezo ofanayo; bonke babeshumayela ngoMkhulukhulu **OYEDWA**.

Ngisho noJesu (ukuthula kube kuye) washumayela kaninginingi ngokuthi Munye UMkhulukhulu.

"Yizwani ma Israel
inkosi uMkhulukhulu wethu
uyinkosi yena yedwa

***(Mark 12:29)***

Ngasemva kokuba uJesu ebeke izandla zakhe phezu kwabantwana wabakhulekela omunye wathi kuye.

"Mnumzane olungileyo
Ngingenzani engukulunga
ukuze ngithole ukuphila
kwaphakade na ?

UJesu waphendula wathi:

"Ungibizelani ngolungileyo na ?
Munye kuphela olungileyo,
lowo nguMkhulukhulu,
Kepha ukuze uthole ukuphila kaphakade
***GCINA IMITHETHO***

Wabuza wathi miphi yona?

UJesu wathi

"Ungabulali, ungaphingi
ungebi, ungafakazi ngamanga
yazisa uyihlo Nonyoko,
uthande Umakhelwane wakho
njengoba uzithanda

***(Mathew 19:13-19)***

UJesu (ukuthula kube kuye) uchaza ngokusobala ukuthi yena kasiye uMkhulukhulu ngakho-ke kanakubizwa ngolungileyo ngoba nguMkhulukhulu yedwa olungileyo.

Ngiyabezwa abasindisiwe bethi
"UJesu wayekusho ngamabomu
lokhu ngoba ngalenkathi esemhlabeni

wayesesimweni somuntu
engafuni ukuzilinganisa noMkhulukhulu."

Kuphi lapho ethi khona nginguNkulunkulu?

Abasindisiwe bazoshesha bangifundele uJohane 10 ivesi lamashumi amathathu lapho kuthiwa uJesu wathi

"Mina nobaba simunye"

Ake sibheke ukuthi kwakwenzenjani uJesu aze athi mina nobaba simunye; wayeqonde ukuthini ngalokho.

Ngalolusuku uJesu wayeshumayela phakathi kwamaJuda. Wayesesho izinto eziningi ezibaliwe kusukela ekuqaleni kwesahluko seshumi encwadini kaJohane,

Abe esebuzake AmaJuda ukuthi
"koze kube nini usenza singabaze
Uma unguKristu sitshele ngokusobala.

UJesu wabaphendula wathi

"Nginitshelile kodwa kanikholwanga;
Imisebenzi engiyenzayo ngegama likababa
iyangifakazela, Kepha kanikholwa
ngoba kanizona izimvu zami njengoba
nginitshelile
Izimvu zami ziyalizwa izwi lami
nami ngiyazazi,ziyangilandela
Ngiyazinika ukuphila okuphakade
Kazisoze zabhubha; AKEKHO FUTHI
ONGAZIHLWITHA ESANDLENI SAMI
Ubaba onginike zona mkhulu
Ngaphezu kwakho konke
AKEKHO ONGAZIHLWITHA ESANDLENI
SIKABABA
MINA NOBABA SIMUNYE) ."

***(Johane 10:24 – 30)***

UJesu uthi izimvu zakhe (abakholwa kuye) zisesandleni sakhe; ngakho-ke zivikelekile ngoba wazinikwa nguyise (uMkhulukhulu).

Akekho ongaba namandla okuzihlwitha esandleni sakhe ngoba njengoba zisesandleni sakhenje; zisesandleni salowo owamnika zona okunguyena omkhulu ngaphezu kwezinto zonke. Kanakuzidedela zihlwithwe yizitha ngoba

**"MINA NOBABA SIMUNYE"**

> Kufanele kukucacele ukuthi uJesu akasho ukuthi
> "Mina nobaba simunye ebukhosini basezulwini"
> kodwa uthi
> "Mina nobaba simunye ekuvikeleni
> abakholwayo."

Noma ungakhipha bonke ubufakazi bokuthi uJesu (ukuthula kube kuye) kasiyena uMkhulukhulu awukakhulumi ungakasho lutho ngencwadi yokuqala kaJohane.

> "Ekuqaleni wayekhona ulizwi
> ulizwi wayekuNkulunkulu
> ulizwi wayenguNkulunkulu"

***(John 1:1)***

Lamazwi kuthiwa abhalwa nguJohane umfundi kaJesu.

> Wayengubani yena uJohane ?
> Kungaba nguJohane indodana kaZebedewu ?
> Zonke izinkomba ziyaphika ngoba uJohane indodana kaZebedewu wayengafundile (Bheka izenzo 4:13)

Kepha uma ulifunda ivangeli lika Johane uyezwa ukuthi labhalwa ngumuntu owabe enemfundo ephakeme. Lelivangeli lehlukile kulamavangeli amathathu asebhayibhelini.

> Kepha pho wayengubani yena uJohane ?
> Izingqapheli ziyaqinisa ngokuthi uJohane lo okuthiwa

wabhala ivangeli kakusiyena uJohane indodana kaZebedewu kodwa ngomunye uJohane obizwa ngoJohane Omdala (John the elder).

Encwadini "What is Christianity ", ekhasini lamashumi amane nantathu(43) kuthiwa umbhali othile ongumKristo encwadini yakhe ebizwa ngokuthi Barakatullah Vol. 2 P140 uchaza kanje:

> "We have reached the conclusion
> that the narration that the Gospel
> of John was written by John the son
> of Zebedewu is incorrect.

Okusho ukuthi "sifikile esiphethweni sokuthi inkulumo ethi ivangeli lika Johane labhalwa ngu Johane indodana kaZebedewu iliphutha.

Umakuliqiniso ukuthi ivangeli likaJohane labhalwa nguJohane omdala (John the elder) loJohane akazange abe ngumfundi kaJesu kodwa waba ngumfundi wabafundi bakaJesu emva kokwenyuka kukaJesu.

Kuthiwa loJohane wayengumfanyana ngesikhathi sokubethelwa kukaJesu (Bheka incwadi "What is Christianity Page 45-46) ngakhoke ngeke azi lutho ngendaba kaJesu ngaphandle kwalokho akuzwa exoxelwa ngakho.

Encwadini "What is Christianity Page 46" kucashunwe amazwi ka Professor Streeter ebhala ngendaba kaJohane omdala uthi:-

> "UJohane Omdala uchwaza ngu Papias
> "Njengomfundi wenkosi," kodwa u Polycorp
> yena uthi ungumfundi owayibona inkosi.
> Kasisho ukuthi kukhona akwenza
> ngaphandle kokumbona (UJesu) esengumfanyana
> ongaba seminyakeni elishumi
> nambili ubudala efike eJerusalem
> noyise beze emkhosini wephasika,
> Kungenzeka futhi ukuthi wayekhona

> esixukwini sabantu esasibukela
> ukunqanyulezwa – Abantu balezonsuku
> babengaqapheli ukuzifihla izinto
> ezinjalo kubantwana. Uma kunjalo-ke
> ngonyaka ka 95 AD wayeseneminyaka
> engamashumi ayisikhombisa nesikhombisa
> ubudala.
> Ivangeli lokuqala likaJohane
> Labhalwa ngumuntu osekhulile
> Osekulula kuye ukuthi "Bantabami"
> esikhundleni sokuthi "Bazalwane" evesini
> elilodwa (IJN iii 13 and 18)
>
> Akunzima-ke ukubona ukuthi uJohane
> Omdala walibhala lelivangeli phakathi
> Kuka 90 No 95 AD eseneminyaka engashumi
> Ayisikhombisa nesikhombisa noma ngaphezulu
> ***(What is Christianity P46 – 47) (Ihunyushiwe)***

Uzothi uJohane wabhala ivangeli efunzelelwa nguMoya Ongcwele?

Ezincwadini engizifundile angizange ngihlangane nencwadi echaza ukufunzelelwa ngumoya ongcwele, ukuthi umuntu ofunzelelwa ngumoya ongcwele ubonakala ngani nokuthi wehluke ngani kumuntu obhala into ayicabangayo;

Uma uJohane abhala ivangeli eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nesikhombisa, engazange abe ngumfundi kaJesu; sekuphele iminyaka engamashumi ayisithupha ahamba uJesu emhlabeni zingakholeka yini izinto abhale ngazo ? Ziliqiniso kangakanani ?

Lelivangeli labhalwa sebafa bonke abafundi bakaJesu; futhi yilo lodwa elikhuluma ngalokho okwenzeka EKUQALENI. Ekudalweni komhlaba.

Kuyasicacela ukuthi uma kunguJohane omdala owabhala ivangeli likoJohane okokuqala wayengazange abengumfundi ka Jesu

Okwesibili walibhala lelivangeli eseneminyaka eyevile emashumini ayisikhombisa.

Angazazi kanjanike lezinto abhale ngazo?. Uzongitshela ukuthi wayefunzelelwa uMoya Ongcwele?.Ayike akesibheke ukuthi loMoya Ongcwele umfunzelela kungcinephi. UJohane esichazela ngokuthola kuka Jesu abafundi bakhe izelamani uSimon Petro nomfowabo uAndrew uthi

> "Labafundi ababili bamuzwa ekhuluma
> bamlandela (uJesu)
> waphenduka uJesu wathi kubo
> "Nifunani ?
> Bathi kuye Mfundisi; uhlalaphi ?
> wathi kubo "Wozani nizobona"
> bayake babona lapho ehlala khona
> basebelala khona ngoba kwase
> kulihora leshumi
> Omunye kulabo ababili ababemuzwe
> Ekhuluma bamlandela kwaku
> nguAndrew umfowabo ka
> Simon Petro
> Waqala wayofuna umfowabo
> uSimon Petro wathi kuye;
> "Simtholile uMesiya ochazwa
> ngokuthi ogcotshiweyo
> wabeseza naye kuJesu.
> Kwathi uma uJesu embona wathi
> "UnguSimon indodana kaJona;
> usuzobizwa ngo Cephas okusho
> ukuthi "itshe.
> Ngakusasa uJesu waya eGalile
> Wafika uPhilip wathi ngilandele ***(John 1:37 – 43)***

Kephake UMatthew yena uyilanda ngendlela eyahluke kakhulu lendaba uthi:

> "UJesu ehamba ngasolwandle
> lwase Galile wabona izelamani
> uSimoni okuthiwa nguPetro
> noAdrew befaka amanethi abo
> phakathi olwandle ngoba babe
> ngabadobi wathi kubo
> ngilandeleni ngizokunenza
> abadobi babantu
> Basebesuka bashiya amanethi
> abo bamlandela.

Uzongivumela ukuthi okushiwo nguMatthewu kwehluke kakhulu kulokho okushiwo nguJohane mayelana naloludaba.

Yikuphi okuyiqiniso?

> Uma kuliqiniso ukuthi uJesu
> wabafica bedoba njengoba
> esho uMatthew kusobala
> ukuthi uJohane kakhulumi
> lona iqiniso ngoba phela
> yindaba eyodwa le. Wabafica
> olwandle bedoba noma
> wafica uAndrew ezihambela noJohane uMbhabhadisi
> wayesemlandela?

Uma uJohane efunzelelwa nguMoya oNgcwele pho weduswa yini manje? Yini asitshele into engekho?

Abangama Krestu phela bavumelana no Matthew ngokuthi uJesu wabafica bedoba, ingani sebaze baqamba iculo elithi:-

> **I will make you fishers of men, fishers of men, fishers of men,**
> **I will make you fishers of men if you fol.....lo...w.....me.**

Akukho culo elithi

"woza simtholile uMessiya"

Njengoba kusho uJohane

Ngiyabuzake ngithi uma uJohane engakhulumi iqiniso kulendaba yini ezokwenza sikholwe yilokhu akushoyo?

Ngithi mina njengoba kungesilo iqiniso akushoyo ngokuthola kuka Jesu izelamani uSimon no Andrew kanjalo nalokhu akusho ekuqaleni kweVangeli lakhe akusilo iqiniso.

Munye Umkhulukhulu, wayelokhu emunye selokhu kwaba nini uyolokhu eyedwa kuze kube phakade, kazali, kanamixhantela, kanabangani, nguye yedwa owadala amaZulu noMhlaba nezidalwa zonke eziseMazulwini naseMhlabeni.

## ISITHUNYWA SIKAMKHULUKHULU

"Bayahlambalaza labo abathi
uJesu indodana kaMariya
unguMkhulukhulu.
Yithi (kubo) ngubanike onamandla
ngisho amancanenje ngaphezu
kukaMkhulukhulu.
Uma wayethandile wayeyakuchitha
uKresto indodana kaMariya
kanye nonina nakho konke
nabo bonke abasemhlabeni

Ngokuba umbuso wonke ungoka
Mkhulukhulu ezulwini nasemhlabeni
nasemkhathini. Udala lokho
Akufunayo, ngokuba uMkhulukhulu
Ungophezulu konke.

***(iKuran engcwele: Sura Maida 5:19)***

## UMPROFETHI WAMAJUDA

Kusukela ekufikeni kwakhe uJesu lapha emhlabeni; ngesikhathi aqala ngaso ukushumayela wayala ngokuba kukhonzwe uMkhulukhulu; wakwenza futhi kwacaca obala ukuthi uyisithunywa sikaMkhulukhulu nokuthi konke akwenzayo ukwenza ngamandla alowo omthumileyo.

Wakwenza kwacaca futhi ukuthi uthunywe esizweni samaJuda, akezele abantu bonke.

> UJesu uthi kubafundi bakhe
> "Isivuno sikhulu kodwa abasebenzi bayingcosana
> Ngakhoke khulekani ukuba umnini
> wesivuno athumele abanye abasebenzi
> esivunweni sakhe ."
>
> ***(Mathew 9:37-38)***
>
> Laba abalishumi nambili uJesu
> Wabathuma wabayala wathi
> **NINGAYI NGENDLELA YABEZIZWE**
> **NASEMIZINI YAMASAMARIYA NINGANGENI**
> **KODWA HAMBANI NIYE EZIMVINI**
> **EZILAHLEKILE ZENDLU KAISRAEL**
>
> ***(Mathew 10:5)***

Izimvu ezilahlekile zendlu kaIsrael ngamaJuda ngoba phela amaJuda ayinzalo kaJakobe owayebizwa ngokuthi unguIsrael.

Yilesisizwe uJesu owayethunywe kuso ukuba azosinqanda emikhubeni yaso ngoba amaJuda ayesehlubukile engasagcini imithetho abe eyimiselwe nguMkhulukhulu.

Kusukela kudala ngesikhathi sika Moses amaJuda atholakala njalo enza izinto eziphambene nomthetho. UMoses uzwakala ekhala ethi:-

> "Nihlubukile emithethweni yenkosi
> uMkhulukhulu wenu, kanisamkholwa

Nezwi lakhe kanisalizwa.

***(Deutoronomy 9:23)***

UMoses, UMprofethi kaMkhulukhulu owakhethwa nguMkhulukhulu ukuba akhulule amaJuda ebugqilini baseGibhithe wazithola esenkingeni ngoba amaJuda engalaleli, phezu kwezimangaliso azenza uMkhulukhulu ngesandla sikaMoses babetholakala ngaso sonke isikhathi sebengathi bakhohliwe ngumusa uMkhulukhulu abenzele wona. ebakhipha ebugqilini, ebawelisa ulwandle olubomvu, ebondla ngemana; ebathembisa izwe elinobisi noju lwezinyosi.

Kaninginingi bawephula umthetho kaMkhulukhulu Umdali Nomondli wabo.

UMoses uyehluleka ukuqhubeka nokuncenga uthi

> "Ngoba ngiyakwazi ukuhlubuka kwenu
> nezintamo zenu ezilukhuni.
> Bhekani niyihlubukile inkosi ngisaphila
> Ngisahlezi nani, kuyobanjani
> ngingasekho phakathi kwenu ?"

***(Deutoronomy 31:27)***

Konke ukuncenga kukaMose akusizanga lutho amaJuda aqhubeka nokugila imikhuba, bamchukuluza uMkhulukhulu inkosi yabo ngokukhonza izithixo bamthukuthelisa waze wathi

> "Bayangicasula ngezinto ezingeMkhulukhulu
> Bangichukuluzile bangithukuthelisa ngezinto
> Ezicasulayo.
> Ngizobenza babe nomona ngezinto ezingebantu
> Ngizobachukuluza ngibacasule
> Ngesizwe seziwula."

***(Deutoronomy 32 : 21)***

Naphezu kokuba uMkhulukhulu esefikile kulesinqumo. Kodwa kasheshanga ukuwalahla amaJuda ngoba abe eyisizwe sakhe esikhethiweyo.

Wathumela uJesu indodana kaMariya ukuba ayowaluleka awabuyisele endleleni.

IKuran engcwele ithi:

> "Khumbula uJesu indodana
> kaMariya wathi:
> "O, Bantwana bakwa Israel
> Ngiyisithunywa sikaMkhulukhulu
> esithunywe kini."

Nango-ke uJesu ethuma abafundi bakhe ebayala ukuba bangangeni emizini yabezizwe neyamaSamariya kodwa baye kuphela emizini yamaJuda ***(Mathew 10:5)***

Uyaphinda uJesu ukhumbuza abafundi bakhe ukuthi yena wezela amaJuda kuphela

> "Bheka owesifazane waseKhanana
> wavela emikhawulweni (Yase Tyre nase Sidon)
> wazikhalela kuye ethi
>
> "O Nkosi, ndodana kaDavide
> indodakazi yami iphethwe yidimoni
> Kodwa kayiphendulanga nangelilodwa izwi
> Abafundi bakhe basebeza kuye
> bamncenga bethi "Msize ahambe,
> kade esikhalela.
> UJesu waphendula wathi;
> 'ANGITHUNYELWANGA KWABANYE
> KUPHELA EZIMVINI EZILAHLEKILE
> ZENDLU KAISRAYELI"

***(Mathew 15:22 – 24)***

**FUNDA ! QHUBEKA**

"Ngoba owesifazane othile owayenendodakazi esencane enomoya omubi wayezwile

ngaye, weza kuye wazilahla
ezinyaweni zakhe:
Lo wesifazane wabe engumGriki
Engowesizwe sana SynoPhenician
Wamncenga ukuba akhiphe
amadimoni endodakazi yakhe
Kepha uJesu wathi kuye
"AKE KUSUTHE ABANTWANA KUQALA
NGOKUBA AKULUNGILE UKUTHATHA
ISINKWA SABANTWANA USIPHONSELE IZINJA

***(Mark 7:27)***

Ngempela loMprofethi wamaJuda wakwenza ayekuthunyiwe kepha wadunyazwa yiwo amaJuda angazange amamukele.

Empilweni yakhe kazange aphendule noyedwa owayengesilo iJuda.

Ngisho nakubafundi bakhe wayengekho noyedwa owayengesilo iJuda

Waba neqiniso ukuthi bonke abafundi bakhe kube ngabesizwe sakubo, ngoba wayekwazi akuqondile ngabo.

"Kothi lapho indodana yomuntu
isihlezi esihlalweni sayo sobukhosi
nodumo
Nina (bafundi) niyohlala ezihlalweni
Zobukhosi ezilishumi Nambili
NAHLULELE IZIZWE EZILISHUMI NAMBILI
ZAKWA ISRAYELI."

***(Matthew 19:28)***

Phela uJakobe (uIsrayeli) wabe enamadodana alishumi nambili okwavela kuwo izizwe ezilishumi nambili zakwaJuda.

Yilezizwe ezilishumi nambili uJesu athembisa abafundi bakhe ukuthi bayokuba ngabehluleli bazo. Ngisho NoJudas Iscaritot ubaliwe ukuthi naye njengomunye wabalishumi nambili uyohlala esihlalweni

sobukhosi ahlulele lesosizwe sakwaJuda esiyobe siqondene naye.

Ibandla lamaKrestu liyamlahla uJudas ngoba lithi wanikela uJesu ekufeni ngenxa yokuthanda imali. Kepha mina ngiyazibuza ukuthi njengoba bethi uJesu weza emhlabeni ukuba azofela izino zabonje bamzondelani uJudas lokhu phela unesandla ekusindisweni, kwabo. Ukuba uJudas kakwenzangalokhu okuthiwa wakwenza, uJesu wayengeke abethelwe, okusho ukuthi wayengeke awufeze umsebenzi owabe ewuzele emhlabeni, wokufela izono.

Njengoba abangamaKristu sebemlahlanje uJudas ubani oseyokwahlulela lesizwe okwakuthiwe uyosahlulela ?

Angiqondile ukuba ngummeli kaJudas kulelicala ethweswa lona ngamaKristu kodwa ngiqonde kuphela ukukhombisa ukuthi uJesu (ukuthula kube kuye) wayenguMprofethi wamaJuda, wayethunywe nguMkhulukhulu emhlabeni ukuzobuyisela amaJuda endleleni. Abantu abangesiwo amaJuda wayengenandaba nabo futhi engakufihli lokho.

Bheka ngoba mhla ekhuluma nowesifazame owayenguMsamariya uJesu walibeka ngembaba elokuthi insindiso ngeyamaJuda.

Lo wesifazane uthi kuJesu
"Obaba babekhonza kulentaba
Kodwa wena uthi eJerusalema
Yindawo lapho abantu
Kufanele bakhonze khona
UJesu waphendula wathi
Mfazi, kholwa yimi; ihora
Liyeza lapho ningayiku khonza ubaba
Kulentaba, ngisho naseJerusalema imbala.

NINA NIKHONZA LOKHO ENINGAKWAZI
SIYAKWAZI THINA ESIKUKHONZAYO
NGOKUBA INSINDISO INGEYAMAJUDA

***(Johane 4: 20 – 22)***

(Bheka ibhayibheli lesingisi iKing James)

Bukhona yini ubufakazi obedlula lobu ?

Bekufanele ngigcine lapha. Kodwa ngiyazi ukuthi abangamaKristu, ikakhulu laba abathi basindisiwe kababheki ubufakazi.

Kwafakwa ezingqondweni zabo ukuthi uJesu wafela izono zabo. Lento bayitshelwa kusukela ekuzalweni kwabo, bakhuliswa ngayo beyicula njengemilolozelo, bayifunda ezincwadini yangena yagxila ezingqondweni.

NGUMKHULUKHULU KUPHELA OYOKHANYISA IZINGQONDO ZABO

Okwami kuphela ukuba ngibeke phambi kwabo iqiniso ngiyekele kuye abakhanyisele labo athanda ukubakhanyisela.

UJesu (U.K.K) wathola amathuba amaningi okuba achazele abantu ukuthi yena ungubani. Ukuba wabe eyingxenye yobuNkulunkulu wayeyokuveza lokhu.

Cabangisisa kahle;

Nangu umuntu efika kuJesu ethi kuye ngenhlonipho.

> Mfundisi olungileyo, yini enhle
> Engingayenza ukuze ngingene
> Embusweni waseZulwini ?"

***(Mathew 19:17)***

Lomuntu ukhombisa ukukholwa yizinto azishoyo uJesu; ucela kuye isaluleko ukuthi yini okufanele ayenze ukuze angene embusweni wasezulwini.

Uma ngingabuza lombuzo namhlanje kubantu abathi bakholwa kuJesu yinye kuphela impendulo engingayithola

> "yamukela uJesu njengeNkosi
> noMsindisi wakho."
> Kepha uJesu uthi "GCINA IMITHETHO"

Kuphelanje: Gcina imithetho

ukusho lokhu eseqale ngokukuphika ukuthi yena ongolungileyo, phezu kokuba elungile njengomuntu kaMkhulukhulu, nokho uyaphika uthi "Akekho olungileyo ngaphandle

kukaMkhulukhulu."

Nanti ithuba elihle lokuba uJesu achaze ukuthi ngaphezu kokugcina imithetho umuntu uyongena embusweni wezulu NGOKWAMUKELA MINA NJENGENKOSI NOMSINDISI WAKHE.

Ungasho wena uthi hhayi phela wayengafuni ukuzikhukhumeza; uma kunjalo vuma-ke ukuthi uJesu wamkhohlisa lomuntu akamtshelanga iqiniso, ngoba phela lomuntu wahamba eneqiniso lokuthi uma egcine imithetho uyobe uqedile, ngoba UJesu kazange athi kukhona okunye.

Kuthiwa uJesu wabuye wabuzwa futhi ngomunye owabe eyisazi somthetho owabuza wathi.

> "Mfundisi, yimuphi umyalo
> omkhulu emthethweni na ?

UJesu waphendula wathi

> "wothanda inkosi uMkhulukhulu wakho ngenhliziyo yakho yonke
> nangomphefumulo wakho wonke
> nangengqondo yakho yonke
> Lomthetho ngowokuqala ongomkhulu.
> Owesibili ufana nawo
> wothanda umakhelwane wakho
> njengoba uzithanda.
> Kulemiyalo emibili kuphelele
> Wonke umthetho nabaProfethi

***(Mathew 22: 35 – 40)***

Nanti futhi ithuba lesibili lokuba uJesu atshele abantu ukuthi kufanele bamamkele yena njengenkosi nomsindisi wabo.

UJESU UTHI Kuphelanje THANDA INKOSI UMKHULUKHULU WAKHO – UTHANDE UMAKHELWANE NJENGOBA UZITHANDA.

Ibhayibheli ligcwele izindawo ezifana nalezi esengizibalile lapho uJesu ephika khona ukuthi Ungenye into ngaphandle kokuba yisithunywa sikaMkhulukhulu.

Uveza ngokusobala ukuthi yena ngokwakhe kanamandla, kodwa konke akwenzayo ukwenza ngamandla kaMkhulukhulu.

**"MINA NGINGEZENZELE LUTHO**
**NGAHLULELA NJENGALOKHO ENGIKUZWAYO**
***(Johane 5:30)***

**"KEPHA UMA NGIKHIPHA AMADIMONI**
**NGOMUNWE KANKULUNKULU**
**UMBUSO KANKULUNKULU USUFIKILE**
***(Luka 11:20)***

**UJESU WAPHAKAMISELA AMEHLO**
**AKHE EZULWINI WATHI**
**NGIYAKUBONGA BABA NGOBA**
**UNGIZWILE**
**NGIYAZI UKUTHI UYANGIZWA NJALO**
**KEPHA NGENXA YESIXUKU ESINGIPHAHLILEYO**
**NGIKUSHILO (NGEZWI ELIPHAKEME) UKUZE**
**BAKHOLWE UKUTHI NGUWENA ONGITHUMILE**
***(Johane 11:41 – 43)***

## IBANDLA LOKUQALA

Ibandla lokuqala kwaba ngabafundi bakaJesu abamlandela; kodwa ngaphandle kwabafundi bakhe abalishumi nambili lalikhona ibandla, njengo Josefa wase Arimateya No Nikhodimus Nabanye.

Bonke laba babelalela izintshumayelo zikaJesu bekholwa kuMkhulukhulu owadala izulu nomhlaba. Babemthanda uJesu bemhlonipha kakhulu njengomholi wabo kodwa kabazange bamkhonze.

Ake ulalele ukuthi uthini uPetro ekhuluma namaJuda

> "Madoda akwa Israel, lalelani
> lamazwi; uJesu wase Nazaretha
> INDODA EFAKAZELWE NGUMKHULUKHULU
> Phambi kwenu ngemisebenzi
> yamandla nezimangaliso
> UNKULUNKULU AZENZA NGAYE
> Phakathi kwenu njengalokhu
> Nani uqobo lwenu Nazi."

*(Izenzo 2:22)*

Labo abangamaKristu, ikakhulu labo abathi basindisiwe, uma sebecindezelekile bayaye bazibe ngokuthi ibhayibheli lidinga ukuchazwa; noMbhishobhi webandla lami engangikholwa kulo ngaphambi kokuba ngibe yiMuslim kwathi uma ngimtshela ngokuthi uJesu wayezele isizwe samaJuda kuphela emhlabeni, Ngimtshela ukuthi kafunde kuMathewu 10 ivesi lesihlanu wangiphuthuma ngokuthi ibhayibheli kalifundwa njengoba mina ngilifunda ngoba lidinga ukuchazwa.

Kuyamangalisa ukuthi kwenziwa yini amaKristu athathe into elula nezwakalayo afune ukuyichaza ngendlela yawo ezovumelana nendlela abafuna wena olalele uyizwe ngayo.

Awubhekenje; kulencwadi ngiveza izindawo ezimbalwa ezikhombisa

ngokusobala ukuthi uJesu wezela amaJuda kuphela kodwa izimfundiso zeminyaka zingesuswe yilamazwi engiwashoyo; Ngu Allah Taa – ala (Umdali ) kuphela oyobakhanyisela labo athandayo ukubakhanyisela.

Ngesikhathi ngikhuluma noMbhishobhi wami ngimtshela ukuthi uJesu (ukuthula kube kuye). Wayezele abesizwe sama Juda yena ethi iBhayibheli lidinga ukuchazwa ngathi uma ngibuyekeza ngenqondo lamazwi atholakala kuMatthew 10 evesini lesihlanu angakuthola okudinga ukuchazwa, ngoba phela ayisiZulu esizwakalayo, athi:

> "Laba abalishumi nambili
> UJesu wabayala wathi
> Ningayi ngendlela yabezizwe
> Nasemizaneni yamaSamariya
>
> Ningangeni, kodwa hambani niye
> Ezimvini ezilahlekile zendlu
> Ka-Israel ***(Matthew 10:5)***

Sifunelani ukuba lamazwi asho okunye okungesiko lokhu akushoyo?. Lamazwi athinje kuphela bangayi (Abaphostoli) ukuyoshumayeza abezizwe, nabanye kuphela makaye kwabangamaJuda.

Nganina?

Ngoba yena (uJesu ) akathunyelwe kwabanye ngaphandle kwezimvu ezilahlekile zendlu ka Israel.

Kusho bani kanjalo!?

Kusho uJesu! Ingani washo njalo kuleyankosikazi yase Canaan eyayimcenga ukuba aphilise indodakazi yayo ***(Matthew 15:22-27)*** wakusho futhi enkosikazini eyayingumGreek ***(Mark 7:27)?***

Waphinda futhi wakusho kuleyankosikazi eyayimbuza ngokuthi usholoni ukuthi kumele kuthandazwe eJerusalem lokhu oyise babethandaza "kulentaba!"Ibhayibheli lithi Ujesu walimisa ngesihloko wathi

"nina nikhonza into eningayazi,
siyakwazi thina esikukhonzayo,
ngoba insindiso ingeyamaJuda."

***(John 4:21-23)***

Ngaphandle kwalabo abangafuni ukucabanga , labo abazingqondo zabo seza ngcwaliswa ngomoya wokuphikisa noma yini engase iveze ukuthi lokhu okushiwo ngabefundisi babo kungase kungabi liqiniso, akekho ongaphika ukuthi lamazwi engiwabhale ngenhla akhombisa ngokusobala ukuthi uJesu (ukuthula kube kuye) wayezele kuphela labo abangamaJuda, nokuthi akukho lutho kulamazwi okuveza ukuthi inhloso yokuza kukaJesu kulomhlaba kwakungeyokufela izono zomhlaba.

Sekuvele abangamaKrestu asebekuvuma manje ukuthi UJesu wayezele isizwe samaJuda. Kodwa sebethi manje UJesu weza emhlabeni namavangeli amabili, ivangeli lamaJuda nevangeli labezizwe.

Ngiqale ukuyizwa lento ngamhla ngihanjelwe ehhovisi lami ngowesifazane ongumlungu oweza ehhovisini lami ephekezelwe ngowesilisa emva kokufunda ngami ephephandabeni elalikhuluma ngokwethulwa kwalelibhuku ngokokuqala ehholo yase Orient mhla zingama 29 kuOctober 2002.

Ekwethulweni kwalelibhuku isihambeli esebalulekile kwakuyiSilo, inkosi uZwelithini KaBhekuzulu okwaba yindaba enkulu emaphephandabeni kwaze kwakhishwa isithombe sengonyama yamukela lelibhuku kimi. Labelunguke babefunde ngalendaba ephephandabeni lesiLungu eliphuma ngesonto, wayesengishayela ucingo lo wesifazane wathi kimi unomyalezo wami awuthunywe nguMKhulukhulu.

Ngaba nentshisekelo enkulu yokuthola lomyalezo ngasengithi akeze lowonlungu ngalo lelolanga ngehora lesithathu.

Ngadumala nokho umangiwuthola umyalezo lowo ngoba ngezwa yona leyondaba endala engingadingi nokuyichaza lapha, ngoba phela

inkolo yobuKrestu yinye. Oyilungu lebandla elithile uyozama ukukutshela into efana naleyo owayitshelwa ngabamanye amabandla kodwa uyozama ukuba kube sengathi elakhe ibandla lehlukile kwamanye amabandla, elakhe yilona –lona.

OngumKresu ungumKrestu, noma angabangowaliphi ibandla inkolo yakhe iyefana nenkolo yabanye abakwamanye amabandla. Ukholwa yiNkosi UJesu Krestu owafela izono zakhe.

Ngamyeka lo wesifazane wakhuluma imizuzu engamashumi amabili ngaphandle kokumphazamisa, ngathula ngalalela.

Emva kokulalela inkulumo yalowoMlungu wesifazane ngabe sengibachazela abelungu ngibavezela ukuthi UJesu (ukuthula kube kuye) akasiyo indodana kaMkhulukhulu nokuthi emhlabeni wayezele amaJuda. Ngathola ukumangala uma ngizwa indoda yomlungu ingivumela ukuthi uJesu wayezele amajuda ngacabanga ukuthi inkulumo yethu ingase ihambisane. Gwiqiqi Umlungu

> "Uyabona" Kusho yena lomlungu
> "Ekuqaleni uJesu washumayela ivangeli
> lamaJuda. Ukuba wayegcine ngalo
> sasiyosala ngaphandle thina esingesiwo
> amaJuda kodwa uJesu weza emhlabeni
> namavangeli amabili, elamaJuda kanye
> nevangeli labezizwe."

Kwaba yinto entsha le kimina.

Thinake esingamaSulamane sikholwa yivangeli likaJesu okuyilo lodwa(elibizwa ngokuthi injeel) elashunyayelwa nguJesu asilazi elesibili.

Noma ingaba khona inhlansana yokukhanya oyibonayo uzozibuza imibuzo emininzi ngoba kulencwadi kanginakuqeda yonke imibuzo esengqondweni yakho.

Imibuzo efana nokuthi

Pho uJesu wanqanyulezelwani ?
Pho wayesholani ukuthi uyovuka
ngosuku lwesithathu ?

Wake washo yini ukuthi uyovuka ngosuku lwesithathu ?

Izifundiswa ezingamaKrestu ezifunde umlando wezenkolo yobuKristu ziyavumelana ngokuthi izinto ezazishiwo nguJesu kazizange zibhalwe noma zilotshwe phansi esahamba emhlabeni. Kwaphela amashumi eminyaka ngaphambi kokuba kubhalwe. Lamavangeli akhuluma ngokuhamba kuka Jesu nezintshumayelo zakhe. Uma ufunda ibhayibheli uthola ivangeli NGOKUKA Mathewu – ivangeli NGOKUKA Mark—— NGOKUKA Luka – NGOKUKA Johane.

Yini kuthiwe NGOKUKA ?

Uma umuntu ebhala incwadi kuyaye kuthiwe ibhalwe NGU sibanibani Hhayi NGOKUKA Sibanibani.

Lona obhale ivangeli NGOKUKA Mathew usilandisa indaba angazange ayibone kodwa owayizwa kuthiwa yayixoxwa nguMathew. Kungaba yena uqobo wayizwa ixoxwa nguMathewu noma wayithola kwababeyizwe ixoxwa nguMathewu.

Nevangeli ngokuka Johane nalo engike ngathi ukuphawula ngalo limdibi munye nawo onke amavangeli ngokuka Sibanibani. Njengoba kukhona izinkombanje zokuthi lelivangeli labhalwa cishe phakathi kweminyanka u90 kuya ku 95 AD, emva kwamashumi ayisithupha emuka uJesu emhlabeni.

## ISIBONAKALISO SIKA JONA UMPROFETHI

Ukuze sihambisane ngomqondo ake sivumelane ngokuthi uJesu ekhathazwa ngababhali nabaFarisi ababefuna aveze isibonakaliso ngoba bathi kuye "Mfundisi, sithanda ukubona

Isibonakaliso esenziwa nguwe

*(Mathew 12:38)*

> Kepha waphendula wathi kubo:
> Isizukulwane esibi nesiphingayo
> Sifuna isibonakaliso; Kepha
> Asiyikunikwa sibonakaliso; kuphela
> Isibonakaliso sika Jona uMprofethi
>
> NGOKUBA NJENGOBA UJONA WAYENJALO ESISWINI SOMKHOMA IZINSUKU EZINTATHU NOBUSUKU OBUTHATHU KANJALOKE NENDODANA YOMUNTU IYAKUBA NJALO EBUTHUNJINI BOMHLABA IZINSUKU EZINTATHU NOBUSUKU OBUTHATHU

*(Mathew 12:39 – 40)*

Bonke abakholwayo nabafunda ibhayibheli bayayazi indaba kaJona owathunywa nguMkhulukhulu ukuba ayoshumayela e **NINEVE** Kepha kwathi ngokwėsaba kwakhe ukuya eNineve wangena emkhunjini oya e Tharshishi, okwathi uphakathi olwandle kwaba sengathi uzokwaphuka umkhumbi.

Phakathi kwezinto eziningi ezenzeka lapho uJona wagcina ebatshelile ababehamba ngalowo mkhumbi ukuthi nguyena onecala, wabasethi kubo

> "Ngiphakamiseni ningiphose olwandle beseluthula kini ulwandle, ngokuba ngiyazi ukuthi lesisiphepho esikhulu siphezu kwenu ngenxa yami."
>
> ***(Jona 1:1 – 12)***

Bamthatha-ke bamphonsa olwandle.

Ngenkathi bemphonsa olwandle uJona WAYEPHILA ngoba phela uzicelele yena ukuba bamphonse olwandle; bamqukula enjalo EPHILA bamphonsa olwande.

Ngokuphonswa kwakhe olwandle watholana nomkhoma phakathi olwandle ngaphansi kwamanzi, Umkhoma wamgwinya.

Wamgwinya umkhoma EPHILA.

Isibonakaliso noma isimangaliso sokuqala ngesokuthi ngenkathi ecwila emanzini kazange agwilize aminze, waze wagwinywa wumkhoma EPHILA.

Isimanga sesibili ngesokuthi uMkhoma wamane wamuthi "Mimiliti" wamgwinya ungamlimazanga ngamazinyo.

UJona wahlala esiswini somkhoma izinsuku ezinthathu EPHILA phezu kokushisa nezinto ezenzeka esiswini uma sigaya ukudla. Kazange athinteke wahlala izinsuku ezintathu EPHILA.

Lesi yisimangaliso sesithathu ngoba phela uJona bekumfanele

1. Aminziswe ngulwandle afe
2. Adliwe ngumkhoma afe kodwa kaFANGA
3. Acinaniswe ngokuba sesiswini afe kodwa kaFANGA

Uma kwenzeka into okufanele ngokwenzeka kwayo Umuntu afe kodwa angafi yisimangaliso leso; okufana noma umuntu kuthiwe uzobulawa ngokudutshulwa, adutshulwe izinhlavu zingene zigcwale wonke umzimba kodwa angafi. Kungaba yisimanga leso. Uma efa kodwa kasikho isimanga.

UJesu uthi "Ngokuba njengoba wayenjalo uJona
esesiswini somkhoma izinsuku
ezintathu, nobusuku obuthathu
Kanjalo nendodana yomuntu iyakubanjalo
ebuthunjini bomhlaba izinsuku
ezintathu nobusuku obuthathu

Zizwele ukuthi elesingisi ibhayibheli iKing James Version ithini, ngoba phela isizulu lesi sihunyushwe esingisini.

"For as Jona was, three days and three
nights, in the whales Belly, so shall
the son of man be three days and
three nights in the heart of the earth"

"For as Jonah was "English
"Njengoba wayenjalo uJona "Isizulu

Lento kayidingi kuchazwa ngoba ngisho nengane ingakutshela ukuthi kusho ukuthini ukuthi "Njengoba wayenjalo" wayenjani uJona esiswini somkhoma ?

WAYEPHILA

Ngakho-ke uJesu uthi "Njengoba uJona waphila izinsuku enzintathu nobusuku obuthathu esiswini somkhoma kanjalo nendodana yomuntu IYOPHILA izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu ebuthunjini bomhlaba.

FOR AS JONA WAS - NJENGOBA WAYENJALO UJONA
WAYENJANI - WAYEPHILA

Isimangaliso yisona leso sokuthi WAYEPHILA izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu. Ukuba uMkhoma wamkhiphela ngaphandle efile kwakungeke kube khona simanga ngoba nangempela kubhekekile ukuba umuntu ophonswe olwandle, wagwinywa yinhlanzi, uma ephuma esiswini senhlanzi aphume efile.

Ngiyazi ukuthi abanye bazothi

"Hhayi uJesu wayengakhulumi ngalokho kodwa wayesho isikhathi; izinsuku ezintathu efile abesevuka ngosuku lwesithathu."

Bafuna ukuthi uJesu wayegcizilela izinsuku ezintathu hhayi ubunjalo bakhe kulezo zinsuku. Isimangaliso sabo ngesokuthi wavuka ngosuku lwesithathu. uJona kavukanga - wayephila.

Thina maMuslim siyaphika ukuthi uJesu wafa wavuka. Kodwa akesivumelane nani sithi yebo wafa ngolwesihlanu ntambama ngehora lesithathu.

Ake sibale.

1. Wafa ngolwesihlanu, kwahlwa kwaba ubusuku bokuqala
2. Ngomgqibelo kwaba wusuku lokuqala
3. Kwahlwa kwaba wubusuku besibili
4. Kwasa ngeSonto engasekho engcwabeni Utholani wena?

Noma ungazama ngayiphi indlela ngeke uzithole izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu ngaphandle kokuba nilishintshe, ibhayibheli nithi wafa ngoLwesihlanu kwaba nguMgqibelo, yiSonto, noMsombuluko ukuze nithole izinsuku ezintathu avuke ngolwesibili ekuseni ukuze kuphele izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

Naphezu kokuba lento isobala ngalendlela; abagezwa ngegazi lemvana ngeke bayibone ngoba ibeka insindiso yabo engcupheni. Kungasho ukuthi kabasindisiwe,

Njengoba ngike ngasho ukuthi thina maMuslim sithi uJesu kazange afe onqamlezweni ngakho-ke kavukanga kwabafileyo. Wathi umfundisi eshumayela:

> "Uma uJesu engavukanga kwabafileyo ukukholwa kwethu kulize MOS!!!"

## EQINISWENI WAFA YINI UJESU ONQAMLEZWENI?

Thina esingamaMuslim sithi uJesu indodana kaMariya kavukanga kwabafileyo ngoba wayengazange afe onqamlezweni.

Kodwa njengomuntu ongummeli ngiyazi ukuthi kudingeka ubufakazi bento umuntu ayishoyo, nokuthi ubufakazi bethulwa ngofakazi. Ake siboneke ukuthi singabuthola yini ubufakazi bokuthi uJesu kafanga onqamlezweni ngokuthola ubufakazi kulo iBhayibheli.

## OLWESIHLANU OLUMNYAMA

Abangamakholwa asemaRomeni balubiza ngolwesihlanu olumnyama kanti abanye bathi, olwesihlanu olukhulu, ngesilingu kodwa kuthiwa olwesihlanu oluhle (Good Friday).

Kithina maMuslim lungolwesihlanunje olufana nabo bonke oLwesihlanu, luwusuku esihlangana ngalo ndawonye sidumise uAllah taa – ala sindawonye emini njengokuyala kuka ka Allah Taa – ala. Silubiza ngokuthi yiJummah. Kithina lulusuku olufana neSabatha kumaJuda, kodwa thina sehluke kakhulungoba sithi siya enkonzweni sibe sisuka emsebenzini, kanti futhi emva kwenkonzo sibuyela emsebenzini, ngoba uthi kithi
UAllah Taa – ala.

> "Nina enikholwayo
> uma kumenyezwa nibizelwa
> emkhulekweni ngolwesihlanu
> (usuku lokubuthana)
> phuthumani masinyane niyódumisa
> uMvelinqangi nishiye
> yonke imisebenzi yenu
> yilokho okungcono kini ukuba benazi
> Uma uphelile umkhuleko, hlakazekani
> ezweni lonke nizifunele izibusiso
> nesondlo kuMvelinqangi. Nimdumise

ophezukonke ngezikhathi zonke
ukuze Nibe Nempumelelo.

***(iKuran engcwele: Sara Jumaa 62:9 - 10)***

Olwesihlanuke yilona suku okuthiwa wafa ngalo uJesu wayesevuka ngeSonto.

Ake sicathulisane sifunde ibhayibheli ukuze sithole isiqinisekiso salendaba.

Sizoqala ngoLwesine olwandulela oLwesihlanu lolu esikhuluma ngalo.

## UYAYIHLOMISA IMPI YAKHE

Ngasemva kokuba sebedlile isidlo sokugcina uJesu wakhuluma nabafundi bakhe ngezinto eziningi, kodwa angiqondile ukukulanda konke ayekhuluma ngakho ngaphandle kokuthi:-

"Wabesethi kubo; mhla nginithuma
ningenasikhwama nambhalo nazicathulo
kukhona enake nakuswela ?
bathi bona akukho
wabesethi kubo: Manjeke onesikhwama
kasithathe, Kanjalo nombhalo wakhe;
Kuthi lowo ongenankemba athengise
Ngesambatho sakhe athenge inkemba

***(Luka 22:35 – 35)***

Inkemba isetshenziswa empini, ngeke umane ufune abantu bahlome kungekhompi oyibhekile noma oyihlongozayo.

"Basebethi: Nkosi, bheka nazi izinkemba
ezimbili wathi kubo: kwanele."

***(Luke 22:38)***

UJesu uthi zanele izinkemba ezimbili ngoba ulindele ukuthi uJudas uzofika nabaPriste baseThempeleni kanye nezisebenzi

zasethempeleni ukuba bazombamba. Kaxabene namaRoma ngakhoke akalindele ukulandwa ngamabutho empi yamaRoma.

Uma ababili bephethe izinkemba, abanye bephethe izinduku namatshe akukho lutho oluzomthinta. Kodwa ukuze icebo lakhe lisebenze kahle kufanele baficwe besendaweni evumelana nabo. Ngakhoke uyayithatha impi yakhe uya nayo engadini yase Getsemane.

IGetsemane kwakuyingadi eyabe ilibanga elingamamayela ayisihlanu kusuka edolobheni ibiyelwe ngamatshe. Umuntu ongena khona wayengenakungena ngaphandle kokuba angene ngesango.

UJesu ufika esangweni ushiya abayisishiyagalombili uthi:

> "Hlalani lapha, Mina
> ngisayokhuleka laphaya"

Akasho ukuthi "Masingene ngaphakathi siyokhuleka" kodwa ubashiya esangweni okuyilona lodwa okungenwa ngalo kulengadi.

Uthi wena ubashiyelani laba esangweni ? akangeni ngani nabo ngaphakathi uma inhloso kungeyokukhuleka ? Kakhuleki ngani kanye nabo ?

Uma eqonde ukukhuleka yedwa, pho ubashiyelani esangweni?

Ingani nangu ungena nabo abathathu

> "wabesethatha uPetro namadodana
> amabili kaZebedewu"

***(Mathew 26:37)***

Wathi uma efika ngaphakathi engadini wathi kubo.

> "hlalani lapha nilinde kanye nami"

wabesedlulela ngaphambidlana wawa ngobuso wakhuleka (NJENGOBA KWENZA AMA MUSLIM)

Uthi wena wenzeleni ukuthi angene nabo laba abathathu ? akasho kubo ukuthi"Madoda ake sikhuleke"

Kodwa uthi "Hlalani lapha nilinde kanye nami" yena abasedlulela ngaphambidlana ayokhuleka. NGUYE YEDWA okhulekayo, bonke abanye balindile, bahlomile.

Bahlomeleni ? Balindeni ?

Uyakhuleka-ke uthi "Baba uma kungenzeka akudlule kimi lesisitsha"

Usekhohliwe yini ukuthi wezela khona ukuba azofela izono zabantu? Uma kungasenzeki lokhu kanti wezelani emhlabeni ?

Wayesesuka eya kubafundi bakhe, wabafica belele. Kwaze kwaba kathathu ebavusa belele ingani phela bekudliwa, kuphuzwa! utshwala phela buyacoba bufikise nobuthongo.

> Kwabonakala kuye ingelosi ivela
> ezulwini imqinisa.
> esosizini olunzima wakhuleka eqinisela,
> Izithukuthuku zakhe zaba njengamathonsi
> egazi aconsela emhlabeni
>
> ***(Luke 22:43 – 44)***

Ihaba elingaka ! wake wazibonaphi izithukuthuku zegazi ?

Ihaba leli lenziwa ngabomu ukuze kuthengwe izingqondo zabantu

Ingani abangalazi izulu, abalizwa ngendaba bebefa ngesihluku kulo lelizwe khona izolo lokhu; abakaze bakhale bambongoze; bebefa bethi "AMANDLA!"

Lolusizi olubhalwe kulelivangeli lwenza amehlo acwebe izinyembezi, afikise ukudabuka okukhulu

Umuntu abone kahle ukuthi impela uJesu wayesosizini olukhulu. Ingani phela yiyona injongo leyo! Ngisho nabafundisi bajuluka babe manzi bememeza benitshela ngosizi aluthola uJesu yezono zenu.

## CABANGISISA KAHLE

Wake wambona wena umuntu ejuluka igazi ?

Thina esikholwa ukuthi uJesu (ukuthula kube kuye) wabe eyisithunywa sika Mvelinqangi sithi inkulumo enjena ingukujivaza nokumehlisa. Kasizihlanganisi nalabo abathi uJesu wezela ukozofela izono zabo kodwa wabuye waphathwa wuvalo nokwesaba.

Labo abasitshela ukuthi uMkhulukhulu ungunxantathu, bathi uJesu wayevele azi, ngaphambi kokudalwa komhlaba ukuthi uyokwehla eze emhlabeni azofela izono zabantu. Kungakadalwa izulu nesibhakabhaka wayevele evumelene uJesu noNkulunkulu uyise

ngokuthi yena uyothatha isimo somuntu ehlele emhlabeni anqanyulezwe ukuze kusindiswe isintu sithethelelwe isono sokuqala nazo zonke izono umuntu azenzile yena ngokwakhe.

Kodwa yonke into eyenzekayo, kusukela uJesu ehlomisa abafundi bakhe kuze kufike ekuceleni kwakhe ukuthi "uma kungenzeka masedlule lesisitsha" ayikhombisi ukuthi uyayazi lendaba. Awuboni ngani ukuthi yinsumansumane le?

Awubheke nje kuthiwa kwaze kwaba yizikhathi ezintathu uJesu efika kubafundi bakhe belele abesethi owabhala ivangeli ngokuka Luke babelaliswe wusizi!!

> "Kwathi uma esuka emkhulekweni
> weza kubafundi bakhe wabafica
> belele ngenxa yosizi.
>
> ***(Luke 22:45)***

Mina ngazi ukuthi umuntu onosizi nokhathazekile kuze kuse engalele, ubuthongo bungafiki.

Angilwazi olulalisayo usizi.

Kusetshenzwa izingqondo zabantu, zifakwa usizi nokudabuka. Nangempela impumelelo yalesenzo iyabonakala.

Onjingalwazi uma bekhuluma ngobuthongo nokwethuka bathi:

> "Under shock, stress and fear, the adrenal gland
> secrets a hormone into the bloodstream
> which chases away all sleep.

Okusho ukuthi "Ngokwethuka nengcindezi nokusaba, indlala ebizwa ngokuthi yi Adrenal ichitha uju okuthiwa yihormone emithanjeni yegazi ibuqede nya ubuthongo"

## IMPI EYABHUNTSHAYO

Nakuba ibhayibheli lingasho, akungabazeki ukuthi abayisishiyagalombili ababesele esangweni babelele ubuthongo ngenkathi kufika amaJuda namabutho amaRoma eholwa nguJudas; bazingenela kalula.

Munye kuphela umfundi kaJesu owayikhumbula indaba yesinkemba wezwakala ethi

"Nkosi, sigadle ngenkemba na?" ***(Luke 22:49)***

Washo egadla ngenkemba uPetro endlebeni yomunye wayinquma ngenkemba wayilahla phansi. Uyakhuza-ke uJesu ngokubona ukuthi ayingangabo uthi

> "Buyisela inkemba yakho endaweni yayo
> ngokuba bonke abaphatha inkemba
> bayobhubha ngekemba ***(Matthew 36:52)***

Usekhohliwe yini ukuthi uyena othe kabathengise ngezambatho zabo bathenge izinkemba? Phinde, akakhohliwe' kodwa isimo kasisahambisani nabekucabanga ngenkathi ethi kabahlome. Uyabona manje ukuthi uma bengathi bazama ukulwa, amabutho amaRomani angababhuqa ngomzuzu owodwa.

Bambamba-ke uJesu baya naye kuAnnas naku Caiphus uMpristi omkhulu.

Kungalenkathi lapho abafundi bakhe babaleka BONKE BAMSHIYA ***(Mar 14:50)***

Leligama elithi bonke bamshiya ngiligcizelela ngabomu.

**"AND THEY ALL FORSOOK HIM, AND FLED (Mark 14;50)**

Ngiyazibuza-ke manje ukuthi njengoba kanti BONKE babengekho nje, babenezipopolo yini ezibona kude, bangaze bakwazi nje ukusixoxela ngokuthi kwenzekani ngasemva kokubanjwa.

Njengoba sasingekho-ke thina sizolalela lokho abakushoyo abasiki bebunda sicwaninge khona. Ake sishiye indaba yokuqhutshwa kukaJesu ehamba ethethiswa icala elingekho, ngoba-ke akekho ongayazi indaba kaJesu phambi kukaAnasi uMpristi omkhulu phambi kuka Hirodi naphambi kukaPilatu.

Asiyithathe lapho eseqhutshwa eya eGolgotha, Uqhutshwa nje akekho noyedwa umfundi wakhe ngoba phela noPetro esizwa kuthiwa wake wazidlisa satshanyana ethi ufuna ukubona isigcino wagcina exoshwe yiqhude.

Uqhutshwa nje bakhona abakholwayo nangaphandle kwabaPhostoli, abanjengo Josefa wase Arimatheya noNikhodemus noMariya Magdalena nabanye.

## INDLELA YOKUNQAMULEZA

Ukunqamuleza kwakuyindlela amaRomani ayebulala ngayo izigelekeqe. AmaRomani yiwona ayenguhulumeni waleso sikhathi, ngakho-ke yiwona ayemisa indlela abantu abayizigelekeqe abazobulawa ngayo; AmaJuda ayengenamlomo kuleyonto.

Njengoba uJesu wayenqanyulezwe kanye nezigelekeqe ezimbili; bobathathu banqanyulezwa ngendlela efanayo, babeboshelwe ngemichilo yesikhumba eziphambanweni zabo; akekho owayebethelwe ngezipikili. Lelihaba lezipikili yindlela yokufaka usizi ezinhliziyweni zabantu; nakhu phela noThomas ngeke awufake ndawo umunwe uma engekho amanxeba ezipikili

AmaRomani okuyiwona ayenqamuleza abantu abalahlwe ngamacala,

ayekwenza lokhu njengomsebenzi, sasingekho isizathu sokuba benze okwehlukile kuJesu. Ngakho-ke naye bambophela esiphambanweni basiphakamisa isiphambano. (Uma kwenzeka lokho)

IKuran engcwele isitshela ukuthi:

> "Bathi (bejabula)
> simbulele uKrestu uJesu
> indodana kaMariya
> uMprofethi kaNkulunkulu
> kodwa kabambulalanga
> kabazange futhi bamnqamuleze"

Evangelini lika Matthew kuthiwa wayesesiphambanweni amahora amathathu wasezwakala esho ngezwi elikhulu ethi "Eli; Eli lama Sabakthani ? wagebisa ikhanda "wafa ?"

## KUMUNTU WONKE OWAYELAPHO KWABONAKALA SENGATHI UYAFA

Njengoba ababenqanyulezwe kanye naye babesaphilanje yena wabulawa yini ?

Umuntu olengiswe esiphambanweni amahora amathathu angafa yini ngaleso sikhathi ?

Sitshelwa ukuthi ngenkathi uJesu esengadini yase Getsemane wakhuleka kumdali wakhe

"kwasekufika ingelosi izomqinisa. ***(Luke 22:43)***

Usizo abelucela kuMdali wakhe lwafika ngalendlela; kwabonakala sengathi uyafa. Inkosi yaletha ubumnyama ezweni (kwahlwa emini) kwanyakaza umhlaba kwadabuka amadwala

Kwaduma izulu. (kwadaleka isiphithiphithi abantu bebaleka)

Yebo, iyonanhloso kaMkhulukhulu leyo ukuba abantu basuke kulendawo ukuze amhlenge uMprofethi wakhe amophule ezandleni zezitha zakhe.

Nangempela bahlalazeka abantu basuka kulendawo. Wena wawungahlala kunyakaza umhlaba kudabuka amadwala liduma liqaqamba ? ingani nanamhlanje lithi lingandindizelanje izulu lingadumi nakakhulu ubone abantu betatazela beqoqana ezindlini bemboza nezinto ezikhazimulao !?

Abasala lapho kwaba yilabo kuphela ababesalele ukubeka isidumbu elibeni abanjengo Josefa wase Arimathea nabanye. Kwabesifazane kubalwa uMariya Magdalena; uMariya Unina kaJames noJesu kanye nonina wezingane zika Zebedewu.

Yilabake abalaziyo iqiniso Ngoba ngesikhathi bemehlisa esiphambanweni baboba ukuthi kafile, uyaphila

Uthi wena kwakufanele bamemeze bathi "Heyi ! Kafile lomuntu!"

Kwabajabulisa ukubona ukuthi kafile kodwa benza sengathi ufile, bamsonga ngezindwangu njengomuntu ofile ukuze bonke ababukayo bagcine bazi ukuthi wafa wangcwatshwa.

Ngiyazi ukuthi uzofuna ukungikhumbuza ukuthi ingani ibutho lamgwaza ngomkhonto ohlangothini!?

Angikhohliwe neze.

Uzongivumela ukuthi ukuhlatshwa ngomkhonto ohlangothini kuyinto ebalulekile eyenzeka! Iyefana nalena yokunikwa kwakhe uvinika ukuba aphuze lapho ethi "Ngomile".

Ake sithi kwenzeka lokhu , wamemeza wathi "Ngomile" ibutho lacwilisa isipanji (spounge) kuviniga lasihloma ohlangeni lamnika ukuba aphuze ......yisenzo esibalulekile lesi ngakhoke bonke ababelapho basibona ngeke basishiye uma bexoxa lendaba.

Njengoba amaJuda ayejahile ukuba labo ababenqanyuleziwe basheshe behliswe lokhu phela kwakuzoba yiphasika bacela kuPhilato imvume yokuba bephulwe imilenze.

Bayiphula imilenze yalezigelekeqe ezimbili kodwa kwathi uma befika kuJesu babona ukuthi usefile bangabe besayephula eyakhe

imilenze.

Kepha elinye ibutho lagwaza uhlangothi lwakhe ngomkhonto, masinyane kwasekuphuma igazi namanzi .Nalapha futhi bonke abayibona lento yenzeka ngeke bayishiye engxoxweni yabo uma belanda lendaba.

Uyazike!!?

Omane amavangeli ayasilandisa ngovinika okuthiwa wawunikwa ukuba awumunce esipanjini esasihlonywe ohlangeni. Kepha yivangeli ngokukaJohane kuphela elisitshela ngebutho elavula uhlangothi lwakhe ngomkhonto.

> Ungathini wena kulokho !?
> Ungasho yini ukuthi uMatthew
> No Mark kanye no Luke bayikhohlwa
> Indaba ebaluleke kangaka?

Ngisho ivangeli ngokuka Johane liyakuveza ukubaluleka kwalesenzo uma ethi:

> "Lowo owakubona lokhu
> wakuqaphela, ukuqaphela kwakhe
> kuliqiniso uyazi futhi ukuthi ukhulume
> iqiniso ukuze nikholwe,
> ngoba lezehlakalo zenzeka
> ukuze kungcwaliseke imibhalo"

***(John 19:35-36)***

Kepha uMatthew noMark noLuke abakuboni ukubaluleka kwalesehlakalo?

KWENZEKA LOKHU!?

Uma uthi kwenzeka veza ubufakazi.

Ayike ake sivume sithi Kwenzeka lokhu. Ngicaphuna amazwi asencwadini kaDeedat ebizwa ngokuthi CRUCIFIXION OR CRUCIFICTION.

Ekhasini lamashumi amathathu nesishiyagalolunye uthi:

> "KUYISIBUSISO sikaMkhulukhulu ukuthi
> uma umzimba womuntu sewehluleka
> ukumelana nobuhlungu nokukhandleka
> umuntu uyaquleka.
> Kungabe ukulenga esiphambanweni
> Ukukhathala nokunganyakazi komzimba
> Kwasekunciphise ukugijima kwegazi
> emithanjeni, ukudedeleka kwegazi
> liphuma enxebeni lomkhonto
> kwasiza ukuba igazi liqale futhi
> ukugijima emithanjeni."(ihunyushiwe)

Lombhali ecaphuna encwadini The Encyclopedia Biblica ngaphansi kwesihloko esithi "isiphambano" Umnqa wama 960 lapho kathiwa "UJesu waye phila ngenkathi egwazwa."

Akukho Dokotela owamhlola wanika isiqiniseko sokuthi ufile.

Bangaki abantu esizwa kuthiwa bafile kwabuye kwatholakala ukuthi bebengafile, abanye Sifunda ngabo emaphephandabeni njengalaba:-

1. **Little girl who "died" tell, how she came**

   **Back to life (after 4 days) – (Days News 15/11/1995)**

   **"Intombazanyana encane "eyashona" ixoca ngokuthi yavuka kanjani kwafileyo (emva kwezinsuku ezine)**

2. **Man "died "for two hours: still lives**

   **"Miracle amazes Doctors (Sunday Tribune 27/3/1960**

   **Indoda "eyafa" amahora amabili isaphila, isimanga exixaka oDokotela**

3. **He died for 4 minutes – Mom's heart stops but he lives on (Sunday express 23/7/1961)**

   **"Wafa" imizuzu emine, inhliziyo kaMama yema kodwa usaphila**

**4.** **He does not know that he died for 90 seconds (Cape Argus 4/5/1961**

**Akazi ukuthi wayefile imizuzwana engamashumi ayisishagalolunye**

**5.** **Dr Hitge returned from the dead (Cape Argus 4/5/ 1961**

**Udokotela uHitge uvuke kwabafileyo**

**6.** **The Coffin Moved – youngman narrowly excaped being buried Alive (Sunday Tribine 13/5/1962)**

**Kwanyakaza ibhokisi – insizwa yasinda ekugcwatshweni iphila**

**7.** **Back from the Dead after being thought dead for 2 Days (Post 25/7/1965)**

**Ubuye kwabafileyo obekucatshangwa ukuthi ufile izinsuku ezintathu**

**8.** **Corpse" Winks at Undertaker Doctor wrote out death Certificate (Daily News 25/3/1975)**

**Isidumbu sicwazimela abangcwabi Odokotela sebebhale isitifiketi sokufa (Death Certificate)**

**9.** **"Clinically Dead" Toddler lives after hour – long revival battle (Natal Mercury 5/12/1982)**

**Inganyana eyayisifile yaphila emva komzabalazo wokuyivusa**

**10.** **Was dead or alive ? The dilemma facing Transplant Doctors (Sunday Tribune 17/7/1983**

**Wayefile noma wayephila? Ingqinamba ebhekene nodokotela bokucwiya izitho**

**11.** **Shaken and Stired declared Clinically dead from too much Christimas Liquor (Daily News 3/1/1984)**

**Ethukile enokwesaba kade sekuthiwa ufile ngenxa yokudakwa wutshwala ngokisimusi**

Lesiqiniseko sitholakala futhi evangelini lika Johane uma kuthiwa "MASINYANE" kwaphuma igazi namanzi. Ukuphuma kwegazi "MASINYANE' Kusinika isiqiniseko sokuthi wayephila.

Uzobuza wena uthi "Pho yini kuphuma igazi namanzi ?

Udokotela u W.B. Primrose ongumlalisi onguchwepheshe esibhedlela sase Glasgow Royal Infirmary ebhala encwadini okuthiwa yi "Thinkers Digest" eLondon ngobusika buka 1949

Uthi

> "The water was a result of the nervous upset of the blood vessels locally due to the over – stimulating effect of the scouring staves."

Kungaba yihaba lokhu kanti nomjuluko wegazi nawo uyihaba.

Zonke izincwadi ezibhalwe lendaba zithi uJesu walenga esiphambanweni amahora amathathu (Kuphela). Yikho lokhu okwamangalisa uPilato uma kufika oJosefa wase Arimatheya bezocela isidumbu sakhe.

> "Kepha uPilato wamangala
> ukuthi ngabe usefile (njalo)
> wabiza induna enkulu wabuza
> kuyo ukuthi sekuyisikhathi
> yini efile"

***(Mark 15:44)***

Phela uPilato kade ayebabona abantu benqanyulezwa; uyazi ukuthi akekho umuntu onqanyulezwa afe ngesikhathi esincane kangaka engaphulwanga imilenze njengalabo ababenqanyulezwe kanye naye.

Akekho oneqiniso ukuthi labo abacela isidumbu sakhe kwaba ngasiphi isikhathi lapho babona khona ukuthi kafile.

Kungenzeka ukuthi babona ngenkathi bemehlisa esiphambanweni,

noma ngasemuva kwalokho.

Emva kokwehliswa kwakhe esiphambanweni bamgeza, bamgcoba ngamafutha njengokwesiko lamaJuda, basebemsonga ngezindwangu. Babengeke bambeke elibeni bengamgezanga bamgcoba ngamafutha ngoba kwakuyisiko ukuthi umuntu ofile uyagezwa agcotshwe.

## ABALINDI

Abambeka elibeni bambeka bazi kahle ukuthi kabamngcwabi kodwa bayamgcina nje okwesikhashana ukuze bathole ithuba lokumthatha sekuhambe bonke ababelapho.

> "Kepha ngangomuso ——— abaPriste abakhulu
> nabaFarisi babuthana kuPilato bathi "Nkosi
> sikhumbula ukuthi lomkhohlisi esekhona
> wathi emva kwezinsuku ezintathu
> ngizovuka.
> Ngakho-ke yala ukuba iliba ligcinwe kube
> lusuku lwesithathu ukuba abafundi bakhe
> Bangase bafike bamebe ———————
>
> ***(Matthew 27:62 – 64)***

Ukuthi "Ngangomuso" kusho ukuthi "Ngakusasa".

Abalindi bafika emva kwendaba kade liphumile ihhashi esitebeleni.

Abalindi laba okukhulunywa ngabo kwakungesiwo amabutho amaRomani (uma bake babakhona) ngoba phela nangu uPilatu uthi "Ninabo abalindi" esho kuba Pristi. Elesizulu ibhayibheli lisho sengathi uPilato wabanika abalindi, kanti elesingisi iKing James version ithi:-

> Pilate said into them "Ye have
> A watch; go your way, make as
> Sure as you can."
>
> ***(Matthew 27:65)***

## NGESONTO

Ngesonto ekuseni sekusuka uMaria Magdalena eya ethuneni ukuba ayobona ukuthi kugcine kanjani. Uyafika ethuneni ubona itshe selisusiwe emnyango wethuna.

Uyaphi uMaria Magdalena ethuneni!?

Uyomgcoba ngamakha? *(Mark 16:1)*

Ngokwazi kwakho kulisiko lamaJuda yini ukugcoba izidumbu esezinezinsuku ezintathu zingcwatshiwe ngamafutha noma ngamakha?

Qha, amaJuda akakwenzi lokho. Pho uMaria Magdalena yena uzosigcoba kanjani isidumbu esesinezinsuku ezintathu? Ngosuku lwesithathu inyama isiyabucuka.

Siyazi sonke ukuthi umuntu ofile noma isilwane esifile kuqala ukubola emahoreni amathathu (3 hours) kusukela ekumeni kwenhliziyo.

Uma sekuphele izinsuku ezintathu inyama isiyabucuka. Uma uthi uyasigcoba lesosidumbu isikhumba sibucukela esandleni sakho.

Khumbula ukuthi uMaria Magdalena ungomunye walabo ababekhona ngenkathi uJesu ehliswa esiphambanweni ngolwesiHlanu; ungomunye walabo ababona ukuthi uJesu UYAPHILA. Uyabuya-ke ngesonto ekuseni ngoba phela ngayizolo bekuliSabatha; uzobheka ukuthi ngabe kugcine kanjani, uyafika ethuneni itshe selisusiwe. Uma elunguza ngaphakathi ubona izindwangu abesongwe ngazo zisongiwe zabekwa.

Ngiyabuza-ke mina ngithi itshe lisuselwani? Ngoba phela uma uJesu evuke ngobukhosi evuka kwabafileyo kasikho isidingo sokususwa kwetshe.

Izindwangu zona zisongelwani? Uma evuka ngobukhosi kanti uqale waqaqa izindwangu wahlala phansi wazisonga yini?

Awuboni ngani ukuthi izindwangu lezi zisongwe yilabo abafike

bamthatha ebusuku bangolweSihlanu; abaqaqe kahle izindwangu bazisonga basebemgqokisa ukuze baphume naye. Bamgqokisani? Lalela uMaria Magdalena ukuthi uthini.

Kodwa ake siqale siqedele eyokususwa kwetshe.

Ngoba phela abanye bazothi "Hhayi, phela kwakufanele ukuba lisuswe itshe, ingani uthi uMatthew "kwaba khona ukuzamazama komhlaba, ngokuba ingelosi yenkosi yehla ezulwini yafike yaligingqa itshe yalisusa emnyango yahlala phezu kwalo."

***(Matthew 28:2)***

Ngiyabuza futhi ngithi kusweleke ngani ukuba lisuswe itshe ngoba phela uJesu kuthiwa wayesekwazi ukuzingenelanje aziphumele endlini yonke iminyango ivaliwe?

> "Kwathi ngalolosuku ntambama
> kulusuku lokuqala lwesonto
> LAPHO IMINYANGO IVALIWE
> Lapho babehlangene khona
> WAFIKA UJESU WEMA PHAKHATHI KWABO
> Wathi kubo "Uxolo malube kini"

***(John 20:19)***

Isibingelelo esithi "Uxolo malube kuwe" yisibingelelo abantu abakholiwe abahlekisa ngaso uma sishiwo ngama Muslim. Yiso phela lesi abantu abangama Muslim ababingelelana ngaso uma bethi "**Assalamu Alaikum**".

Yisibingelelo uJesu owayebingelela ngaso ngolimi lwakhe ngoba wabe engumJuda.

Ake sibuyele laphaya lapho emi khona uMaria Magdalena ekhala ngoba engazi ukuthi uJesu ushonephi.

UJesu uqhamuka ngemva kwakhe uthi "Muntu wesifazane (Noma

mfazi) ukhalelani?

Ufuna bani?

Yena ETHI NGUMSEBENZI WENSIMU wathi kuye "mnumzane, uma umsusile ngitshele ukuthi umbekephi ngiye ngiyokumthatha."
***(John 20:11 – 5)***

Kule nkulumo ngithola ukuthi:

1. UJesu uzifihlile; ugqokiswe okomuntu osebenza ensimini, akabonakali kangangoba ngisho uMaria Magdalena ukhuluma naye kodwa akamboni ukuthi ngubani

2. UMaria Magdalena ukhuluma ngomuntu ophilayo, akafuni sona isidumbu kodwa ufuna umuntu ophilayo NGIYAKUMTHATHA.

   Isidumbu uzosithwala kanjani?

   Isidumbu uzosiyisaphi?

   (asizwa ukuthi waqala walungisa elinye ithuna)

UMaria Magdalena ukhuluma ngomuntu azofika ahambe naye ezihambela ngezinyawo zakhe, ayomhlenga.

Uma ngifunda ngiqhubeka ngithola ukuthi ngisho nabafundi bakhe bahamba naye indlela ende beya eEmmaus bexoxa naye bengamboni
***(Luke 23:13 – 20)***

NGOBA WAYEZIFIHLILE

Uzifihleleni? Uzifihle ngoba AKAZANGE AFE uyazi ukuthi uma amaJuda engambona azokwenza isiqiniseko sokuthi ayambulala.

Phela ukuba wayevuke ngobukhosi njengokusho kwabasiki bebunda wayezohamba phambi kwabantu bonke ukuze bonke babone ukuthi nangempela uvukile njengoba wayeshilo.

Ngake ngezwa uMfundisi eshumayela ngelinye ilanga emsakazweni, eshumayela ngesiNgisi ethi **"after his resurrection Jesus did not wish to be seen by his enemies"** Waqhubeka wanika isizathu wathi **"for he did not wish to be boastful about his resurrection."**

Uthi uMfundisi uJesu akazange athande ukubonwa yizitha zakhe emva kokuvuka kwakhe ngoba kathandanga ukuziqhayisa ngokuthi uvukile.

Kwathi uma ngizwa lamazwi eshiwo nguMfundisi kwangidabukisa ukuthi noma iqiniso lingaba sobala kanjani abeFundisi bayozama ngayo yonke indlela ukulimboza iqiniso ukuze bachumise lokho okubanika isinkwa.

UYAZIVEZA

Kwathi ukuba uJesu abone ukuthi ngempela uMaria Magdalena akamboni, wayesembiza ngegama lakhe wathi "MARIA".

Wambiza kanye, wamuzwa ngezwi, wagijima eya kuye ngenjabulo, kepha uJesu wathi "Ungangithinti" yini angafuni ukuthintwa?

Kuthiwa wathi "ngoba angikenyukeli kuBaba"

Pho kunani? Uma engenakuthintwa ngoba engakanyukeli kuyise, pho usholani kubafundi bakhe ukuthi "yimina uqobo lwami, NGITHINTENI nibone" ***(Luke 24:39)***

Wayesenyukele yini kuyise ngenkathi ebona abafundi bakhe?

Phela ngendlela ajabula ngayo uMaria Magdalena ezwa izwi lakhe wagijima eya kuye ezofika aziphonse kuye ngenjabulo <u>Amthunuke</u>. Yikho nje ethi "Ungangithinti"

> "Besakhuluma uJesu wema phakathi kwabo
> wathi kubo uxolo malube kini
> KEPHA BASHAYWA LUVALO BESABA bethi babona UMungcwi.
> Wabesethi kubo yini nikhathazeke?
> Yini nibe nemidlinzo ezinhliziyweni zenu?
> ***(Luke 24:37 – 38)***

Uthi wena yini eyesabisa abafundi bakhe uma bembona?

Bayethuka bayambalekela; uyabancenga uthi

> Sondelani ningithinte nizibonele
> NGOBA UMOYA AWUNANYAMA NAMATHAMBO
> Njengoba ningibona (nginenyama namathambo)
>
> ***(Luke 24:39)***

Phela babengekho laphaya eKhalvari; bezwa ngendabanje ukuthi inkosi yabo yanqanyulezwa yafa yabekwa elibeni. Manje uma sebembona bayethuka ukuthi "Ngoba lomuntu wafa nje ubekwa yini lapha."

UMaria Magdalena owayekhona, owaziyo ukuthi AKAFANGA uyajabula uma embona uyagijima uya kuye. Aze ethuke ebona indlela eza ngayo ukuthi uzofike aziphonse kuye ngenjabulo amthunuke.

## YILIPHI IQINISO

Uma abantu ababili noma abathathu noma abangaphezulu kwalokho bexoxa indaba ngokwenzeka kwento ethile, kuvamile ukuba ukuxoxa kwabo kungefani ncamashi, kodwa ingqikithi yendaba uyizwe kubo bonke.

Uma ngifunda amavangeli amane, elika Mathew, elika Mark, elika Luke nelika John ngigcina ngingazi ukuthi kanti ngempela ngesonto lephasika ekuseni kwenzekani ngoba bonke basho izinto ezahlukene.

UMatthew uthi

> Ekupheleni kwesabatha lapho
> kuntwela ezansi ngosuku lokuqala
> lesonto kwafika uMaria Magdalena

nomunye uMariya ethuneni
BHEKA KWABAKHONA UKUZAMAZAMA
okukhulu komhlaba
ngokuba ingelosi yenkosi yehla ezulwini
yafika yagingqa itshe elalivale umnyango
yahlala phezu kwalo.

***(Matthew 28:1 – 2)***

Ukuzamazama komhlaba okukhulu akusiyo into engakhohlakala kubaxoxi balendaba uma kwaba khona. UMark, noLuke noJohn kabasho lutho ngalokuzamazama okukhulu komhlaba, nangalengelosi eyagingqa itshe yahlala phezu kwalo.

uMark yena uthi:

Kwathi seledlulile iSabatha, uMaria Magdalena
noMariya unina kaJames noSalome bethenge
amakha ukuba bezomgcoba.
Kwathi kuseluvivi ngosuku lokuqala lwesonto
beza engcwabeni ngokuphuma kwelanga ———
Bathi uma bebheka babona itshe selisusiwe
ngoba lalilikhulu kakhulu.
Bathi uma bengena ethuneni babona insizwa
ihlezi ngakwesokunene yembethe ingubo
emhlophe; bafikelwa ukwesaba yabe
isithi kubo "Ningesabi, nifuna uJesu
waseNazaretha obenqanyuleziwe, uvukile
akekho lapha"

***(Mark 16:1 – 6)***

Uzothini wena? Uzothi bafika isisukile ingelosi phezu kwetshe yangena ngaphakathi yahlala phansi ngakwesokunene?

Mina ngizophika ngithi akunjalo ngoba phela uMatthew uthi basebefikile ngenkathi kuzamazama umhlaba, yehla ingelosi izoginqa itshe.

Ake ulalele ukuthi uLuke yena uthini

"Kepha ngosuku lokuqala lwesonto
kuseluvivi bafika ethuneni bephethe
amakha ababewalungisile.
BAFUMANA ITSHE LIGINGQIWE ETHUNENI
Kuthe bengena abasifumana isidumbu
senkosi uJesu
Kwathi besamangele yilokho, Bheka
nanko amadoda amabili emi ngakubo
embethe izingubo ezikhazimulayo
besaba bakhothamela phansi ngobuso
Abasethi kubo "Nifunelani ophilayo kwabafile na?........"

***(Luke 24:1 - 5)***

Angazi noma ufuna ngivume yini ukuthi lengelosi efike yagingqa itshe yahlala phezu kwalo isibuye yaphenduka amadoda amabili, noma sekubuye kwafika enye ingelosi ebingekho ngenkathi kuzamazama umhlaba!?

Kepha laba besifazane okukhulunywa ngabo kuseyibona kuzo zonke lezigameko akwenzeki izinto ezahlukene kubantu abehlukene ngezikhathi ezahlukene.

Elika Johane ivangeli sesikhulumile ngalo sezwa ukuthi uMariya Magdalena wafika ethuneni ehamba yedwa wafika ithuna livuliwe wema ngaphandle wakhala.

Akabonanga ngelosi kodwa wabona uJesu ezifihlile.

Yikuphi pho okuliqiniso?

## INKOLO YAMI NAWE

Inkolo yobuKrestu kuthiwa yamiswa nguJesu (u-Issa ukuthula kube kuye). Kuthiwa amavangeli aphethe izimfundiso zakhe nengqikithi yenkolo yobuKrestu, kodwa ucwaningo oselweziwa yizifundiswa eziningi okubalwa kuzo nalezo ezingamaKrestu luveza ngokusobala ukuthi inkolo eyamiswa nguJesu yashabalala yaphela esikhathini esifushane emva kokuhamba kwakhe, isipikili sokugcina sashayelwa yinkosi UCONSTANTINE ngonyaks ka325AD mhla emisa umthetho othi inkolo yebandla ngeyokuthi Umkhulukhulu uneziqu ezintathu.

Kulamavangeli amane okuyiwona aqukethe ingqikithi yenkolo yobuKrestu asitholi nkulumo eyenziwa nguJesu (ukuthula kube kuye) asitholi ngisho elilodwa igama lapho echaza khona ngenkolo kuMkhulukhulu oziqu ezintathu asitholi ngisho elilodwa igama elaphuma emilonyeni yalabo ababengabafundi bakhe bechaza ngalenkolo.

Inkolo yobuKrestu iyona kuphela eyehluleka ukuchaza ngesimo salenkolo ezincwadini nasezinkulumeni.

Ompetha balenkolo ababhishobhi abakhulu okuyibona bekufanele bakwazi ukuyichaza ubezwa bethi:

"Kuyimfihlo kaNkulunkulu "

Bakusho lokhu ngoba nabo uqobo lwabo bayehluleka ukuyichaza ingqikithi yenkolo yabo.

Ngaphambi kokwamukela kwami inkolo ye-Islam (ubusulumane) ngo 1996 ngaya kumfundisi wamaKhatholika umfundisi uDoncabe owayethe angangisiza ukuba ngiyazi kangcono inkolo yami (ubuKristu) ukuze ngingayamukeli inkolo ye-Islam.

Ngamfica umfundisi ehlezi gnale kwetafulakazi elikhulu, kukhona phezu kwetafula amaBhayibheli amathathu evulwe ezindaweni ezahlukene.

Wasukuma lapho ngingena wangixhawula wathi:

"Ngaphambi kokuthi siqale inkuluno yethu kumele sivumelane ngento eyodwa."

Ngalalela ngambuka emehlweni ngehlo elibuzayo wayeseqhuba wathi:

"Thina njengamakholwa sikholwa
yibhayibheli njengezwi lika
Mkhulukhulu, sikholwa futhi
Nayimfundiso yebandla"

Ngaphambeka ngoba ngangilokhu ngicabanga ukuthi ibandla liyithola eBhayibhelini yonke into eliyifundisayo, ngangingazi ukuthi kanti imfundiso yebandla yehlukile. Ngabuza ngathi

"Kanti imfundiso yebandla yehlukile
yini ezintweni eziseBhayibhelini?"
"yebo" kuvuma uMfundisi "Zikhona
izinto ezingekho ebhayibheleni esikholwa
yizo ngoba ziyimfundiso yebandla.

"Njenganinje?" Kubuza mina
"Njengokuthi Unkulunkulu uneziqu
ezintathu ngeke ukuthole eBhayibheleni

Kusho Umfundisi "lemfundiso ngeke

Wayithola ebhayibheleni ngisho ungalifunda
Kusuka ekuqaleni kuya ekugcineni
Kodwa njengamakholwa siyakholwa
Iyo ngoba iyimfundiso yebandla."
"pho nina niyithathaphi? "kubuzisisa
mina.
:Njengoba ngikutshelile kuyimfundiso
yebandla."

"Lona ibandla lakuthathaphi?"

"ukuthi ibandla lakutholaphi, sikholwa
yikho njengamakholwa, siyakwamukela
ngoba kuyimfundiso yebandla."
"ubuphukuphuku lobo" lamazwi
aziphumela ngingawacabanganga;
ngaphandla kokuxolisa ngaqhubeka
ngathi "okusho ukuthi wehlulwe
ungalwanga ngoba phela njengoba
ngilaphanje ngizokutshela ukuthi
Munye uMkhulukhulu, akanaziqu
Namixhantela, Unguye yena yedwa
Owadala izulu noMhlaba. Uma
Inkolo yakho ithi uMkhulukhulu uneziqu
Ezintathu uzokusekela ngani lokho,
Uzongigculisa ngaliphi?"

Angikholwa ukuthi ukhona uMfundisi noma uMbhishobhi owayezokwenza ngcono kuno Fata Doncabe; ngoba akukho Mpriste nambhishobhi ongase asikhombise eBhayibheleni laphò esho khona uJesu ukuthi Umkhulukhulu uneziqu ezintathu noma ungunxantathu.

Noma yimuphi Umfundisi Noma Umbhishobhi uyokutshela ngoPaul obizwa NgoMphostoli; okunguyena mbumbi Nomchumisi walenkolo kaNkulunkulu oneziqu okuyi nkolo yama Krestu anamuhla, okunguye okucashunwa kuye noma nini ezintshumayelweni nasezinkulumeni ngoba nguye ongumholi walelibandla lamaKrestu.

## WAYENGUBANI YENA UPAUL

Weyezalwa eTarsus eRoma, eyisakhamuzi sase Roma. Wayewazonda amakholwa ewabopha, ewabulala. Kwathi ngalanga lithile ehamba eya eDamascus wabona umbono owamenza ukuba aguquke. Kusukela kulowo mbono washumayela ngegama likaJesu (ukuthula makube kuye)

Kuyaphawuleka ukuthi uPaul emva kwalesigameko esenzeka waqala ukushumayela engazange ayoziveza kubaPhostoli bakaJesu eJerusalem ukuba afunde kubo, ngoba phela wayengazi lutho ngenkolo.

Uthi uPaul ebhalela ibandla lase Galatia

> "Ngiyaqinisa kini bazalwane ukuthi
> ivangeli engilishumayela kini kakusilo
> elomuntu ngoba angilitholanga kumuntu
> futhi angilifundiswanga, kodwa
> ngambulelwa lona nguJesu Kristu"

***(Galatians 1-12)***

Ukuba uPaul ubefundisa lokho okufundiswa ngaba Phostoli bakaJesu besizovuma sithi "yebo uPaul wembulelwe;" kepha izinto ezifundiswa nguPaul ziphambene nezintshumayelo zikaJesu.

Yikho lokuphambana kwezimfundiso okwadala ukwahlukana phakathi kukaPaul nabaPhostoli bakaJesu, ngoba kwathi uma bemsola ngezimfundiso zake waphikelela waxolela ukwahlukana nabo aziqhubele ngokwakhe ngoba ethi yena wambulelwa.

Ingxabano phakathi kukaPaul nabaPhostoli itholakala ezincwadini iziningi ezabhalwa nguPaul ezibhalela amabandla ahlukene –

Ebhalela abase Galatia uthi

> "Ngiyamangala ukuthi senigudlukile
> nashiya kangaka kulowo onibizele
> othandweni likaKristu namukela
> ELINYE IVANGELI; okungelona elinye
> ivangeli, kodwa kukhona abathize
> abanikhathazayo bezama ukunivimba
> evangelini likaKristu. Kepha uma umuntu
> noma ingelosi evela ezulwini
> eshumayela elinye ivangeli OKUNGESILO
> LELI ESILISHUMAYELA KINI, ningamlaleli."

Lenkulumo ikhombisa ngokusobala ukuthi uPaul ushumayela okwahlukile kulokho okushumayelwa ngabaPhostoli. Yikhonje ethi noma kungafika ingelosi ivela ezulwini ningalaleli uma ishumayela okwahlukile kulokhu engikushumayelayo.

Yiliphi kanti ivangeli elalishunyayelwa nguPaul? Yilo leli elishumayelwa namhla emasontweni onke lokuthi UJESU WAFELA IZONO ZOMHLABA WAVUKA NGOSUKU LWESITHATHU.

Kanti pho abaPhostoli bona babeshumayela liphi ivangeli?

AbaPhostoli babeshumayela ukuphenduka ezonweni nokukhonza uMkhulukhulu njengoba uJesu ayeshumayela.

Esikhathini sonke uJesu ehamba nabafundi bakhe ebafundisa, eshumayela, akazange asho nakanye ukuthi uMkhulukhulu ungunxantathu nokuthi yena uyingxenye yobuNkulunkulu. Lemfundiso yokuthi uMkhulukhulu uneziqu ezintathu yafika noPaul.

Yilemfundiso eyahlukanisa ibandla kwaba khona abalandela uPaul nabalandela imfundiso kaJesu nabafundi bakhe.

Angaze ezwakale uPaul ethi

> "Omunye uthi ngingokaPaul omunye
> uthi ngingoka Apollo."

***(Corinthians 3:4)***

Ufuna kulandelwe yena nezimfundiso zake uthi

> "Ngiyanincenga bazalwane, yibani
> ngabalandeli bami.
> Yikho lokhu ngithumela kini
> UTimotheus, oyindodana yami
> ethandekayo eyethembekile enkosini
> ukuba anikhumbuze izindlela zami
> kuKristu njengoba MINA NGIFUNDISA

EZINDAWENI ZONKE NASEMASONTWENI ONKE."
***(Corinthians 4:16 – 17)***

Lezimfundiso bekungezakhe yedwa.

Yilokho okwamenza ukuba angabe esahambelana nabaPhostoli ngoba abaPhostoli bephikisana nalezimfundiso.

UJesu uthi

"Lalelani maIsrael inkosi uMkhulukhulu
wethu INKOSI YINYE
wothanda inkosi uMkukukhuku wakho
ngenhliziyo yakho yonke ngangengqondo
yakho yonke nangamandla akho onke
***(Mark 12:29) (Math 22:36)***

Akasho uJesu ukuthi lobunye buka Mkhulukhulu bunomunye umbandela, kodwa uthi nje

**"INKOSI YINYE"**

Uzovuma nawe ukuthi lempicabadala kaNkulunkulu oneziqu ezintathu iyindida kunoma ubani ozama ukuyicabanga.

Ukuba yayikhona, uJesu kwakufanele ukuba ayichaze ukuze abantu bayazi.

Awuzwenje ukuthi uJesu uthini lapho amaJuda emangaliswa yizinto azishoyo

Uthi

"Inkolo yami kayisiyo eyami
Kodwa ngeyalowo ONGITHUMILE
***(John 7:16)***

Uma yena enguMkhulukhulu noma indodana kaMkhulukhulu usholani ukukthi "inkolo yami kayisiyo eyami." Ngoba phela yithuba elihle leli lokuba achaze ngokucacile ukuthi "inkolo yakhe ingeyakhe

njengoba eyingxenye yobuMkhulukhulu.

Uma lempicabadala yobuthathu bukaMkhulukhulu iyimfihlakalo kaMkhulukhulu pho uJesu akasho ngani ukuthi uMkhulukhulu uneziqu ezintathu, abesechaza ukuthi lesisimo siyimfihlakalo kaMkhulukhulu singeze saqondwa muntu? Yini sonke isikhathi agcizelele ukuthi yinye INKOSI angadluleli kwelithi ineziqu ezintathu?

> Uthi
> "Kepha uma ufuna umbuso wezulu
> Gcina imithetho
> Ungabulali, ungaphingi, ungebi
> Ungafakazi ngamanga ngomakhelwane
> wokho, yazisa uyihlo nonyoko,
> Thanda umakhelwane wakho njengoba
> Uzithanda

***(Matthew 19:17 – 19)***

Akasho uJesu ukuthi uma ufuna ukuthola ukuphila kwaphakade yamukela mina njengenkosi nomsindisi wakho.

Akasho futhi ukuthi uma usuyigcinile lemithetho kusafanele kube khona okunye ozokwenza.

Kepha lowo ayekhuluma naye wathi.

> "Yonke lemithetho selokhu
> ngayigcina kusukela ebunganeni
> bami. Kusekhona yini okusele?

UJesu wathi

> "Ukuze uphelele hamba uthengise
> ngakho konke onakho uphe
> abampofu, ngalokho uyoba
> nengcebo ezulwini."

***(Matthew 19:20 – 21)***

Kepha abalandela uPaul bathi ukuze ungene ezulwini kumele wamukele uJesu njengenkosi nomsindisi wakho."

Kwathi uma ngizwa insumansumane engangiyitshelwa yindoda yomlungu le engike ngakhuluma ngayo, insumansumane kaJesu namavangeli amabili ngayibuka lendoda ngimangele; ingqondo yami yafuna masinyane ebhayibheleni ukuthi ngabe lensumansumane iqhamukaphi ingqondo yami yamane yagxila kuPaul

Uma ufunda kuMatthew 28:18 – 20 ngeke uthi uJesu waletha elinye ivangeli.

Nakhu okulotshwa kulelivangeli "Ngokuka" Matthew

> "Ngakhoke hambani nishumayeze
> izizwe zonke, nizibhabhadise egameni
> likaYise neNdondana nelikaMoya
> ongcwele. Nibafundise ukuba
> bagcine konke enginiyale ngakho,
> Bhekani nginani njalo kuze kube
> Sekupheleni komhlaba.

***(Matthew 28:19 – 20)***

KuMatthew 10 ivesi lesihlanu sifunda ukuthi uJesu wabathuma abafundi bakhe waba yala wathi.

> "Ningahambi ngendlela yabezizwe,
> Nasemizini yama Samariya
> Ningangeni
> Kepha hambani niye ezimvini
> Ezedukile zendlu ka Israel
> Hambani nishumayele nithi
> Umbuso wezulu usufikile

***(Matthew 10:5 – 7)***

Okucaca ngokusobala ukuthi

1. KuMatthew 10:5 uJesu uyala abafundi bakhe ukuba bashumayeze AmaJuda kuphela

2. KuMatthew 28:19 – 20 UJesu uthuma bona labo bafundi ukuthi mabahambe umhlaba wonke bashumayele kodwa zimbili izinto ezisemqoka;eyokuqala ngeyokuthi maba fundise zonke izizwe 'UKUBA BAGCINE KONKE ENGINIYALE NGAKHO"

   Eyesibili yile yokuthi "NGINANI NGEZIKHATHI ZONKE KUZE KUBE SEKUPHELENI KOMHLABA"

Pho yiliphi ivangeli elisha noma lesibili?

Umyalezo okumele abaPhostoli bawedlulise ezizweni zonke yiwona lowomyalezo ababeyalwe ukuba bawunike AmaJuda.

Ukuba uJesu ubenelinye ivangeli labezizwe ubengeke ayale abafundi bakhe ngokuthi babafundise ukugcina konke abayale ngakho ubezobatshela ivangeli lelo okuthiwa ngelabezizwe.

Uyabonake ukuthi yini eyenza ingqondo yami igxile kuPaul ngenkathi ngilalele indoda yomlungu ingitshela ngevangeli labezizwe; ngoba phela ivangeli elehlukile evangelini lika Jesu ngelikaPaul okuyilona elishunyayelwa ezweni lonke kuwo onke amasonto nezingqungquthela zamaKrestu.

Izimfundiso zika Paul zibasusile abantu ekugcinweni kwemithetho ngoba uPaul wabafundisa abamlandelayo nabakholwa yimfundiso yakhe ukuthi umthetho wanqanyulezwa noJesu esiphambanweni. Yimfundiso yakhe ukuthi umthetho wawumiselwe ukuqondisa abantu ngaphambi kukaJesu; kodwa ngokufa nokuvuka kukaJesu asisekho isidingo sokugcinwa komthetho, "ngoba nonke ningabantwana bakaNkulunkulu ngokukholwa kuKristu uJesu."

***(Galarians 3:21 – 25)***

Lemfundiso iyaphikisana nemfundiso kaJesu. Owathi "angizile ukuzochitha imithetho nabaPhrofethi ***(Matthew 5:17)***

Echaza ngenkolo uJesu uthi:

> "Inkolo yami kakusiyo eyami kodwa

ngeyalowo ongithumile
Umuntu owenza intando yakhe
uyokwazi ukwahlukanisa ukuthi lenkolo ingeka
Mkhulukhulu
noma mina ngizikhulumela okwami.
Lowo ozikhulumela okwakhe uzifunela
udumo lwakhe, kodwa lowo ofunela
lowo omthumile udumo ungoneqiniso
akanakho ukukhohlisa

***(John 7:16 – 18)***

Ibhayibheli lisitshela ukuthi uJesu eshumayela entabeni lapho kwakubuthene khona izindimbane zabantu ababevela eGalilee, eDecapolis, eJerusalem, eJudea nangaphambi kwase Jordan washo lamazi wathi:

"Ningacabangi ukuthi ngizochitha
imithetho noma abaPhrofethi;
angizile ukuzochitha kodwa
ngizogcwalisa.:

***(Matthew 5.17)***

Ukubaluleka kokugcinwa kwemithetho kubonakala ngokuthi uJesu wakwenza kwaba umgomo ukugcinwa kwayo ngokuba anike isiqiniseko sokuthi ofuna ukubona umbuso wezulu kufanele agcine imithetho.

Kuzo zonke izintshumayelo zakhe, uJesu ukhombisa ngokusobala ukuthi yena uqobo lwakhe wethembele kuMkhulukhulu kuyo yonke into ayenzayo. Uyabayala abafundi bakhe uthi kubo "Uma ningithanda, gcinani imiyalo yami"

abuye athi

"akusibo bonke abathi kimi Nkosi, Nkosi
abayakubona umbuso wezulu, kodwa lowo
OWENZA INTANDO KABABA"

AbangamaKristu kuyaye kuthi uma ubabuza ngalezinto, bathi "UJesu wathabatha isimo sobuntu ngokuphelele, ngakho-ke njengomuntu wayenza intando kaMkhulukhulu omthumile wathobela yena kwaze kwaba sekufeni kwasonqamlezweni." ***(Bheka AbaseFiliphi 2:6)***

Ngithi mina kungeze kwaba yiqiniso lokhu ngoba uJesu wayeshumayela ngombuso kaMkhulukhulu, umbuso wasezulwini, ekhombisa abantu indlela yokufinyelela ezulwini. Ngakho-ke ukuba izulu lalibonwa ngokukholwa kuye kwakungeke kwenzeka ukuba angakuchazi lokhu ngoba phela bekungasho ukuthi labo ababambelele ezimfundisweni zake hhayi ezika Paul ngeke bawubone umbuso wezulu, besekuthi labo abalandela izimfundiso zikaPaul kunezikaJesu kube yibona abazobona umbuzo wezulu.

Ayikho indlela yokuba ubalandele bobabili uJesu noPaul; ngoba uma ulandela izimfundiso zika Jesu uyokhonza uMKhulukhulu OYEDWA ayeshumayela ngaye uJesu; uyogcina imithetho kaMoses njengokufundisa kukaJesu nabafundi bakhe.

Abafundi bakaJesu abaphila naye, behamba naye, bezwa izimfundiso zakhe, bebona izimangaliso ayezenza kabazange bamkhoze. Ngaso sonke isikhathi babethi kuye "Mfundisi."

Ake uzizwele abafundi bakaJesu bekhuluma ngaye. Lapha bakhuluma noJesu behamba naye endleleni bengaboni ukuthi nguye (Ngoba wayezifihlile)

Uthi uCleopas kuJesu ephendula umbuzo wakhe

> "Hhawu! Uyisihambi yini wena
> lapha eJerusalem ungazinje
> izehlakalo ezenzekile kulezinsuku?"

Wabuza uJesu wathi "zehlakalo zini? Basebethi kuye mayelana noJesu waseNazareth OBENGUMPHROFETHI OMKHULU

***(Luke 24:18 – 19)***

Lalela uPetro eshumayeza amaJuda

"Nina madoda akwaIsrael yizwani
lamazwi awakhuluma uJesu waseNazareth INDODA
EYAMUKELEKILE KUMKHULUKHULU ngezi/
mangaliso nezibokaliso AZENZA
UMKHULUKHULU NGAYE phambi kwenu

***IZENZO 2(22)***

Uyaphinda uPetro futhi

(ukuthi)

"Umkhulukhulu wamgcoba kanjani uJesu
wase Nazaretha ngomoya ongcwele
nangamandla; owahamba enza
izinto ezilungileyo ekhipha amadimoni
NGOBA UMKHULUKHULU WAYENAYE"

***(Izenzo 10:28)***

Kufanele uvume ukuthi kuzo zonke izincwadi zika Paul azibhalele amabandla ahlukene intshumayelo yakhe yinye.

"Ngokuba uma uKristu engavukanga
kwabafileyo ukushumayela kwethu kulize.

***(Corininthians 15:14)***

Emasontweni onke, emhlabeni wonke kumenyezwa igama likaJesu (uxolo malube kuye) akukho muntu ozihlupha ngokumemeza igama lalowo owamenyezwa nguJesu yonke imihla yokuhamba kwakhe; naphezu kokuba yena uqobo eyalile ngokudumisa uMkhulukhulu.

"Wothanda inkosi uMkhulukhulu wakho
ngenhliziyo yakho yonke, nangomphefumulo
wakho wonke nangengqondo yakho yonke
nangamandla akho onke——————"

***(Marko 12:30)***

Yikho lokuphambana ngenkolo okwehlukanisa uPaul nabafundi baka Jesu kwathi uma bemsola bemkhuza wabaduba wazihambela eyakhe indlela.

Uzokhumbula ukuthi uJesu engakahambi emhlabeni wamisa uPetro njengomholi nenhloko yebandla. Ehamba uJesu wabashiya abafundi bakhe eJerusalem okuyilapho kwaba yisizinda sebandla. UPetro nezinye izikhulu zebandla babehlala khona eJerusalem njengendawo eyisizinda sebandla.

> Kuthe ukuba kubekhona ukuphikisana phakathi kukaPaul no Barnabas ngalendaba (yokusoka) kwasekunqunywa ukuthi uPaul noBarnabas kanye nabanye kubo BAKHUPHUKE BAYE EJERUSALEM KUBAPHOSTOLI NEZIKHULU ZEBANDLA ngalendaba." ***(Izenzo 15:2)***

IJerusalem iyona ndawo ababesuka kuyo ababethunywa ukuyoshumayela izwi likaMKhulukhulu ezindaweni ezahlukene.

Kuthe emva kwengxabano phakathi kukaPaul nobaPhostoli, uPaul wabuyela kwelakubo eRoma lapho wafika wakha khona isizinda sebandla lakhe ayelisungula; ibandla elikhonza uJesu (ukuthula kube kuye)

Ngalenkathi-ke ibandla lahlukana phakathi; kwaba khona abalandela imfundiso kaPaul nabalandela imfundiso kaJesu eyashunyayelwa ngabaPhostoli.

UPaul wagcoba abaBhishobhi nabeFundisi wabachitha ezweni ukuba baphikisane nemfundiso yaba Phostoli.

Uma ufunda izincwadi ezazibhalwa nguPaul ezibhalela amabandla ezindaweni ezehlukene uyaluzwa ulaka nentukuthelo eyala abakholwayo ukuba balandele yena nezimfundiso zake.

> "Ngokuba noma ningaba nabafundisi
> abayizinkulungwane ezilishumi kuKristu
> kaninabo oyihlo abaningi, ngokuba
> kuJesu Kristu yimina onizele nevangeli
> ngakho-kė ngiyanincenga
> YIBANI NGABALANDELI BAMI
>
> ***(Corinthians 4:15 – 16)***

"Ngokuba uma kufika umuntu
eshumayela OMUNYE UJESU
esingamshumayelanga; noma
namukela omunye umoya eninga-
wamukelanga (kithi) noma elinye
ivangeli eningalamukelanga (kithi)"———"

*(2 Corinthians 11:4)*

"Ngiyamangala ukuthi nihlubuke
masinya kangaka kulowo owanibizela
emseni kaKristu NIYE
KWELINYE IVANGELI;
elingesilo elinye, kodwa kukhona
abanididayo bethanda ukuphendu-
kezela ivangeli likaKrıstu"

*(Galatians 1:6)*

Yimuphi OMUNYE UJESU?

Yiliphi ELINYE IVANGELI?

Yibaphi bona labo abazoshumayela

OMUNYE UJESU NELINYE IVANGELI?

Uma kungesibo abaPhostoli?

Ngiyabuza – ke mina ngithi uma uPaul lo wayethunywe nguJesu

YINI ASHUMAYELE okwehlukile kulokho okwashunyayelwa nguJesu, okushunyayelwa ngabaPhostoli ?

Yini axabane nabaPhostoli bakaJesu abashumayela imfundiso kaJesu?

Njengoba uJesu wayeshiye uPetro njengenhloko nomholi, uma uJesu wayesefuna kushunyayelwe elinye ivangeli elehlukile kuleli alishumayela kubafundi bakhe, yini angayi kuPetro amtshele ukuthi useyaliguqula ivangeli;

YINI IVANGELI ELISHA LIFIKE NESITHA SEBANDLA esithi

sesiphendukile?

Zifundele wena incwadi kaPaul abaseGalatia kusukela esifundweni sokuqala kuya kwesesithathu ugcine evesini lama 26 lesifundo sesithathu uzizwele.

**IMFUNDISO YEBANDLA**

Uzobuza wena uthi uma uPaul wayengakhulumi lona iqiniso pho kwenziwa yini ukuba kuchume izintshumayelo zakhe kuthi ezawo Petro noBarnabas nabanye abaPhostoli ziphele Na?

Uma ufunda umlando uzothola ukuthi emva kokwahlukana kukaPaul nabafundi bakaJesu; isizinda sebandla sasilokhu simile eJerusalem, lapho uPetro nezikhulu zebandla babehlala khona. Abaphostoli babesakazeke lonke izwe beshumayela ngombuso kaMkhulukhulu njengokuthunywa kwabo.

UPaul owabe eyisakhamuzi saseRoma wabashiya abaPhostoli eJerusalem wayokwakha esakhe isizinda eRome.

Waba ngumholi wokuqala ozinze kwelase Rome lapho wayekhipha khona izithunywa zake (Abafundisi nabaBhishobhi) ukuba basabalalise imfundiso yakhe ezweni lonke.

Kwaba khona amaqembu amabili; lamaqembu ethi alandela imfundiso kaJesu.

Elokuqala iqembu kwakuyilelo elali holwa nguPetro eJerusalem, elesibili kuyilelo elaliholwa nguPaul eRoma.

Kwaphela amakhulu amabili nengxenye yeminyaka ibandla lehlukene kabili: baze bafa bonke abaPhostoli, naye uPaul waze wafa ibandla lehlukene kabili, kwasala nxazombili abalandeli nabaphathi abathatha izikhundla ngokufa kwabaphathi.

Kwathi ngonyaka ka 325 AD inkosi eyayingumbusi waseYurophu

uConstatine, wahlanganisa lamaqembu amabili embizweni enkulu eyayise Nisia. Iqembu elalilandela imfundiso kaPaul laliholwa nguMbhishobhi omkhulu uAthanasius kuthi leli elinye iqembu liholwa nguMbhishobhi uAries.

Emva kwezinkulumo nezimpikiswano ezenziwa lapho, inkosi uConstatine wagcina ngokusekela iqembu elaliholwa ngu Athanasius; inkosi yashaya umthetho yathi

"kusukela namhlanje inkolo yebandla ngeyokuthi uMkhulukhulu uneziqu ezintathu."

Wanquma ukuba kushiswe onke amabhayibheli ayesetshenziswa yiqembu lika Aries kanye nokuthi wonke umuntu ophikisana nalenkolo kumele abulawe.

Kuzwakala ukuthi ashiswa onke amabhayibheli nezincwadi ezazikhuluma ngokukhonza uMkhulukhulu oyedwa kwasala lilibhayibheli elisetshenziswa namuhla.

Baningi ababulawa ngaleyonkathi naye uMbishobhi uAries wasinda ngokubaleka.

Isisekelo salenkolo-ke kaMkhulukhulu oneziqu ezintathu kwaba yizwi lenkosi uConstatine ngonyaka ka 325 AD. Yikhonje, kuze kube namhlanje uma ufuna isisekelo salenkolo kubafundisi nabaBhishobhi bakutshela ukuthi

"Lokhu kuyimfundiso yebandla"

Uma uphenyisisa ufuna ukwazi ukuthi yinto eyenzeka kanjani yona leyo ukuba

> Uyise nendodana kuthiwe bebevele
> bekhona kusukela ekuqaleni, akekho
> owaba khona ngaphambi komunye
> kepha omunye uyindodana, yize bebekhona
> kusukela ekuqaleni.

Kuthiwe "lokho kuyimfihlo kaMkhulukhulu."

UMbhishobhi waseMaromeni owayeyisifundiswa esikhulu ubhala kanje encwadini yakhe ekhuluma ngobuthathu bukaMkhulukhulu, uthi:

"Zonke izincwadi engizifundile ezibhalwe ngababhali bamaKhatholika ababhala ngaphambi kwami ngobuthathu obungu Mkhulukhulu baqonde ukufundisa ngokwenkolo lemfundiso yokuthi uyise nendodana nomoya ongcwele bayinto eyodwa banokulingana okufanayo; ngakho-ke kabasibo oMkhulukhulu abathathu kodwa banguMkhulukhulu oyedwa.

Nakuba eyizalile indodana ngakho lowo onguyise akasiyo indodana; nendodana izelwe nguyise ngakho-ke lowo oyindodana akasiye uyise, nomoya ongcwele kawusiye uyise noma indodana kepha ungumoya kayise nendodana, naye futhi elingana noyise nendodana behlangana benze ubuthathu, kepha kakusibo lobuthathu abazalwa yintombi uMariya banqanyulezwa kubusa uPontius Pilato, bangcwatshwa, bavuka ngosuku lwesithathu, benyukela ezulwini, kepha yindodana kuphela (okwenzeka kuyo lezinto); ubuthathu futhi kakusibo obehlela phezu kuka Jesu ngesimo sejuba ngamhla ebhabhadiswa.

Nalokho okwehla ngePente cost emva kokwenyuka kuka Jesu, lapho kwezwakala umsindo uvela ezulwini kungathi umoya; wona lowo moya wehla phezu kwabo njengezilimi zomlilo, Kepha futhi akusibo uthathu obathi "Lo uyindodana yami"

Ngenkathi ebhabhadiswa nguJohane noma ngenkathi enabafundi abathathu entabeni noma ngenkathi kuzwakala izwi lithi "ngikuphakamisile ngiyokuphakamisa futhi kodwa kwakulizwi likayise kuphela ekhuluma endodaneni.

Njengoba uyise nendodana nomoya ongcwele bengahlukaniseki; basebenza ngokungahlukaniseki. Lokhu kuyinkolo yami ngoba kuyinkolo yebandla elikhatholika.

(ihunyushwe yimi) ***(Augustine Vol. 2 P672)***

Ungangibuzi lutho ngalento okade uyifunda; uma ungayizwa ufana nami; nami ngifana nawe ngimswele ozongichazela. Uyabona ukuthi ngisho nom' [illegible]ali wayo uqobo ugcina ngokuvuma ukuthi nakuba engayizwa lento, uyakholwa yiyo ngoba iyinkolo yebandla lakhe.

Yilento ke engayenqaba mina, ukuba ngibambelele ezeni phezu kokuba sengibonile ukuthi kayikho lento.

Konke lokhu engibhale ngakho kulelibhukwana ngakuthola ekucwaningeni kwami ngifuna iqiniso lenkolo. Kwangithatha iminyaka emithathu ngifunda, ngicubungula; ekupheleni kweminyaka emithathu inkosi yaba nomusa kimi yangivezela ukukhanya, ngalibona iqiniso lenkolo. Ngaphandle kokukhanyiselwa yinkosi noma ungafunda imiqingo yamabhuku uyolokhu ubambelele ezeni ngoba uyobe ungakhanyiselwanga ukuze ulibone iqiniso.

Ngisho noJesu wayekhuluma ngezilinganiso ngoba ezama ukuba abantu bayizwe into aqonde ukuyisho,uthi:

> "Ngikhuluma kubo ngezilinganiso
> ngoba nakuba bebona kodwa
> kababoni, bezwa kodwa kabezwa
> futhi kabaqondi."

Ngisho noJesu wayekhuluma ngezilinganiso ngoba ezama ukuba abantu bayizwe into aqonde ukuyisho,

Thina Ma Muslim siyakholwa kuJesu (ukuthula kube kuye) nasezimfundisweni zakhe zonke kodwa siyaphikisana nezinto ezishiwoyo eziyimibono yabantu asebaguqula izwi likaMkhulukhulu elashunyayelwa yisikhonzi sakhe uJesu (ukuthula kube kuye) ukuze kufezeke izinjongo zabo.

UJesu (ukuthula kube kuye) njengabo bonke abaProfethe abangaphambi kwakhe waletha umyalezo owodwa lomyalezo awukaze uguquke uyefana, akukho sizwe esinomyalezo owehlukile ngoba izizwe zonke zidalwe yilowoMkhulukhulu oyedwa okunguye

yedwa ofanelwe udumo lonke.

## INKOSI UMKHULUKHULU UNGUYE YEDWA

## IZWI LENKOSI YAKHE

Ababhali abaningi asebabhala ngoPaul kuhlangana nababhali abangamaKristu bavumelana ngombono wokuthi umsunguli webandla lamaKristu nguPaul. Lokhu kufakazelwa yimibandela engiyibeke lapha kulencwadi ekhombisa ngokusobala ukuthi izimfundiso zika Paul akusizo lezo ezafundiswa nguJesu nabafundi bakhe.

Uma umuntu ebheka ukwahlukana kwemfundiso kaPaul nekaJesu; ebheka ukungezwani kuka Paul nabaPhostoli kusala umbuzo engqondweni wokuthi yizwi likabani leli elazwiwa nguPaul esendleleni eya eDamaseku? Uthi yena kwakuyizwi likaJesu

Ngempela kwakuyilo?

Yibuphi ubufakazi obukhomba ukuthi kwakuyizwi lika Jesu?

Sizokholwa kanjani ?

Angikholwa, ngingenasizathu futhi sokukholwa ukuthi emva kokwenyuka kukaJesu, Umkhulukhulu sewake wamvumela ukuba abuyele emhlabeni nokuthi izwi lakhe selake lezwiwa nguPaul nanoma ngomunye umuntu. Ngikholwa ukuthi isikhathi ayophinda abuye ngaso kulomhlaba kuyoba yisikhathi ayobuya ngaso ngaphambi kokubhubha komhlaba njengoba ekholwa amaKrestu kanye namaMuslim ukuthi uyobuya.

Uma likhona izwi elezwiwa nguPaul noma lelozwi laphatha igama likaJesu ngiyekele kuwe ukuba uzicabangele ukuthi kwakungaba ngelikabani. Uma umuntu othile ememeza emnyameni ezibiza ngegama lakho kungeke kwasho ukuthi ngoba lowomuntu uzibize ngegama lakho bese kuba nguwe obekhuluma.

## UBHAQA

Ngiyibhaleleni lencwadi okuthiwa UBHAQA?

Yini engizuyithola ngokubhala lencwadi?

Baningi abazozibuza lombuzo ngoba phela kulomhlaba siphilela inzuzo; yonke into esiyenzayo kumele ibe nenzuzo.

Eminyakeni engamashumi ayisithupha nanhlanu ngabambelela enkolweni engafakwa kuyo ngabazali bami nabo ababeyithathe kubazali babo.

Abazali bami babengabantu abaphansi inkolo yabo imsulwa. Njengezigidi zabantu emhlabeni babekholwa kuMkhulukhulu oziqu zintathu ngaphandle kokungabaza, nangaphandlenje kokubona ukuthi inkolo yabo ayinasisekelo.

Kwathi uma inkosi ivula amehlo ami kwafana nokuphaphama ebuthongweni.

Ngazizwa sengathi ngisezweni elisha ngafana nesifiki ezintweni ebengizenjwayele; ngafikelwa ukuzidabukela izigidi zabantu ababambelele kulenkolo ngoba kuyinkolo abayithola kubazali babo bekholwa ngoba batshelwa ukuthi kabakholwe yilokho okushiwoyo.

Abantu abangaboni sizathu sokuyisola inkolo yabazali babo. Abantu abalalela kuphela lokho abatshelwa ngabefundisi babo ngamasonto;

Abaneliswa ukuthi uma beyile esontweni bawufezile umsebenzi wabo njengamakholwa. Nalabo abanemibuzwana ezingqondweni basheshe bayizibe leyomibuzwana ngoba bengenasizathu sokusola inkolo; ngoba lowo onemibuzwana usheshe abizwe ngomhedeni.

Iningi labantu kodwa kalazi nokuthi likholwa yini; Bazibiza ngamakholwa nje ngoba kufanele babe ngamakholwa; abanye baya emasontweni ngokwesaba ihlazo lokungabi namfundisi oyobangcwaba; Amadoda imvama akazikhathazi ngoba uma Umfazi nezingane besonta indoda iyongcwatsha njengekholwa; uma – nje imali yamathikithi ibikhokhwa, bayongcwatshwa njemakholwa

kubatshazwe ukulunga kwabo.

Ubani onendaba nezwe elizayo!?

Uma kuphela sijabula kwanele Happy Christmas——— Happy New Year——-

Happy Father's day —————— Happy Mother's day ——————happy Valentine's day ———

Happy lokhuya Nalokhuya; iminyaka iyahamba silibele yizinjabulo kuze kufike lolosuku mhla kuyophela konke ukujabula sesithule okokuphela.

Ngiyaye ngilalele abazelwe kabusha (abasindisiwe) uma befakaza, belanda ngemikhuba yabo ababeyenza kwaze kwafika ukusindiswa kwabakhipha kuleyomikhuba yabo.

Ngiyaye ngizwe abesilisa nabesifazane bemeweza esidlangalaleni besho ukuthi babengamasela, beyiziphingi, bebulala benza lokhuya nalokhuya baze bathola ukusindiswa ngowamukela uJesu njengenkosi nomsindisi wabo.

Minake kanye namanye amakholwa angakafiki kulelozinga lensindiso kasikushayi mkhuba lokhu, ngoba kubukeka sengathi ukuze umuntu asindiswe kumele aqale abe yisonakali, agile yonke imikhuba besekufika usuku azoyeka ngalo ukonakala besekuthiwa ke Usindisiwe ngoba useyeke imikhuba yokonakala.

Mhlawumbe labantu banesizathu sokuzizwa besindisiwe ngokuyeka ukonakala ukuba baphile impilo efaneleyo.

Ayike ukuzizwa kwami sengathi ngisezweni elisha ungacabanga ukuthi kwakufana nokuzizwa ngisindisiwe; akukho zono okwamela ukuba ngiziyeke ngoba phela njengomuntu wonke ngangiyisoni phambi kukaMkhulukhulu kodwa akukho zono engangibona ukuthi kufanele ngisindiswe kuzo ngaphandle kokuthi ngaqabuka sengathi ngiphaphama ebuthongweni ukuthola iqiniso ngoMkhulukhulu engifanele ukumkhonza.

Ngathola into entsha empilweni yami eyaguqula indlela engicabanga ngayo nengenza ngayo; ngazithola ngokokuqala ngiyazi into engiyiphilelayo nesibopho sami kuMdali nakubantu. Izinto ezaziyigugu zaphenduka ize, nentokozo leyo yokuzikhohlisa yafana nomunwe oqhwebela umuntu esihogweni.

Ngokokuqala ngayibona into okufanele ngiyenze ezinsukwini ezingisalele emhlabeni ukuze ngithole intokozo yeqiniso insha – Allah.

Ngabheka iminyaka yami emosakele ngafikelwa yisifiso sokuba ngibhale ngazise abantu abafana nami abafisa ukukhonza uMdali wamazulu Nomhlaba.

Abantu abalifunayo iqiniso abayolemukela uma belithola noma ukulemukela kwabo kungaba nomphumela onjani.

Abantu abakholwa yimpilo emva kokufa nesifiso sokuthola ukuthokoza kweqiniso emva kokufa insha – Allah, kodwa okusemqoka kakhulu abantu abanesibindi sokuguqula impilo yabo noma izwe lingathini. Izinto ezishiwo ngabantu yizo ezibusa impilo yethu yemihla ngemihla.

Abantu abaningi bahlukumezeka buthule ngezindlela eziningi ngenxa yokwesaba abantu, abanye sebalahlekelwa ngokuningi; abanye bangase balahlekelwe yintokozo yakwelizayo ngokwesaba abantu, kepha yinye indlela yokuthola ukuphila kwaphakade; leyo ngeyokuzenqabela izintokozo eziyize kulelizwe uthathe ngokuphele indlela entsha lapho into yokuqala kuba ukuthokozisa uSimakade.

Ayinakuba khona enye indlela ngoba kasidalelwanga ukuziphilela kodwa ekuphileni kwethu senza sengathi uMkhulukhulu wasidalela ukuba sizithokozise ngezinto zomhlaba:

UJesu wayekhuluma ngaleyonto mhla ethi

> "Kuyomsiza ngani umuntu ukuba
> azuze wonke umhlaba kodwa alahlekelwe
> ngumphefumlo wakhe na ?"

***(Mark 8:36 – 37)***

Isizathu asidalela sona uMkhulukhulu siyasikhohlwa siphuthume ukwanelisa izidingo zethu ezingapheli ibe iqhubeka iminyaka, kuze kufike lolosuku esiyomiswa ngalo okokuphela sigcine sesiyinkumbulo kuphela ———— yileso sikhathike esiyokwazi ngaso iqiniso ————kodwa kobe kungasasizi lutho.

## ISIPHETO

Lencwadi ngiyibhale ngokuzithoba okukhulu ku- Allah Subhana hu wata ' aala othe ngomusa wakhe wangiphakamisa wangikhipha obishini lokukholwa yize nokuguqa ezithombeni wangenza ukuba ngisazi isibopho sami kuye nasezidalweni zakhe; nasekukholweni kuye okunguye yedwa owadala amazulu nomhlaba okunguye yedwa oyokwahlulela Umphefumlo wami.

Anginakwenza okunye ngaphandle kokwazisa labo abayofunda lencwadi lokho engangingakwazi ngisengumKristu mayelana, ngobunye bukaMkhulukhulu uSomandla. Ngingazi ukuthi okhonza UMkhulukhulu ngeqiniso yilowo okhonza UMkhulukhulu OYEDWA nokuthi UMkhulukhulu kanamixhantela, kasiye unxantathu.

Akusiwo umsebenzi wami ukwenza abantu bakholwe; anginakubenza futhi ukuba bayibone into engiyishoyo. Okwami kuphela ukuba ngenze okusemandleni ami (njengoba ngenzile) ukudalula lenkohliso kanxantathu, ngikhombise ngokungangabazi ukuthi.

1. Akekho ofanele ukukhonzwa nokudunyiswa ngaphandle kuka Allah onguMkhulukhulu wendalo yonke. Nokuthi
2. UMuhammad (ukuthula kube kuye) uyisithunywa sokugcina sika Allah.

Iningi labantu ezweni lakithi iSouth Afika bacabanga ukuthi u- Allah nguNkulunkulu wama Ndiya ngesizathu sokuthi ama Muslim okuqala e South Afrika kwakungama Ndiya afika emakhulwini

amathathu eminyaka aziwa ngokuthi akhonza u – Allah.

Kulabo abanalowo mqondo ngithanda ukuba bazi ukuthi u Allah yigama uSimakade azibiza ngalo encwadini engcwele iKuran.

U-Allah yigama lika Simakade uMvelinqangi onguMdali wamazulu nomhlaba.

Saziswa ukuthi u- Allah ungubani evesini elibizwa ngeSurah Ikhlas kanje

> **Qul huwalla hu Ahad**
> *Yithi u – Allah uyedwa*
> **Allahus samad**
> *U – Allah ungozimele ngokwakhe*
> **Lam yalid walam yoolad**
> *Kazali yena futhi kazalwanga*
> **Walam ya kulluhu kufuwan Ahad**
> *Akukho lutho olungafaniswa naye.*

U- Allah Nguye Yedwa onguMkhulukhulu akekho omunye ngaphandle kwakhe.

Nguye owathi kuMoses "ngiyobavusela Umprofethi ofana nawe.

> Phakathi kwababafowabo,
> Ngiyofaka amazi ami emlonyeni wakhe. Uyokhuluma
> Kubo lokho engiyokumyala ngakho.

U – Allah Ta "aala unika isexwayiso esinzima evesini elilandelayo lapho ethi

> "Kuyawukuthi lowo ongayikuwalalela
> amazwi ami ayakuwakhuluma ngegama
> lami, ngiyakumjezisa.

***(Deutoronomy 18:19)***

Kulencwadi ngiveza ngokusobala nangendlela egculisayo (ngokubuka kwami) ukuthi UMuhammad (ukuthula kube kuye) uyilowo Mprofethi; sekusele kumfundi walencwadi ukuthi uma

kusekhona okungamgculisi azifundele azenzele olwakhe uphando ngoba phela kukuye umfundi ukuthi azigculise.

Angiyidayisi mina inkolo ye – Islama futhi akukho lutho engiyoluzuza ngabantu abayoba ngama Muslim ngenxa yokuthola ulwazi kuphela udumo luka Simakade u – Allah – ta 'aala, Ngizicelela kuye ukuba kumthokozise ukwamukela izimizamo yami engelutho.

Uma kukhona incazelo ofisa ukuyithola bhala uthi:

**ISLAMIC PROPAGATION CENTRE INTERNATIONAL**
Phone: (027-31) 3060026 / 7, Fax: (027-31) 304 0326
Website: www.ahmed-deedat.co.za, e-mail: ipcisa@yebo.co.za
4th FLOOR, 124 QUEEN STREET, DURBAN - 4001 R.S.A. P.O. BOX 2439, DURBAN - 4000, RSA

## MESSAGE TO OUR PARTNERS IN DAWAH

It is only through the concern and assistance of Muslims, like your goodself that we are able to continue with our work. It is in this light we call upon you to become a HELPER OF ALLAH. If you wish to assist or be a recipient of this humble effort, please do not hesitate to contact the Centre. The work of Dawah requires constant resources to maintain current projects as well as at the same time expand the work of Dawah. We welcome all forms of assistance, be it cash or kind.

"ONE WHO DOES THE WORK OF A PROPHET SHALL EARN THE REWARD OF A PROPHET"

Please take note of our banking details. Please fax copy of deposit slip to Fax Number:- 027 313040326. Upon receipt of same we will immediately issue an official receipt.

| | | |
|---|---|---|
| BANK | : | NEDBANK |
| ACCOUNT NO | : | 1284 020916 |
| BENEFICIARY | : | ISLAMIC PROPAGATION CENTRE INTERNATIONAL |
| BRANCH. | : | BUSINESS CENTRAL - JOHANNESBURG |
| CODE | : | 128405 |
| SWIFT CODE | : | NEDSZAJJ |

Alternatively you can post your contribution by REGISTERED MAIL to IPCI / P.O. Box 2439 / Durban / 4000 / South Africa.

*Was-salaam*

**ISLAMIC PROPAGATION CENTRE INTERNATIONAL**

Ipci-circling The Globe With The Message Of Islam

FOUNDER: SHEIK AHMED DEEDAT

Invite (ALL) to the way of thy Lord with Wesdom and Beautiful Preaching, and reason with them in ways that are best and Most gracious

(Al Quraan 16:125)

